

IMIBUZO NEZIMPENDULO



Asibe silokhu simile umzuzwana nje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu senzele umkhuleko.

Baba Nkulunkulu onomusa, siyaKubonga kulokhu ukusa ngokuvela ezinjulweni zenhliziyu yethu, ngoba Unamandla futhi uyavuma ukuphendula imikhuleko yethu. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzokwemukela ukubonga kwethu ngalokho Osuvele usenzele khona. Silinde ngamathemba amakhulu ukuba Wena usisize kulokhu ukusa, futhi uma sisuka emasangweni alezi isakhiwo, kwangathi singaphuma lapha singumuntu ohlukile kunalokho ebesiyo ngenkathi singena. Kwangathi uMoya oNgcwele ungasibumba kulokhu ukusa, izimilo zethu, futhi usenze sibe yizikhonzi zoMbuso waKho ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen. (Ningahlala phansi.)

² Ngiyaxolisa nje ukuba leyithi kancanyana nje, kodwa benginezinto ezimbadlwana ukuba ngizenze, nenqwaba yabantu abagulayo nezingxoxiswano ngaphambi kokuba ngingene e—endlini cishe impela.

³ Futhi ngakho, siyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa nokunibona nonke nina bantu abakahle. Futhi ngifuna ukubonga lokho—labobafo abasithumelele lezozinto ezinhle, isipho sikankosikazi nango—ne—umfowethu ongithumelele isibhamu sakhe sezinyamazane amadiye. INkosi imbusele. Use . . . uthe usegugile futhi angethanda ukuphinde asisebenzise, futhi wayefuna ngibe naso; ngakho ngi—ngibonga ngempela kulokho—ngalokho. Inqobo nje uma ngisaphila, mfowethu, uma nje ngingazisiza, ngizoba naso. Angisoze ngasifaka esandleni sami ngingacabanganga ngawe futhi ngikukhulekele.

⁴ Manje, si . . . Ziningi kakhulu izinto ezifanele zenziwe namhlanje, ngicabange ukuthi mhlawumbe ngenkathi ngiselapha ngiyoba neminye imibuzo futhi ngithole ukuthi yini ebisenhliziyweni yebandla lami—abehlukene. Ngikwenze ngempela! Ngithole imibuzo eyenele ukuba ingicine kuze kuqale isikhathi seminyaka eyiNkulungwane! Bengingazi ukuthi ibeminingi kakhulu ebingatholakala. Ngi—ngineminye eyikhulu phakathi lapha, futhi kukhona ikhulu noma ngaphezulu engena kulokhu ukusa. Ngakho angisoze ngakwazi ukuyiphendula, ngiqagele, ngokufanele, ngoba . . . Futhi iyi—iyimbuzo emihle, emihle ngempela.

⁵ Manje, eminye yayo ibingenakufundwa izwiwe khona emphakathini, ngakho niyazi, ngibabuzile . . . Uma kuyilowo engingenakuwubeka ngijikeleze ngenye indlela . . . Yizinkinga zomndeni ne . . . Niyaqonda. Futhi ngi—ngicele ukuba ngibe nabo bobabili umyeni nonkosikazi engxoxiswaneni yangasese,

ukuze ngixoxe nabo ngasese ngalezizindaba. Akusizo izinto ezimbi; yizinto ezifanele zixazululwe emndenini, kuyimvelo yomuntu nje nesintu ukuthi si. . . isikhathi esisiphilayo nokunye nokunye esiletha lezizinto ngakho, futhi ziyizinkinga eya emndenini wabantu; futhi zifanele ziphendulwe. Futhi ngakho, ngizokwenza konke engingakwenza ukuyiphendula ngendlela edlula zonke.

⁶ Ngezinye izikhathi ekuphenduleni imibuzo, kuthi ukuthatha isikhathi eside; futhi angifuni ukugeja namunye wayo. Ngizoyithola yonke ngokukhulu nje ukusondela engingakwenza. Manje, ivele nje—nginayo nje iphushelwe esikhwameni esikhulu lapha, ngiyiphendule, bese—bese ngibeka phansi umBhalo uma ngizodingeka ngibe nawo, bese—bese ngiwubeka emuva. Futhi-ke benginosuku lonke izolo, nengxeny enkulu yobusuku izolo ebusuku, futhi selokhu kusukele lapho kancane emva kwemini kulokhu ukusa. . . Futhi ngithole cishe ephindwe kabili eminye futhi engenayo kulokhu ukusa. Ngakho, ngicabanga ukuthi esizokwenza, iNkosi ithanda, ngizoyiphendula njalo kuze—kube yilapho engingafinyelela khona kuze kube lapha phakathi nemini, bese-ke siyaphuma, bese-ke ngibuya futhi ngalokhu ukuhlwa bese—bese ngizama ukuqeda eminingi ngangaleyo engingayiqeda kulobubusuku, futhi ngibone ukuthi ngingathola—ukuyiqeda nya. Futhi mhlawumbe angeke ngidingeke ukuba nginijezise kade kangako ekuhlanganeni komhlango owodwa omkhulu omude. Futhi ngicabanga ukuthi kuzoninika isikhathi ukuba niphume, futhi niphumule, futhi nithi ukululama kancane, nithathe isihlwathi noma enye into, bese nibuya uma ningakwenza. Uma ningenakukwenza, ngani, uMfowethu Fred Sothmann, ngikholwa ukuthi, uyakuteyipa lokhu. Ngabe kuyateyishwa na? Kulungile, lokho kuhle. Ya, basegumbini bayakuteyipu, na—naleteyipu ingahle—uma kulungile—ningaba nayo iteyipu; ingagcinwa bese ibizwa ngokuthi *Imibuzo NeZimpendulo*, ngoba kuneminye imibuzo el'khuni ngempela phakathi lapha nento ethize. . . Eminingi yayo isezimfundisweni zebandla.

⁷ Manje, ngithanda ukuba abantu bazi ukuthi ngezinye izikhathi ekuphenduleni lemibuzo, kul'khuni. Kuthatha inqwaba yomusa ukuma lapha, uma nilwazi uthando enginalo ngani bantu. Ngingeluzwakalise. Angiluzwakalisi ngisho nakubantwana bami; angizwakalisi ngisho nothando lwami—lwami olujulile lomkami njengoba ngifanele, ngoba ngi—ngingonobuphakuphaku, futhi nje ngibe ngilokhu ngiqhubeka ngingena umugqa owodwa oqondile. Yinye kuphela into engingezwakalisa lonke uthando lwami kuyo: lowo nguNkulunkulu uSomandla. Futhi ngi—ngithanda Yena kuqala nje. Abanye abantu ngiyabathanda, kodwa a—angifuni ukuthola—angifuni ukulona lolothando enginalo ngaYe; lolu makube yilo kuqala. Ngakho ngakho-ke, uma ngiphendula

imibuzo yenu, ngiwuphendula ngothando enhliziyweni yami kini; kodwa into eyodwa ephambi kwami ngaso sonke isikhathi: lowo nguJesu Kristu (niyabo?), ngendlela Azowuphendula ngayo.

⁸ Ngezinye izikhathi ngingahle ngidingeke ngiphendule... Kungahle kulimaze, kungahle kuhwaye, futhi a—angikuqondile ukuba kube ngaleyondlela. Ngiwuphendula ngenhloso eyodwa, njengoba ngishilo, uKristu ephambi kwami. Futhi ngifanele ngikhumbule ukuthi nguYe engi... Ngifanele ngiphendule ngakho. Ngakho uthando lwami lokuqala lukuYe; uthando lwami lwesibili lukini bantu, futhi ngakho ngi... iBandla laKhe alithenge ngeGazi laKhe uqobo. Futhi Unithanda ngempela ngaphezu kokuba Wayezithanda Yena, ngoba Wazinikela Yena ngani. Ningukuthengwa ngeGazi laKhe, futhi ngi—ngiwuphatha nje ngokukhulu ukucophelela nobuqotho engaziyo ukuthi kanjani. Kodwa-ke, ekukwenzeni ngesinye isikhathi niyacabanga, “Lokho bekungukuphawula okul’hlaza e... cishe... Kubuthuntu kakhulu futhi kusobala.” Ngikwenza nginaYe emqondweni wami (niyabo?) ukuzama ukwenza—ukuthi bonke abanye—wonke umuntu ubona nje ukuthi kufanele kube ngalendlela. Akusiyo noma—noma yini elimazayo noma akungaphezu nje kokuqinisekisa nje ukuthi abantu bayakuthola, futhi ngithemba ukuthi wonke umuntu ukwemukela ngaleyondlela. Futhi manje, phakathi lapha siyathola ukuthi yini esemiqondweni yethu.

⁹ Futhi njengoba nginibona nonke nibuthene kulokhu ukusa nayo yonke into igcwele phama macala onke, futhi ngiqagele sinesixuku esichichimayo e—kwelinye ibandla. Ibandla elikanye naleli licoshe u—umsakazo noma olunye uhlobo lokuxhumana ngo—ngothelefoni. Lokho yi... Ukuchichima kukulelobandla kulokhu ukusa, ngiyaqonda. Mfowethu... Noma omunye umfowethu une—nebandla elinokuchichima okuthunyelwa kuvela lapha kuya kulelobandla. Lokho kungokokuthi ukuze ningami phezu kwezinyawo zabanye nezinto ezizungeze izindonga.

¹⁰ Manje kulobubusuku, iNkosi ithanda, sizoba ne—sizoqala ngaphambi kwesikhathi kulobubusuku. Ngithanda ukucela umelusi ne—nebhodi uma bezo... Asiqale nje ngaphambidlana kancane nje kwesikhathi kulobu ubusuku, ngoba abantu, abanye babo balapha, futhi bazoba nokushayela okude abazokushayela. Futhi ngithanda ukuqala okungenani kusasele ihora kulobu ubusuku, uma besingaphumelela, futhi sikuqede lokho. Ngakho ni... Kothi nje ningaba nelantshi yenu emva kwelesithupha nqo noma ngasiphi isikhathi, ngani, ngizoqala. Niyabo? Ake nisho, ngokwejwayelekile niqala ligamenxe elesikhombisa aninjalo na? Asibe, asi, angibe semsamo ngelesikhombisa. Niyabo? Futhi lapho ngelesishiyagalombili noma ligamenxe elesishiyagalombili, noma into efana naleyo, kuzoninika

isikhathi sokuba—sokuba niye emakhaya enu futhi nilungele umsebenzi wakusasa, uma likhona ikusasa.

¹¹ Manje, iNkosi ibe nani futhi inibusise kaninginingi, futhi ngizohamba ngingene masinya nje uma sekuphele lenkonzo bese ngicsha leminyane imibuzo bese ngizama ukuyiphendula yonke. Ngisanda kubhala kuyo nje, iziqephu ezincane—ezincane nje zamanothi kanjalonjalo, enginga—nginga... Sengithi ukuyikhohlwa imiBhalo. Manje-ke uma ngisekamelweni ngitadisha, khona-ke ngi (ngithanda ukubhekisela emuva kuyo ndawo ndawo, futhi nginakho lapha) futhi—kubhalwe phansi nje esiqeshini sephepha. Futhi ngakho-ke, uma kuse—sencwadini ephethe izinhlobonhlobo zolwazi iensayiklopediya engizoyicsha, noma okunye ukuzwakaliswa kwezwi, noma igama, nginakho kubhalwe phambi kwami. Angidingi ukuba ngilethe inqwaba enkulu yamabhuku nokunjalo; nginakho lapho.

¹² Manje, uma umbuzo ungenelisi kuwe, awu, khona-ke ngi—mhlawumbe ngenze iphutha. Niyabo? Ngi—ngi—ngingahle ukuba ngenze iphutha, ngoba lezizinto zingukuqonda kwami nje okwedlula konke. Futhi ngifuna a—abefundisi abangahle ukuba banibandla labo, noma inhlango yebandla elithize ebelingalalela lemibuzo... Angikufuni lokhu... Uma kubonisa noma yikuphi phezu kokufundisa kwenu nehlango yenu—yenu—yenu, ngifuna inhlango yebandla iqonde ngokucacile ukuthi lokhu nje ngukufundisa kwethu lapha etabernakele. Angizami ukukucindezela phezu kwanoma yimaphi amanye amaqembu abantu. Futhi ngi—ngi—ngifuna ukuba ngumKristu e—enhliziyweni yami, ukuthi ngifundisa engikholwayo. Ngimi kwengikholelwa yikho. Uma ngixegisa kulokho, ngiyimbuka kuKristu nomzencisi kini; futhi ngi—ngifanele ngime ngethembeke kulokho engikholwa ukuthi kuyiQiniso. Kodwa wonk'omuny'umuntu unelungelo lokwenza okufanayo. UNkulunkulu unguMahluleli wethu sonke.

¹³ Manje, ngaphambi nje kokuba siqale, ngicabange ukuthi ngizothinta usomlando okahle, uPaul Boyd. Abanengi benu bayamazi; uza lapha etabernakele. Usanda kubuya evela eJerusalema futhi wethamela uMbukiso woMhlaba. Ungu—nguthisha wesiprofetho omkhulu kakhulu, futhi unguusomlando, omunye wabakahle kakhulu. Ungumfowethu onguMenonite—wayenguye—futhi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi ngakho uba ngumngani impela oqondene nami. Futhi wayebhekisisa njalo futhi uthathe amanothi ayoyonke into engangiyisho ephathelene nesiprofetho, ukubhekisisa nokubona uma kufezeka.

¹⁴ Futhi manje, ungibhalela lapha (njengoba elapha eStates futhi manje), futhi kusebhodini lezaziso, ngiyacabanga, kulokhu ukusa. Futhi ubhala phansi lapha inothi alifake kwelinye lamaphepha noma into ethize noma enye, mayelana

neziprofetho ezigqamileyo. Futhi uthinta into yesihlanu, ngicabanga ukuthi yiyo, engiyibone eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu edlule mayelana nempumelelo ye—inqubekela-phambili ye, njalo, yesayense. Futhi nayimuphi wenu okhumbulayo, ninakho phansi. Nginakho ezincwadini zami. Nayo yonke into iNkosi eyishilo...ingitshela, ngiyibhala phansi, lokho kungokukhulu phansi-...noma into engingayitshela abantu.

¹⁵ Futhi ngicabangile kulokhu ukusa, ngaphambi kokuba sesiqale lokhu...Lokhu akusizo izintshumayelo, kodwa silapha ukubuthana ndawonye ukuba sifunde komunye nomunye okusezinhliziyweni zethu. Asithole lezizinto zikamekile manje, njengoba sehle njalo ngemiNyaka yeBandla nakanjalo njalo. Ngicabanga ukuthi kuhle ukuba ngimele umhlangano noma emibili, bese kuyahlolwa, bese kutholakala ukuthi yini esenzelisiyweni yabantu, bese-ke kuqhubekwa kusukela lapho. Niyabo? Bese-ke kubuyelwa phakathi futhi bese—ohlwini lwe—lwezinkonzo. Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuba nalokho lapha etabernakele ngaphambi kolude, nje uhlu olude lwezinkonzo; niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, o—okunjengezifundo ezechukene; futhi ngilokhu ngiqhubeka Aze afikele mina noma ngihambe ngiyobonana naYe, okukodwa. Niyabo? [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

¹⁶ UPaul Boyd wabhala lapha mayelana nalezozinto eziyisikhombisa engizibone ngo 1933, eyayizofezeka. Futhi uyazibhekisisa ngokusondela nje impela, ngokolwazi oluthile, ngakho konke angakwenza, ngoba ungunsomlando. Futhi uyawubhekisisa, khona impela nje okushoyo. Futhi uzibonile lezozinto eyashiwo eminyakeni eminingi edlule: mayelana nokuthi waba kanjani uMussolini...nokuthi kuyokwenzekani kuye, noHitler, nokuthi kwakuzokwenzekani kuye; nokuthi ubuKhomanisi babuzowuthatha kanjani womibili umbuso wamaNtaliyane nakho konke okwalena; nokuthi wawuzokwaxhiwa kanjani u—uMugqa iSiegfried, nokuthi amaMelika ayezokuthatha kanjani ukushaywa lapho (futhi abazange bakuvume kuze nje kwaba cishe yiminyaka emibili edlule, futhi banezithombe zaseGerman kuvinjazelwa lapho; futhi akuthatha ngempela ukushaywa. Athanda...Alahlekelwa yiwo onke amabutho awo cishe impela khona lapho); nazo zonke lezozinto ezenziwa.

¹⁷ Futhi manje, kwathi futhi, “Futhi kuyofezeka, ukuthi ngaphambi kokuba kuyofika isikhathi sokuphela, ukuthi izimoto ziyothatha isimo seqanda, zifane kakhulu neqanda.” Ngase ngibona umndeneni waseMelika ushayela wehla ngomgwaqo omkhulu usemotweni e...Babehlezi bebhekene, futhi babenetafula, futhi babe, kubukeka kanjalo, bedlala umdlalo wamadrawuthi noma amakhadi. Futhi babengenasiteringi samasondo emotweni. Futhi yayilawulwa

amany'amandla ngaphandle kwesitelingi samasondo. Bangaki ongikhumbulayo ngiprofetha lokho (niyabo?), obelapha na?

¹⁸ Manje, eMbukisweni woMhlaba sebevele banayo imoto emakethe. Nansi i... Isiyathengiswa manje; enye inkampane ethize enkulu isithathe eziningi zazo. Nalemoto, nansi. UPaul Boyd wasikhumbula isiprofetho, wabheka ebhukwini lakhe engangikushilo, wayesethatha isithombe phakathi lapho. Futhi nakho, ngaso impela isimo seqanda, nezihlalo ezimbili zibekeke *kanjalo*, nezihlalo ezimbili zibekeke *kanje*, netafula libekwe phakathi nendawo ukuba kudlalwe amakhadi nezinto kulo, khona impela nje.

¹⁹ IZwi leNkosi licophelela ngokuphelele. Lokho kwakungo 1933. Lokho bekungaba i... Ake sibone, lokho bekungaba yini na? Iminyaka engamashumi amathathu-edlule, bekungeke na? Lona ngu '64. Ya, amashumi amathathu... Ya, iminyaka engamashumi amathathu-nanye eyadlula. Iminyaka engamashumi amathathu-nanye eyadlula iNkosi yangitshela lokho, futhi nakhu. Nenkampani ilapha esivele izi odile; ne-nezinkampani ezenza amatraksi nezinto benza amatraksi enziwe njengazo. Bangayilawula besekomkhulu labo ngqo kanjalo, ayidingi ngisho nokuthi ibe nomshayeli kuyo. Futhi nansi isivele yenziwe, futhi nanso kanye nezimoto. Manje, kusebhodini lezaziso ngemuva, futhi ningasifunda isiprofetho bese nibona nje ukuthi uNkulunkulu wethu ucophelela kanjani, ukuthi iZwi laKhe likanjani... Wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka."

²⁰ Bukani nje, iminyaka engamashumi amathathu eyedlule. Niyazi ukuthi enjani—enjani eka 1931, noma ngabe yayinjani, imoto eyimodeli yayibukeka injani; yayingabukeka injengento eseyasalayo. Sathi, "Iyobukeka njengeqanda nje, iba njengeqanda." Kusobala, akukho-muntu lapha, ngiqagele, osaphila namhlanje noma phakathi kwethu owangizwa ngisho lokho. Ku... Ningizwile ngikusho kusukela phansi eminyakeni, kodwa... Ya, nangu owesifazane ohlezi lapha. Ngani, Nkk. Wilson, angikubonanga lapho. Uyakhumbula ngenkathi lokho kwenzekile. Lokho kungenkathi ephiliswa, ebulawa yiTB (owesifazane, umyeni wakhe nendodakazi bafikela ukuba ngihambe ngiyomkhulekela) wayeze waba nomongozima kwaze kwathi i—ikhona kwakulele kugcwele izindwangu zo—zomcamelo nezinto ayezopha. Nodokotela wathi, "Ayikho indlela yokumthola ukuthi uyoke aphile," futhi ngisho... Wayezama ukusho into ethize kimi ngaphambi kokuba afe, negazi lalitsazela ezingutsheni namashidi ngenkathi elapho, uma ethi uzama ukukhwehlela. Futhi ngamkhipha kulowombhede, ngase ngimyisa emfuleni obandayo lapha, namanzi aneqhwa, futhi ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Futhi lokho sekube yiminyaka engamashumi amathathu-nantathu edlule, futhi nangu ehlezi namuhla,

usaphila, kanti abakhulu, abantwana abanempilo, inqwaba yabo sebashona. Nakho lapho okhona. “Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka, owasindisa olusizi njengami!” Lokho nje kukhombisa ukuthi kufezeka ngokuphelele kanjani uma kungu ISHO KANJE INKOSI.

²¹ [Owesifazane ukhuluma noMfowethu Branham ebandleni—Umhl.] Yebo, ku—kunjalo, Dadewethu. Yebo, mnumzane! Abesifazane... Ngathi abesifazane bayolahlekelwa yisimilo kakhulu ekugc-... Manje, niyazi iminyaka engamashumi amathathu eyedlula ukuthi babegqoka kanjani. Ngathi bayolahlekelwa yisimilo kakhulu, bayoze behle ngesitaladi nokungathi nje bagqoke izingubo zabo zangaphansi. Ngase ngithi, “Khona-ke kuyofezeka, ukuthi bayoze ngisho babe yihlazo kakhulu, bayoze bagqoke into efana neqabunga lomkhiwane.” Ngakubona, futhi banakho; futhi bayakugqoka. Nje u—ukulahlekelwa yisimilo kwabesifazane bayoba phansi kakhulu futhi behle isithunzi! Singeke thina sisehla okwedlula lokhu manje; ngeke usaya kokubi ukwedlula lokhu. Usesekugcineni! Niyabo, abasoze baba-nqunu ngokugcwele. Qhabo, ba...

²² Ngishumayelile kubantu, abesifazane ngamashumi ezinkulungwane abangenaso ngisho isichitshana sezingubo abazigqokile (niyabo?), insizwa, nezintombi, nabo bonke, kodwa abazi ukuthi bahamba-ze. Niyabo? Abakwazi. Nendlela abesifazane abenza ngayo namhlanje...

²³ Ngangikhuluma ngobuny’ubusuku kwabanye abangani bami lapho esasikhona emuva le phezulu ezintabeni, nowe—wesifazane osemncane... Ngangisanda kukhulekela ingane yakhe; yayinesithuthwane; nengane isisindile. Nomncane, umndeni ozihluphekelayo, emuva phezulu le embotsheni, isiqinti esidadlana sikagwayi ngasendlini—futhi cishe amakamelo amabili kuyo—nabantwana abayisikhombisa noma abayishiyagalombili... Lowo wesifazane usebenza (o, he!)—imbazo ebanzi phandle lapho, ekabha izinkuni nezinto, futhi—futhi elima izingadi ngegeja lezandla, futhi efaka izinto emathinini. Ngase ngimbuka owesifazane ozihluphekelayo—ingubo efanayo akade eyigqoka unyaka noma emibili, nakho konke ukuhlukana nayo yonke into... Futhi ngangizama ukuthola ezinye zezingubo zikaMeda ukuba ngizehlisele kuye ngeviki elizayo.

²⁴ Futhi—futhi saqaphela simi lapho, abafowethu abathi ababe babili nami, inenekazi lincelisa ingane yalo. Lavele lakhipha ibele lalo kulo—kulo—engutsheni yalo lase liqala ukuncelisa ingane; futhi kwakuthi ukumangalisa umzuzu; yileiyondlela umama ayengincelisa ngayo! Ikahle impela.

²⁵ Nginokumhlonipha okukhulu owesifazane onjalo kunoma ngenza kwabanye balaba abesifazane ababeka umucwana

omdala phansi kwabo ukuba bazeneke. Akubukeki ngisho okwesidalwa esingumuntu. Banenhloso yokwenza lokho; lokho ngukukhankhulisa, ukungamesabi uNkulunkulu. Owesifazane ogqoka izingubo eziningi kakhulu njalonzalo futhi azame ukuzenza abukeke njengento angesiyo... Mina... Ngani, abesifazane abangayo—abangayo ngempela leyondlela; enye into yaseHollywood. Nomoya kadeveli ungena kulabobesifazane ukubenza bazame ukuheha ukunakwa yisilisa ngocansi. Ibele lowesifazane laphiwa yena ukuba ingane incele. Kunjalo impela. Owesifazane uqinisile olayinini wokudala, kodwa ulayine kahle. Nginokuhlonipha okuningi kakhulu ngalokho, ngowesifazane onjalo, ngoba u... Yileyondlela unina amkhulisa ngayo; yileyondlela... A—abakunaki neze—neze. Ingane incela ngaphandle ngqo njengesithombe sikaMadonna ebeningasibona. Futhi ukuba abantu kuphela bebengathola ukuthi izingqondo zabo zihleleke kanjalo, bekungehluka.

²⁶ Kodwa uma ufika ukuba uye phandle bese mhlawumbe ugqoka okuze kube ngaka kweblawuzi noma okunjalo, bese-ke uzifukula wena uqobo phandle lapho nemicu nezinto, okubukeka kungukungamesabi uNkulunkulu futhi ubangele owesilisa... Uyaqonda yini ukuthi lowo ngumoya kadeveli okuwe na? Ngakho awufuni ukwenza lokho, dadewethu. Ungakwenzi lokho; leso yisithako seHollywood nescupho sikadeveli! Uma wenza lokho, wenza owesilisa acabange into engalungile ngawe; futhi uma wenza lokho, khona-ke unecala lokuphinga nalowo wesilisa, ngoba uziveze wena ngaleyondlela kuye. Ayikho into ongayenza ngendlela owakhiwe ngayo, kodwa hamba nje futhi uhlale ngendlela uNkulunkulu akwenze ngayo. Uyabo? Ungazami ukuzenza into ongesiyo. Hlala uyisidalwa esingumuntu nje. Lokho kubi kabi na? Awu mhlawumbe lokho kuphendula eminye imibuzo yomunye umuntu futhi.

²⁷ Baba wethu, siyaKubonga namhlanje ngoJesu Kristu nangokuqondisa kweZwi. Njengoba ngiKubona ngokuphelele kakhulu wenza lawomazwi afezeke, kungenza ngiphokophelele kakhulu ukuba ngihlale neQiniso nalo lonke izwi leQiniso. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosibusisa kulokhu ukusa, lababantu abathandekayo. Nokwazi ukuthi leteyipu iya ezindaweni eziningi abazozwa ngisho nalokho kuphawula okwenziwe manje nje... Angi—bekungahlosiwe ngaphambili; Wena uyayazi inhliziyu yami. Kufika engqondweni yami nje, futhi ngiyakholwa Ubufuna ngikusho. Futhi ngakusho, futhi sekwedlule manje. Na—nalokho yizinkolelo zami impela nalokho engikhulwa ukuthi Ubuzongishiso khona.

²⁸ Makuthi wonke owesifazane okuzwayo lokho emazweni onke nasesizweni jikelele nezwe; kwangathi angaba namahloni ngaye futhi abone ukuthi kwenzekani, bese ezigqokisa okwenenekazi-ke, ukuthi angeke aba necala lokuphinga. Esihle, isidalwa esithandekayo njengoba Usiphile, ingxenye yendoda,

ukuba abe ngaleyondlela uku—uku—ukuheha ukunaka kwayo ibuyele kubo, bona bobabili babe-munye, ngoba waphuma endodeni. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi owesifazane uzoqonda ukuthi ubuhle bakhe nalokho ayikho, bubiyelwe kuphela kumyeni wakhe uqobo. Siphe khona, Baba.

²⁹ Sicela ukuthi Uzosisiza manje njengoba sizama ukuchaza lemibuzo. Asenele ngalezizinto, kodwa vumela uMoya waKho omkhulu ufike, Nkosi, ongukwenela kwethu; futhi kwangathi Wona ungaphendula umbuzo ezinhliziyweni eziningi. SiyaKubonga ngalokho Osiphe khona: *ImiNyaka yeBandla*, ne *IZimpawu*, ne... O, ukuthi Usebenzane kanjani nathi ezintweni ezinkulu ezinamandla ebinkulu kithi, Nkosi, ngoba sibona isikhathi sokuphela siseduze.

³⁰ Manje, uku—kwacatshangwa ukuthi kwakuphumelela noma kwakuzophumelela okoMbuso waKho ukuba bengingahlola phezu kwabantu. Izikhathi eziningi phansi kokubona okufihlakele nokubona izinto eziningi ezehlukene, futhi ungegxile kokukodwa kwakho; ekucabangeni kanjalo—ngivele nje ngabayeka babhala kwagqama abakucabanga enhliziyweni yabo. Bese-ke ngikwazi ukuzwakalisa imicabango yabo esiqeshini sephepha ababhale kuso, bese-ke Usinika impendulo eyiyo. Sonke silindile, Nkosi. Woza ebukhoneni bethu, Nkosi, bese uhamba wehla wenyuka ezikhaleni zezihlalo, futhi usebenzane nalowo ngamunye ngokwentando yaKho. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

[Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.] Terry, ngabe ngi... Ngabe lokho kusangena, ngapho kumfo-... Ngithinte... Ngabe lokhu kuyakucima, noma ngabe yini na? Akucimi mfowethu. Ngikuthinta ngesandla sami. Bengingazi.

³¹ Manje, njengoba ngisho futhi manje, njengoba siqala, ku—labo befundisi noma abantu ezingxenyeni ezehlukene zezwe, noma ozozwa iteyipu, u—u (uma iteyipu ikahle)—lona yimibuzo enhliziyweni yabantu ongowalapha kulelitabernakele, lapho esingenahlelo khona, inhlanganyelo nje omunye nomunye. Futhi ngithemba ukuthi kuzoba yi—kuhlanze imicabango yethu, ukuthi sizokwazi ukuthi sizokwenzenjani futhi sazi ukuthi siphile kangcono kanjani emva kokuba umbuzo wethu usuphenduliwe. Ngiyazi, nje ngiyifunda, kube yisibusiso kimi.

³² Manje, nginayo nje ibekwe lapha inqwabelene, futhi ngizobhekisisa futhi cishe imizuzu emihlanu kube ngeleshumi nambili, ngizonikhapha. Bese-kuthi, ngibuye ntambama kugamenxe elesithupha.

Umbuzo wokuqala enginawo, ngikholwa ukuthi yimibuzo emihlanu esohlwini, ibhalwe ngokutayiphwa esiqeshini sephepha eliphuzi.

236. Kusho uk'thini lokhu na? UMathewu 24:19: "Maye kwabakhulelweyo, nabancelisayo ngalezozinsuku!"

Kungokuxakile, ngingakwazi lokho, bengizosho lokhu mayelana nabesifazane, futhi nakhu ngalesisikhathi, umbuzo wokuqala.

³³ Manje, uMathewu 24:19. UJesu wayekade ebuzwe imibuzo emithathu. Kulemibuzo kwakungukuthi: Siyakuba nini isikhathi okungayikushiya nelilodwa itshe phezu kwelinye na? nokuthi, Siyakuba yini isibonakaliso sokufika kokuphela kwezwe na? ne—nemibuzo emithathu ehlukeno A—Abuzwa yona. Futhi Uwuphendula ngezindlela ezintathu ezehlukene, uphendula umbuzo ngamunye. Kuyoba nini lapho okungayikushiya nelilodwa itshe phezu kwelinye na? Nokuthi siyakuba yini isibonakaliso sokuza kwaKho na? Nokuthi siyini isibonakaliso sokuphela kwezwe na? Futhi Uwuphendula ngezindlela ezintathu ezehlukene. Uyabatshela ukuthi isikhathi siyofika nini lapho okungayikubakho’tshe nelilodwa phezu kwelinye; ukuthi siyoba yini isibonakaliso sokuza kwaKhe; bese kuba-ke, ekupheleni kwezwe. Futhi izikhathi eziningi, uma ungabhekisisi ngokusondele, manje, ukuthi Uphendula kanjani (niyabo?), uzokuxova bese ukuphosa kukho konke ngesikhathi esisodwa; bese-ke uxoveka ngakho konke.

³⁴ Manje, kungesikho uku—ukubabukela phansi abazalwane bethu abangama-Adventisti abathatha lokhu ngempela ukuthi yinkathi ezayo. Ukungena kuleyondaba yosuku lwesikhombisa: “Khulekelani futhi ukuba ukubaleka kwenu kungabi ngesikhathi sasebusika noma ngosuku lweSabatha,” wathi (niyabo?), bayobe besalokhu begcine iSabatha. Kungesikho ukujikijela labobazalwane, lokho kungebe ngukufana noKristu ukwenza lokho, kodwa ukuze nje kuqondiswe. Niyabo?

³⁵ Lalingakwenza kanjani ukuba lonke izwe lamaKristu libuthane ngaphakathi kodonga na, nezindonga azivulwa futhi zivalwe njengoba zinjalo ngaleyonkathi. Niyabo? Bekungenza mehluko muni, ukuthi kwakusesikhathini sasebusika noma ngesikhathi sasehlobo kubantu ababakhe endaweni eyizwe elinokushisa okukhulu. Niyabo? Kwakungokuka Israyeli yedwa nje. Lokho kuphansi kokuthi akuyikubakhona nelilodwa itshe elishiywa phezu kwelinye. “Maye kwabakhulelweyo, nabancelisayo ngalezozinsuku,” ngoba umama okhulelwe (niyabo?), kwakuyoba l’khuni kuye ukubaleka, nakulabo abancelisayo ezinganeni zabo ukuziteta, ngoba babezosuka eJerusalema baphume emzini bayongena e—phezulu ezintabeni zaseJudiya.

³⁶ Futhi manje, bengingahlala nje ukusa konke kuleyonto eyodwa lapho, ukukucacisa nje; kodwa ngizozama nje ukushaya izindawana eziphakeme engingazishaya, kuze kufinyelele kubantu, bese-ke ngiye embuzweni olandelayo.

³⁷ Manje, uJesu wayebatshele ukuthi babezo. . . “Nxanibona iJerusalema lihaqwe yimpi, makuthi-ke osensimini, angabuyeli

emzini ukuyothatha ibhantshi lakhe, athathe noma yini endlini yakhe; angabuyeli emzini nhlobo, kodwa abalekele eJudiya, ngokuba kuyakuba yisikhathi senkathazo esingazange sabakhona kwasekuqaleni kwezwe.” Nalokho konke kufezeka ngezinsuku ngenkathi induna yamaRoma, uTitus, evimbezela iJerusalema, washisa umuzi, futhi kwakukhona kuphela—futhi wabulala abantu igazi lagobhoza liphuma ngamasango futhi likapakela e—emigwaqeni. Walivimbezela. Angazi nje ukuthi kwaba yiminyaka emingaki, ukuthi nje wathatha izimpi zakhe futhi wenyuka wayesevele nje ekhempa ngqo ukuzungeza umuzi. Futhi ngisho nabantu, abesifazane, babalisa abantwana babo uqobo futhi babadle, badle amaxolo ezihlahleni, utshani emhlabeni. Lokho kwakungukwenqaba iZwi. Yilokho okwakubangelayo. Bese-ke . . .

³⁸ Manje, labo ababemukele iZwi, njengoba uJosephus, usomlando omkhulu uyabhala . . . Wababiza ngamazimzimu, wathi babedla umzimba woMuntu othiwa nguJesu waseNazareth, owabethelwa nguPilatu; futhi bafika ebusuku base bentshontsha umzimba waKhe, nalababantu bawukhipha base bewusika ube yizicucu futhi bawudle. (Babethatha iSidlo, niyabo. Babengazi.) Leyo kwakuyingane kwane nje esabalalayo, njengoba benayo namhlanje ngathi nawo onke amanye amaKristu. Niyabo? Basho lezozinto, kodwa . . .

³⁹ Manje, labobantu ababe . . . Isizathu, “Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabisebusika,” iJudiya yayivalelwe iqhwa. Niyabo, uKhisimu? Manje, wazalwa kanjani uJesu phezulu lapho lawomagquma evalelwe iqhwa na? “Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi-sebusika, kungabi nangosuku lweSabatha,” niyabo, ngoba ngosuku lweSabatha amasango lalivalwa, futhi babeyobanjwa ngqo ekucupheni kwabo. Uma uTitus afika lapho ngo—ngo—ngoLwesihlanu ntambama, babevinjezelwa phakathi lapho ngeSabatha, ngoba iminyango wawuvalwa. Amasango lalivalwa ngeSabatha futhi awangavulwa. Kwakungekho kuza nakuphuma emzini ngosuku lweSabatha.

⁴⁰ Namanje, niyabona ukuthi kwenzekani na? Wayesethi-ke, “Maye kwabakhulelweyo, nabancelisayo ngalezozinsuku,” (niyabo?) ngoba ukubaleka nokugijima . . . Nangokomlando, kwakungekho namunye wabo owayekholwa kuJesu futhi wakholwa iZwi owayengakuqaphele lokho ukuthi kwenzeke. Futhi baphunyuka, futhi baphuma eJerusalema bayongena eJudiya, futhi—futhi babalekela ukuphephisa izimpilo zabo, futhi akukho namunye wabo . . . ngoba babexwayiswe nguMelusi wabo futhi babeqaphe lelohora ukuba lifike. Ngenkathi bezwa ukuthi uTitus wayeza, basuka babaleka, babalekela ukuphephisa izimpilo zabo, futhi baphuma emzini.

Manje, umbuzo olandelayo uyalandela.

237. UMathewu 24:24: “Futhi kuyakuvela abaprofethi bamanga—nokristu bamanga, nabaprofethi bamanga, futhi bayoveza izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso.” Siyobaqonda kanjani na?

⁴¹ “Kuyakuvela . . .” Kulokho manje wehlela komunye unyaka. Uyabo? “. . .vela okristu bamanga nabaprofethi bamanga.” Ukristu wamanga ngogcotshiweyo ngamanga, ngoba uKristu ungoGcotshiweyo. Bangaki owaziyo ukuthi u*Kristu* kusho ukuthi “Ogcotshiweyo”? Kuyoba nabagcotshiweyo bamanga, futhi bayozibiza ngabaprofethi. Kodwa uyobaqonda kanjani na? NgeZwi; uyokwazi kanjalo-ke, ngeZwi, ukuthi ngabe baqinisile yini. Siyobaqonda kanjani na? Kuyoba ngeZwi. Uma be . . .Uma bethi baneZwi, futhi baphike iZwi, khona-ke akukho lutho kukho, akunandaba ukuthi benzani. Bangahle baphilise abagulayo; bangahle bavule amehlo ezimpumpithe; futhi baphike iZwi, deda kukho. Angikhathali ukuthi kuyini, hlala naleloZwi kungakhathaleki (niyabo?), ngoba izikhathi eziningi ngibone ilumbo nazo zonke izinhlobo zezinto zenzeka phansi—phansi kokuphilisa.

⁴² Lapha kuhlezi uMfowethu Sidney Jackson, uDadewethu Jackson kulokhu ukusa baseNingizimu Afrika. Ubengama lapha bese ethatha leyondaba futhi anitshele ngempela ezinye izinto ngakho ezansi lapho. Ngani impela, abantu beza ezithixweni futhi baphilise. Niyabo, ngoba ngani na?

⁴³ Njengo Dkt. Hegre nje wanginika lokhu kumpompoloza kakhulu ngalesosikhathi, ngami ngithi udeveli akakwazi ukuphilisa. Futhi kwathi, “Umuntu oma phambi kwabantu abanengi njengoba nje wenza, nesayense yezenkolo entula kangaka,” wathi, “ethi udeveli akakwazi ukuphilisa.” Wathi, “Sinowesifazane khona komakhelwane bakithi ophatha iphinifa azisonga ngalo, futhi aye lapho; nabantu bayafika ngakuye futhi ufanele aqathaze imali kuleliphinifa; uzobe esebahlikihlake bese ekhipha unwele ekhanda lakhe negazi emithanjeni yabo bese—bese elibeka onweleni bese eluphosa emva kwakhe; futhi uphoqeke ukuba abheke aqalaze emuva, isifo sibuyela kubantu. Futhi,” wathi, “amapesente angamashumi amathathu abo ayasinda. Futhi manje-ke wena uthi udeveli akakwazi ukuphilisa?”

⁴⁴ Ngase ngicabanga, “O, he!” Ngambhalela ngamphendula, ngase ngithi, “Mnumzane othandekayo.” ngathi, “Kuyinto exakile kimi ukuthi inhloko yezigaba zezifundo zasekholiji lamaLuthela ingesekela isayense yayo yezenkolo phezu kwesipiliyoni esikhundleni seZwi likaNkulunkulu.” Niyabo? “IZwi likaNkulunkulu lithi uSathane angemkhiphe uSathane. Lokho kuqeda konke; uJesu washo njalo.” Uma uSathane . . . Uthi, “Khona-ke ungahle umangale ukuthi lababantu baphiliswa kanjani ngalokho, lowo mthakathikazi, yingoba abantu qobo lwabo bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu

ngalowomthakathikazi. Nokuphilisa kusekeleke ekukholweni, hhayi phezu kokuthi ulunge kangakanani, ukuthi ukahle kangakanani, ukuthi uyigcina kangakanani imiyalo, noma kumbe yini, kwesekeleke ngokuqinile phezu kokukholwa. 'Konke kungenzeka kwabakholwayo!' Niyabo? Akwesekelekile phezu kokuphi ulunge kanjani. Ngizibonile izifebe ziza emsamo futhi ziphiliswe khona manje nowesifazane ongcwelisiwe anqume emsamo futhi akugeje. Impela, kwesekele phezu kokukholwa, 'Uma ukholwa,' hhayi phezu kokulunga."

45 Bukani ezansi lapha eFransi lapho abaya khona kulelothempelana lalowo wesifazane, bangene lapho nezihlalo ezinamasondo futhi baphume sebhamba, phezu kwalutho kodwa inkolozu uqobo, uma noma yini, ukukhonza imimoya yabangasekho—ukukhonza umuntu ofile. Niyabo? Kodwa nokho bayaphiliswa, ngoba bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu. Manje, kungesikho ukwehlisa isithunzi abantu abangamaKatolika, ngehlisa isithunzi inqubo yamaKatolika, njengoba nginjalo enqubweni yamaProtestane (niyabo?), zonke lezizinto.

46 Manje, befundisi, ngiyazi lokhu kuzodabula phakathi, kodwa ngiphendula imibuzo; futhi ngifuna—ngifuna nina niqonde lokho (niyabo?) nje ngi—nje nginitshela iQiniso elivela enhliziyweni yami; uKristu phambi kwami ukwazi kwami okwedlula konke. Niyabo? Konke yizinqubo, nalezozinqubo ilimaze abantu kwakhuphuka njenge... Abantu bahamba bajoyine iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, iKatolika; futhi bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu babe kanti bedlula enqubweni nje. UNkulunkulu uyakuhlonipha ngesinye isikhathi futhi asuse izifo zabo—zabo kubo ngezithixo. Awu, khona impela kumaLawu ase Afrika bathola ukuphiliswa ngezithixo nokunye nokunye (niyabo?), kodwa bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu.

47 Nicabanga ukuthi isistela eliyiKatolika liyahamba futhi lijoyine u—ubusistela beKatolika ngoba lifuna ukuba ngowesifazane omubi na? Lijoyina lobobusistela ngoba lifuna ukuba ngowesifazane olungileyo. Owesilisa akahambi ajoyoyina ibandla eliKatolika ukuba nje abe ngowesilisa omubi; uya lapho ukuyoyoyina ukuba abengowesilisa olungileyo. Awu... Uthi, "Awu, kuyini na?" Kanjalo alenzi nalawo—kanjalo alenzi iNdiya eNdiya, noma umHindu lijoyine ubuHindu ukuba abe umuntu omubi.

48 Ngenkathi ngiyongena ethempeleni lama—lamaJeyini, lapho engenziswa khona ingxoxiswano lapho yilowompristi—njengophapha ehlezi kwephilo elikhulu, izinyawo zakhe zisongeke phansi kwakhe, ebambe izinzwane zakhe—enokubona ngeso okuyisimanga ukuthi wabhala ukuqhathaniswa komBhalo weHubo 23 ngeso lakhe lemvelo uqobo ophisini wensimbi owawungaphansi kwe—ungengaphezu kangako

kwekota ye intshi. Manje, futhi kungaphambili ngaleya kokuzindla komuntu ukukubhala, futhi wakubhala ngokukuqopha lapho ngeso lakhe lemvelo; futhi wayeyindoda eneminyaka engamashumi amane ubudala noma ngaphezulu. Niyabo?

⁴⁹ Ngani impela, ni—nihlala khona lapha nje, nje nizwe ngeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian; aniboke niphumele ezinkundleni zezimishini ngesinye isikhathi. Nithole izinto ezinivula amehlo enu! Niyabo?

⁵⁰ Manje, nicabanga ukuthi bonke labodade abahlezi lapho; bengeke ngisho—bangeke bapheke; bangeke badle; bafanele banxibe yonke into abayitholayo. Bangeke—benza amamop izesulo ezincane ngezandla zabo ukwesula izintuthwane zisuke emgwaqeni, ngoba bakholelwa ekutheni umuntu ubuye avuke esengenye into; bangahle banyathele phezu kwesihlobo sabo. Bangeke banyathele izintuthwane, babulale izimpukane, noma lutho; ngeke ngisho babulale amagciwane omeseni wokuhlinza emnweni. Bayekele umuntu afe, ngoba babulala igciwane; kungahle kube ngesabo—esinye sesihlobo sabo sesibuya. Niyabo? Ulokhu uqhubeka uba ngcono, ube ngcono, ube ngcono; ekugcineni, uba yisidalwa esingumuntu, isidalwa esingumuntu esingcono, futhi kuqhubeka njalo njalo kanjalo, uze ube ngunkulunkulu. Nje uqhubeke njalo, njalo, njalo, ujikajika, uya ngokuba ngcono nakangcono.

⁵¹ Manje, abakwenzi lokho ukuba babe ngabantu ababi. Benza lokho ngobuqotho, kodwa niyabo, “Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu.” Kunento eyodwa kuphela, bantu, engikwazi ukunitshela yona njenge—njengeklasi kulokhu ukusa kulemibuzo, yiZwi, iZwi likaNkulunkulu. Khona-ke kholwa ukuthi uJesu Kristu uyileloZwi, naleloZwi lenziwa inyama manje phakathi kwethu, ligcwalisa ncamashi lokho Athi Uyokwenza ngalonyaka. Kulungile.

Manje, uyobazi kanjalo-ke, hhayi ngebandla labo, hhayi ngesivumokholo sabo, hhayi ngesibonakaliso sabo, hhayi ngamahlelo abo, hhayi nganoma yikuphi ukuphilisa, hhayi nganoma yini, kodwa ngeZwi. Niyabo?

238. UMathewu 24:26 (olandelayo) **ukhuluma nge “ndlu ethize” futhi “ezindaweni ezizihlane.” Kuchaza uk’thini lokhu na?**

⁵² Kuchaza ukuthi kuyobakhona abaphikikristu, abaphikizigcobo, kanjalonjalo. Futhi yini *umphiki*-na? *Umpniki* nguku “phikisa.” Kuyoba yilezizidalwa ezifanayo eziphikisana neZwi. “Futhi bayoba sehlan nasezindlini ezisekusithekeni.” Wayesethi, “Ningakulandeli. Dedani kukho.” Niyabo?

Manje, umbuzo wesine:

239. UMathewu 24:28: (Umuntu uyeza wehla ngqo. Abazange bakusayine; yebo basayinile. Ngiyaxolisa. Ngeke ngiwabize lamagama, ngoba akunasidingo. Niyabo?)

UMathewu 24:28: “Nomaphi lapho kukhona isidumbu, kulapho izinkozi eziyakubuthana khona.” Ubani isidumbu futhi obani izinkozi na?

⁵³ Manje, lowo ngumbuzo omuhle, akukho okungalungile kulowo! Yini isidumbu na? Isidumbu yilokho izinkozi ezizondla ngakho. Manje, ukhozi luthathwa ngokuthi eBhayibhelini, lingumprofethi. Umprofethi uwukhozi. UNkulunkulu—uNkulunkulu Uzibiza ngokhozi, futhi thina si “ngamachwane okhozi” manje-ke, a—amakholwa. Niyabo? Futhi yini isidumbu azondla ngaso na? YiZwi. Nomaphi lapho kukhona iZwi, imvelo yangeqiniso yenyoni iyozikhombisa. Niyabo? Ukhosi, olufuna inyama eseyintsha, lufanele lube nenyama yalo esentsha. Alusuye—alusuye uklebe (niyabo?), luwukhozi. Ungeke walunika into yehlelo; luzofanele lube nokudla kokhozi; leyo yinyama eseyintsha ukwedlula yonke, hhayi lokho okwenziwa nguMose, hhayi lokho okwenziwe ngomunye umuntu, hhayi lokho uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, kodwa khona manje, iNyama ebulawelwe lolusuku. Naleyo yingxenye kaKristu owafa ukuba enze leliZwi liqinisekise. Yilokho ezikudlayo. Niyakuthola na? Niyabo, niyabo?

⁵⁴ Hhayi okwenziwe nguNowa, okwenziwe nguMose, bayizibonelo; siyakubona futhi siyakufunda ababekwenza, kodwa kuyilokho Athembise ukukwenza manje. WayeyiZwi emuva lapho; leso kwakuyisiDumbu salolosuku. Usuku luka Wesley lwaluyisidumbu salolosuku; usuku luka Luther lwaluyisidumbu salolosuku; kodwa ababuyeli kulokho. Lokho sekuvele konakele. Okushiyiwe kufanele kushiswe, kweSidlo ngisho; ningakushiyeli isizukulwane esilandelayo. IBhayibheli lathi uma nithatha iSidlo, okusele kuso, ningakuyekeli ngisho kulale kuze kube sekuseni; nikushise. Manje-ke kuthathiselwe emuva kulokho na? Qhabo, mnumzane! SinoKudla okusekusha manje; lelo yiZwi elithenjise kulelihora, ukuba libonakaliswe kulelihora. Yilapho izinkozi ezikhona—lapho okukhona isidumbu. Singahlala isikhathi eside kulokho, kodwa ngiqinisekile niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini.

Kulungile, umbuzo wesihlanu:

240. Ngabe uMlobokazi uyobuthelwa ndawonye endaweni eyodwa ekuhlwithweni, futhi ngabe luyoba seNtshonalanga na?

⁵⁵ Cha, aludingeki lube lapho. Ya, uMlobokazi uyobuthelwa ndawonye endaweni eyodwa. Lelo yiqiniso, kodwa ngeke kuze kube ukuvuka. Niyabo? “Ngokuba thina esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi...” Kwabase-Efesu, noma, kwabaseThesalonika besiBili isahluko 5, ngikholwa ukuthi yibo. “Thina esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi asiyikubandulela (noma kubavimba) abaleleyo (emhlabeni wonke); ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabalele

kuKristu bayakuvuka, futhi siyakuhlwithwa kanye nabo sihlangabeze iNkosi emoyeni.” Ngakho-ke, uMlobokazi wonke uyoba ndawonye uma Selihamba ukuyohlangabeza iNkosi. Niyabo? Liyoba ndawonye, kodwa akusho ngempela ukuthi thina—bonke bafanele bahlale endaweni eyodwa njengalena; ngoba uMlobokazi ulele othulini lomhlabathi emhlabeni jikelele, kusuka eAthiki impelelo yomhlaba ngasenyakatho enamakhaza asabekayo kuya emazweni anokushisa okukhulu, nokusuka—kusuka empumalanga kuya entshonalanga, kusuka enyakatho kuya eningizimu.

⁵⁶ UJesu wathi, “Lapho iNdodana yomuntu iyakubonakala,” ngani wathi, “kuyoba njengokukhanya okukhanya empumalanga ngisho nasentshonalanga.” Yonke into, kuyobakhona ukuvuka, uhlwitho, futhi Liyosuka lihambe. Futhi ngaphambi kokuba Lize lenyuke ukuYihlangabeza . . .

⁵⁷ Bhekisisani ukuhlakanipha kweNkosi. Manje, ake sithi, isibonelo nje, ekukhulumeni lokhu . . . Ngisho lokhu ngemicabango yomusa nokukholwa eZwini, ukuthi ngithi “thina.” Ngiziphosa mina uqobo phakathi kanye nani nonke futhi ngi—nanawo wonke uMzimba kaKristu, emhlabeni wonke. Ngi—ngiyakukholwa lokho. Uma ngithi “thina” ngaleyonkathi, ngisho ukuthi, ngomusa ngi—ngiyakukholwa. Ngokukholwa ngiyakukholwa emseni waKhe, ukuthi siyoba phakathi kwalabo abayohlwithwa.

⁵⁸ Manje, into yokuqala eyenzekayo uma sivuswa . . . Labo abasekhona bayobe besalokhu besasele nje . . . Kuyongena ukuvuka kuqala, ukuvuka kwalabo abaleleyo. Kuyoba khona isikhathi sokuvuka, futhi labo abaleleyo othulini manje, hhayi labo abalele esonweni, ngoba baqhubeka nokulala. Abavuki kuze kube eminye iminyaka eyinkulungwane. Kodwa labo a—abalele othulini bayovuswa kuqala, futhi bayo—lemizimba ebolayo iyokwembatha ukungaboli emseni wokuhlwitha kweNkosi. Kuyothi-ke sonke sihlangane ndawonye. Futhi lapho beqala ukuhlangana ndawonye, khona-ke thina esisekhona sisasele siyoguqulwa. Lemizimba efayo ayiyikukubona ukufa, kodwa nje okwamasinya, kuyoba khona okunjengokushwiba kuhamba phezu kwethu, futhi uyaguqulwa. Usubuyiselwa emva njengoba uAbrahama wayenjalo, usuka ekubeni yikhehla ube yinsizwa, usuka ekubeni yisalukazi ube ngowesifazane osemusha. Luyini loluguquko lwamasinya na? Futhi emva kwesikhashana u—usuhamba njengomcabango, futhi usungababona-ke labo asebevele bevusiwe. O, ihora elinje pho! Khona-ke siyobuthana nabo bese kuthi-ke sihlwithwe kanye nabo ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.

⁵⁹ Akunasidingo, uma umalume wakho engcwatshwe ezansi eKentucky engaseningizimu, uma ezokhushulwa eIndiana, noma engcwatshwe eIndiana ezosiwa eKentucky engaseningizimu. Akunandaba ukuthi ukuphi . . . Labo abafile olwandle bayovuka

olwandle. Labo ababhujiswa kuleyonkundla iarena futhi badliwa amabhubesi, labo abaphoswa ezithandweni zomlilo futhi kungabikho ngisho namathambo ayosala noma uthuli, basayovuka! Noma ngabe babeseRoma, noma inkundla iarena eRoma, kumbe noma babesemenweni yamazwe ashisayo aseNingizimu, noma ezifundeni ezingamaqeqeba amakhaza zaseNyakatho, bayovuka kwabafuleyo futhi baguqulwe futhi bakhushulwe; nabaphilayo bayoguqulwa ngesikhashana, ukuphazima kweso futhi bahlwithwe kanyekanye.

⁶⁰ Bukani izithunywa zenkolo ezafela ezansi lapho emasimini ase-Afrika. Bukani lezo ezafela enhla ngaleya e—e—izifunda ezingamaqeqeba amakhaza zaseNyakatho. Bukani lezo ezafela enkundleni iarena, emhlabeni wonke jikele, eCongo, nakhona konke emhlabeni wonke jikelele. Zifele ndawo zonke, eShayina, eJapane, emhlabeni jikelele; nokufika kweNkosi kuyoba semhlabeni wonke, loluhlwitho luyoba njalo.

⁶¹ Bhekisisani ukuguqulwa. “Kuyakubakhona ababili embhedeni; Ngiyothatha omunye ngishiye omunye,” isikhashanyana esifanayo, “Kuyakubakhona ababili ensimini; Ngiyothatha omunye ngishiye omunye,” omunye ohlangothini olumnyama lomhlaba nomunye ohlangothini olukhanyayo lomhlaba. Niyabo? Kuyoba wuhlwitho olusemhlabeni wonke. Yebo, iBandla lonke liyoba ndawonye, kodwa emva, emva kovuko nohlwitho selungenile.

⁶² Manje, uma leyo kungesiyo indlela okubona ngayo, ngani, lokho kulungile manje. Angikhulumi ncamashi uma ngisho lokho; siyakuteyipa lokhu. Niyabo? Futhi kungahle kube nabanye abefundisi abaphikisanayo nalokho. Lokho kulungile.

241. Mfowethu Branham othandekayo, umbuzo wami usembhaphathizweni. Usindiswa nini umuntu na? Ngizwe kuthiwa kwakungenkathi umuntu ekholwa. Abanye bathi uma wemukela uMoya oNgcwele uyasindiswa, ngisho nakuba ungakabhaphathizwa emanzini, njengasodabeni lukaKorneliyu eZenzweni 10:47. Abanye bathi uPawulu wasindiswa esendleleni ebheke eDamaseku, kodwa eZenzweni 22:16, kuthi wayesalokhu enezono zakhe ezinsukwini ezintathu kamuva. Umuntu angabhaphathizwa kuMoya oNgcwele njengoba uKorneliyu abanjalo, futhi abe esalokhu enezono zakhe, lokhu ubengakabi nombhaphathizo wamanzi, e—noma intuba yomuntu yokuya eZulwini ayikho aze ukuba usebe nombhaphathizo wamanzi, ngisho nakuba enoMoya oNgcwele na?

⁶³ Manje, mngani wami oligugu . . . Manje, lomfowethu usayina igama lakhe; angimazi, kodwa usayina igama lakhe. Kodwa a—angeke ngiwabize amagama, ngoba akunasidingo; ngoba abanye abantu bazobathola bese bethi, “Awu, a—angivumelani

nawe kulokhu nalokho.” Niyabo? Futhi angizukubiza magama nje. Eminingi yalena unamagama abo asayiniwe, kodwa ngi—okwami nje. Niyabo? Ngiyibuyisela phakathi lapha, ukuze ngiyigcine. Ngakho ngukubhalwa ngesandla okul’hlaza s’bhakabhaka nje; okunye kwakho kutayishiwe nezindlela ezehlukene.

⁶⁴ Manje, umbuzo lapha kuqala ubuthi: “Usindiswa nini na?” Nolandelayo—olandela lona, “Izono zingathethelelwa yini ngaphandle kombhaphathizo wamanzi, ngokuba uKorneliyu wemukela uMoya oNgcwele—yena nendlu yakhe—futhi wayengakabhaphathizwa emanzini.” NoPawulu wayengaka—emva kokuba esehlangane nolwazi lwakhe lwesipiliyoni e—esendleleni ebheke eDamaseku, yena, futhi, wayesalokhu enezono zakhe zikuye waze wabhaphathizwa; ngoba kwathi (ngiyifundile yonke lemiBhalo ngayiphinda futhi ukuba ngiqiniseke)...Futhi ngakho kwa...Wathi, “Sukuma futhi uhambe masinyane futhi ubhaphathizwe, ubiza iGama leNkosi—ubhaphathizwe, uxolelwa izono zakho (zithethelelwa), futhi—futhi uhambe ubiza iGama leNkosi.”

⁶⁵ Bese kuthi-ke, “Ngabe umBhaphathizo kaMoya oNgcwele...umuntu angabhaphathizwa ngaWo futhi babe besalokhu benezono zabo futhi benga—bengabhaphathiziwe emanzini.”

⁶⁶ “Ngabe intuba yomuntu iqinisekisiwe yini yokuya eZulwini uma ebhaphathizwa, nakuba benoMoya oNgcwele; nokho bafanele babhaphathizwe emanzini, ngaphambi kokuba intuba yabo iqinisekisiwe yokuya eZulwini na?” Manje, ngikholwa ukuthi...Manje, ang—angimazi lomfowethu, nalowo ngumbuzo omuhle kakhulu nonobuhlakani. Futhi kufanele kubhekwane nawo kade, ngoba kusemqoka ukuthi sizazi lezizinto. Niyabo?

⁶⁷ Manje, ngithi ukukholwa ukuthi umfowethu ngahle ukuba usho kimi noma angitholele ukuba ngikusho (noma mhlawumbe uyakholelwa kukho, angazi) futhi—ngento ethize engicabangayo ukuthi nje iyi—ethe ukuphambana kancanyana kokwangempela, ukukholwa kweqiniso eZwini. Ngi...Lokhu kuzwakala sengathi umfowethu usho...Manje, okungukuthi kulungile, Mfowethu; ungahle ukuba uhlezi lapha; nalokho kuhle. Ngi—ngicabanga ukuthi lowo ngomuhle... Ngijabula kakhulu ukuthi uwubeke phezu kwalapha. Manje, niyabo? Kodwa angikholelwa ekubhaphathizweni emanzini ekuzalweni ngokusha (niyabo?), ngoba uma wenza, lokho kushiya iGazi. Niyabo? Ubhaphathizwa emanzini ukukhombisa ukuthi ukuzalwa ngokusha kwenzekile. Niyabo? Lokho nje kungokwangaphandle—isifanekiselo sokuzalwa ngokusha. Yonke into iphumule ngokuqinileyo phezu kokumiselwa ngaphambili. Niyabo? Kodwa asazi ukuthi ubani nokuthi ubani

okungesuye; ngakho-ke, sishumayela iVangeli. Ngokukholwa siyahamba nje sishumayela.

⁶⁸ Kodwa ekuzalweni ngokusha manje, yilapho engehluka khona nabazalwane bakamunye. Nani bazalwane bakamunye enizwa leteyipu yemibuzo, uma ingawela eofisi lenu, noma endlini yenu, noma phakathi kwenu bantu eningabantu bakamunye, ningabi ngabangangiqondiyo, manje, ukuthi ngi—ngi—ngoba nje asivumelani.

⁶⁹ Mina nomkami asivumelani; impela asivumelani. Ngiyamthela ukuthi ngiyamthanda, futhi uthi akakholwa ukuthi ngiyamthanda. Ngakho manje-ke—ngakho manje-ke asivumelani ngempela, kodwa ngiyanitshela, impela sihambisana kahle kakhulu.

⁷⁰ Manje qaphelani. Mhlawumbe angikhombisi izibonakaliso ezenele kuye, engizenzayo. Kodwa ngiphandle ngishumayela, bese ngingena ekhaya bese ngithatha uthi lwami lokudoba bese ngiyodoba. Niyabo? Kodwa phansi enhliziyweni yami ngiyamthanda; ngifanele nje ngiqhele kuye, yilokho kuphela.

⁷¹ Manje, qaphelani kulokhu... Manje, uma singavumelani, kulungile; kodwa niyabo, amanzi awazithetheleli izono; kuyimpendulo ngakunembeza omuhle.

⁷² Manje, ngikholwa ukuthi isizathu uPawulu adingeka ukuba abhaphathizwe lapho, ngoba kusemthethweni futhi kubalulekile eBhayibhelini ukuthi sifanele sibhaphathizwe. Ngoba ngithatha emuva ngqo kulokhu-ke: ngenkathi isela lilenga esiphambanweni... Futhi lafa lingabhaphathizwanga nhlobo, futhi nokho linesithembiso ukuthi uJesu wayezohlangana nalo eParadisi ngalolosuku—eParadisi, hhayi ezindaweni zabalahlweyo, ngoba kwakungokokuqala ukuba ithuba lethulwe kuye.

⁷³ Futhi ngikholwa ukuthi izimo ezifanayo sasinjalo ngalezozinhliziyi endlini kaKorneliyu ngenkathi bemukele iZwi likaNkulunkulu ngokuthokoza. NoMoya oNgcwele uyileloZwi liphilisiwe, futhi Laliphilisiwe kubo. Yingalesosizathu uMoya oNgcwele uqala ukukhuluma uphumisele ngezinye izilimi futhi uprofetha. Kwakuyizinhliziyi ezikhongozelayo zabantu iZwi elawela kuzo, bebona konke okungaphezu kwemvelo.

⁷⁴ Yilokho okungididayo namhlanje kulelihora esiphila kulo. Emva kokuba lesosigejane samaRoma sesi—namaGrecki, njengoba ayenjalo, ayesanda kubona ukubonakaliswa kombono kuqinisekiswa, uMoya oNgcwele wazishaqisa kakhulu lezozinhliziyi kwaze kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Niyabo?

⁷⁵ Njenga nje... Niyabo, uKorneliyu wathi, “Yenyuka ubize...” Wayeyinduna yekhulu, nalokho kuza “ekhulwiniminyaka” kuvela ekhulwini. Wayengamele indoda ayikhulu. Uyinduna yekhulu engumRoma; futhi waye—

wayebone umbono ngenkathi esakhuleka, futhi iNgelosi ifika kuye. Wayeyindoda elungileyo. Yathi, “Yehlela eJopha. USimoni oyedwa, umshuki, futhi ukhona obizwa ngegama likaSimoni Petru. Uphezulu. . . Uyomfumana lapho, futhi uzofika akutshele amaZwi.”

⁷⁶ Awu, wacabanga ukuthi umbono wawuyiwo ngempela kakhulu. “Ngangingalele; ngangiyibuka ngqo i—iNgelosi.” Ngakho wathumela amanye amabutho athembeke kunawo onke ezansi.

⁷⁷ Futhi eselapho, uNkulunkulu wayenza umphostoli alungiselele ekugcineni koluny’uhlangothi lomugqa. Yayisithi, “Manje, vuka.” Yathi. . . Lokhu wayephezulu esiqongweni sendlu elindele u—uNkk. Simoni alungise idina. Futhi ngenkathi ephezulu lapho. . . Wayekade eselambile, mhlawumpe ehamba, umphostoli wayekade, edabula i—izingwadule. Futhi—futhi wayecambalele phezulu lapho phezu kwendlu ngaphambi nje kwedina, esiqongweni sendlu, njengoba kwakungumkhuba. Basenza okufanayo, bacambalale phezu kophahla, futhi behla ngelada futhi ngezinye izikhathi izitebhisi nezinto, ukwehla ophahleni—bahlale phezulu lapho nokuphola kwakusihlwa.

⁷⁸ Kodwa umphostoli walala ubuthongo, futhi ngenkathi esalele, waya ngaphambili le kokulala wehlelwa yisiyezi; wayesebona-ke ishidi lehla linakho konke okungcolile nezinto kulo, wayesezwa iPhimbo lithi, “Vuka, hlaba udle.”

Wathi, “Qha, Nkosi, ayikho into eyake yangena emlonyeni wami engcolile.”

⁷⁹ Manje, niyabo, nanko umbono. Manje, bhekisisani! Lokho kuzofanele kuhunyushwe. Manje, lokho kubukeka sengathi uPetru uzothatha uhambo lokuyozingela futhi wayezothola uhlobo oluthize lwesilwane ayengakaze asidle ngaphambili futhi azame ukusidla. Wathi, “Qha, Nkosi, a—angikaze ngibe nanoma yini engcolile engena ezindebeni zami.”

⁸⁰ Yathi, “Ungakubizi lokho okuhlambulukile eNgikwenza—kungcolile eNgikwenza kuhlambuluke.” Yathi, “Vuka, kunamadoda akulinde esangweni. Hamba, ungangabazi lutho.” Ngesikhathi esifanayo ayengqongqotha emnyango. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.]

⁸¹ Manje, niyabo? Futhi-ke ngenkathi ethola lendoda lapha, lamabutho athembekile, ngokombono nje. . . Futhi nanka ebuya nayo impela indoda uNkulunkulu ayeyishilo embonweni—umuntu ongaziwa, umdobi omncane nje ongaziwa. Kodwa phakathi kwaleloqembu elincane, kwakubaluleke kakhulu ukuthi wafumana lomdobi omncane. Futhi nangu uphezulu lapha ezongena endlini manje, yona impela indawo lapho abona khona umbono. UKorneliyu wasondeza bonke abantu ndawonye wayesethi, “Ngani, kungayo impela nje indlela engakubona ngayo.” NoPetru wasukuma futhi uqala ukukhuluma ngokuthi

babeyomemukela kanjani uMoya oNgcwele, futhi kwathi esakhuluma...! Babebone yonke into ihamba ngokuhlelekile ngokuphelele kakhulu yombono owodwa. Isigejane sabantu ababengabeZizwe, ababona umbono owodwa ubonakaliswa, futhi balizwa iZwi leQiniso lokuthi babezokwemukela kanjani ukuPhila; noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo ngaphambi kokuba baze ngisho babhaphathizwe.

⁸² Bekufanele kwenzeni kulelitabernakele kulokhu ukusa na? Abagulayo, abahluphekile, izimpumpithe, abangezwa, izithulu, i-isoni, yonke into...Cabangani nje, emashumini ezinkulungwane ezinto, akukaze nakanye kwehleleke nangokukodwa okuncane! Ngani, bekufanele kuvuthise izinhliziyi zethu amalangabi!

⁸³ Manje, manje, yena nokho, kwathi nokho esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehla. Khona uPetru wayesethi, “Singala namanzi, lokhu laba sebemukele uMoya oNgcwele njengoba senza phezulu lapho.” Ngikholwa ukuthi izono zabo zase zivele zingasekho, ngokuba uMoya oNgcwele wawungeke ungene; futhi Wawungeke ungene ngaphandle uma kwakukade kuyisitsha esimiselwe ngaphambili. Wayazi ukuthi babeyolandela. Wayazi... .

⁸⁴ Ngikholwa ukuthi uPawulu, isizathu sokuba adinga abhaphathizwe futhi singukuthi, wayehluphe amaKristu. Kunjalo. Futhi Yena, uNkulunkulu wayazi, ngoba Wathi, “Ngimkhethile,” Washo kuAnaniya, umprofethi. Ngenkathi Esazi ukuthi uSawulu wayesezansi lapho ekamelweni, ubuso obenziwe-mnyama namehlo enziwe-mnyama, futhi wayekade—wayekade ekhuleke kanzima kakhulu nothuli ndawo zonke kuye, futhi waphuphuthekiswa yiNsika yoMlilo eyabonakala kuye esendleleni ebheke ezansi; Wayesethi, “Ngimkhethile isitsha kwabeZizwe.” UNkulunkulu wayazi ukuthi—ukuthi uAnaniya wayezokwazi ukumbhaphathiza eGameni likaJesu Kristu eMfuleni waseDamaseku izinsuku ezintathu kamuva. Kodwa ngikholwa ukuthi izono zakhe zase zivele zithethelelwe, kodwa wayefanele akwenze lokhu ukukhombisa ezweni. Futhi ngikholwa ukuthi leso yisizathu sokuthi sifanele sibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Futhi ngikholwa ukuthi imbewu emiselwe ngaphambili izokubona, futhi yibona kuphela abazokubona.

⁸⁵ Manje, bafowethu bokholo lukaziqo zintathu, anginjikijeli ngalokhu, mfowethu othandekayo, ngiphendula kuphela imibuzo. Nginikeza kuphela imicabango yami yangeqiniso yakho. Leteyipu ingahle ngesinye isikhathi iphethela eAfrika. Ngikholwa ukuthi sisemathunzini okufika kwaKhe. Sonke siyakukholwa lokho.

Nginabangani abaligugu, oDuPlessis noSchoemans, nabo bonke, uYeager, nalabobafowethu abakahle e—

eNingizimu Afrika. Kodwa njalo kukhona umuntu nje oma avele obala empilweni yomuntu. Nakuwo wonke umuntu o—futhi ngiyabathanda ngokuthandekayo nje njengoba ngithanda lomfowethu, othandekayo nje, kodwa uMfowethu Jackson nomkakhe njalo babevela obala empilweni yami. Ngangingakuqondi nje; wa—wama wavela obala. Manje, kukhona uJustus DuPlessis, umngani wesifuba, futhi o, abaningi kakhulu balabo abakahle, abazalwane abangamaBhunu abakahle nodade.

⁸⁶ Awu, kungani uMfowethu Jackson nomkakhe bama baphumela obala kimi na? Ngoba wayengumzingeli na? Chabo! Ngoba nginabangani abaningi abakahle ongumzingeli ezansi lapho. Kodwa wamelani wavela obala na? Futhi kungani na? Ukuba kuphela beniyazi imfihlo esemva kwalokhu konke. Kodwa angibatsheli abantu zonke izimfihlo engizaziyo. Awu, kungani kwathi ngehora elifanayo iNkosi yathi, “Thintana noSidney Jackson eNingizimu Afrika,” iNkosi yakhuluma kuSidney Jackson ukuba eze lapha na? NgeSonto iviki abhaphathizwa ngalo, yena nomkakhe, eGameni likaJesu Kristu, khona lapha esikhathini esiba mathunzi. Niyabo, emiselwe ngaphambili esisuseni. Niyabo?

⁸⁷ Manje, ngikholwa ukuthi u—u—usindiswa ngokwemukela uJesu Kristu. Nombhaphathizo wamanzi ungukuzwakalisa kwangaphandle ukukhombisa ukuthi kukhona okwenzeke ngaphakathi, ngoba amanzi awanamandla obuhle; yisifanekiselo nje. Futhi ngikholwa ukuthi usindiswa uma u . . .

⁸⁸ Manje, kunabantu abanengi (ake ngimqondisele lokhu umfowethu) . . . Kunabantu abanengi aba—abathi basindisiwe; abanengi babhaphathizwa eGameni likaJesu; abanengi bakhuluma ngezilimi, futhi banazo zonke izinhlobo zezibonakaliso zikaMoya oNgewele, futhi basalokhu bengasindisiwe ngisho. Kunjalo. “Abanengi bayakuza kiMi ngalolosuku futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini ngeGama laKho na?’—umshumayeli—‘Angizange yini ngeGama laKho ngakhipha odeveli futhi ngenze imisebenzi eminingi yamandla.’” Iyothi, “Sukani kiMi, nina enenza okubi; Angizange ngisho nginazi.” Niyabo? Ngakho zonke lezozinto, nokho ngu—ngu—nguNkulunkulu; kusezandleni zaKhe. Kodwa uma ngibona lokho . . .

⁸⁹ Wena uthi, “Awu pho, kungani ukhumbuza abantu ukuba baphinde babhaphathizwe na?” Yingoba ngilandela iphethini yasekuqaleni. Ngeke salahla leyoplani.

⁹⁰ Manje, sithatha umphostoli uPawulu ngenkathi efumana abafundi abathile ababengabantu abayisimangaliso. Ngikholwa ukuthi babesindisiwe, futhi nokho babengakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, nakuba babebhaphathiziwe (iZenzo 19). UPawulu wadabula emaphandleni angasenhla ase-Efesu;

ufumana abafundi abathile. Wayesethi kubo, “Nimamukele yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?”

Base bethi kuye, “Asazi ngoMoya oNgcwele, ukuthi ngabe kukhona uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Pho nabhaphathizelwa kukuphi na?”

Bathi, “Sibhaphathiziwe. UJohane wasibhaphathiza, yona leyondoda eyabhaphathiza uJesu.” Lowo ngumbhaphathizo omuhle impela.

⁹¹ Bhekisisani lomphostoli onamandla nokho. Wathi, “Kodwa uJohane kuphela wayebhaphathizela kukho ukuphenduka,” hhayi ekuthethelelweni kwezono, ngoba uMhlatshelelo wawungakabulawa, babhaphathizelwa kukho uku...Futhi bathi ukuzwa lokhu, baphinde babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, noMoya oNgcwele wafika phezu kwabo.

⁹² Manje, lokhu kwenzani na? Kwakukhombisa ukuthi lababantu ababekumiselwe ngaphambili ukuPhila, kwathi nje bangabona iQiniso lomBhalo, bahamba eQinisweni futhi bemukela umvuzo wekholwa: uMoya oNgcwele wafika phezu kwabo, futhi bakhuluma ngezilimi, baprofetha, bamdumisa uNkulunkulu. Seniyakuthola manje na? Niyabo? Bakwenza lokho emva kokuba sebevele bebenokuthokoza okukhulu, bememeza, futhi bedumisa uNkulunkulu.

⁹³ EBhayibhelini babenomshumayeli oyiBaptisti enhla lapho; wayebhaphathiziwe futhi. Kodwa wayenjalo, futhi waye—fakazisa nge—ngeBhayibheli ukuthi uJesu wayenguKristu. Nabantu babenokuthokoza okukhulu, futhi babejabule kakhulu nje ngakho; futhi noma kunjalo babengenawo uMoya oNgcwele! Babedingeka baphinde babhaphathizwe futhi. NoPawulu wathi kwabaseGalathiya 1:8, “Uma iNgelosi ivela eZulwini ifika futhi ishumayele nanoma yiliphi ivangeli eliphambene naleli engilishumayele kini, mayibe ngeqalekisiweyo.” Angikhathali ukuthi bekungaba yini.

⁹⁴ Ngakho-ke, ukwazi lezizinto...Mhlawumbe anizazi, bazalwane bami; kodwa ukwazi lezizinto, khona-ke ngiphoqekile futhi ngibophezelekile kuNkulunkulu ukuba ngenze iplani yesisekelo sokuqala, ngoba akekho omunye umuntu ongabeka esinye isisekelo kunaeso esesivele sibekiwe; lokho ngabaphostoli nabaprofethi. Abaprofethi bakusho kungakenzeki, nabaphostoli bakwenza; futhi sifanele siqhubeke nokukwenza isakhiwo size siqedwe.

⁹⁵ Manje, ngiyakholwa-ke, ukuthi umuntu usindisiwe uma ekholwa eNkosini uJesu Kristu ngayo yonke inhliziyo yakhe, nokuvela enhliziyweni yakhe, hhayi kunembeza wakhe ongaphandle manje... .

⁹⁶ Niyabo, wena u—ungumuntu ombili—abantu abathathu koyedwa, umphefumulo, umzimba, nomoya. Manje, ngikhholwa

ukuthi imizwa yakho yangaphandle, umphefumulo wakho—wakho e—hhayi umphefumulo wakho, kodwa unembeza wakho ongaphandle, imizwa yakho...Uma uphapheme, ngamany'amazwi, we—wehlukaniswe yimizwa emihlanu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Leyo yanikwa wena ukuxhumana nekhaya lakho lasemhlabeni; futhi i—ayinikwanga wena ukuba uxhumane nekhaya lakho lasezulwini. Kukhona eqinisweni imizwa eyisithupha emzimbeni womuntu, ngoba uyinombolo yesithupha eBhayibhelini. Wadalwa ngosuku lwesithupha, futhi uyinombolo yesithupha—umuntu uyiyo. Futhi unokubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa, nokukholwa. Ukukholwa kwakhe kumisa isiphethelo sakhe, lapho eqonde khona.

⁹⁷ Manje, ukukholwa kuyizinto ezithenjwayo, iqiniso ngezinto ongazibonayo, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Kodwa ngokukholwa, uma ebamba iZwi, Limthumela ezingeni (niyabo?) okuLenza libe yilo ngempela kakhulu kuye, kuze kufane nje impela nokuthi usenakho esandleni sakhe. Uyazi ukuthi kuzokwenzeka.

⁹⁸ Manje, kunento efanayo kulombuzo lapha ngombhaphathizo wamanzi. Niyabo? UNkulunkulu wayazi ukuthi lababantu babezobhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. NoPawulu, wabeka inkulumombiko ukuthi akukho-muntu, ngisho neNgelosi evela eZulwini, ayifanele ishumayele noma yiyiphi enye imfundiso kunaleyo ayekade eyifundisile; ngakho ngakho-ke, uma ngiza njengomshumayeli, njengomfundisi, njengomprofethi, kumbe noma ngabe ngingaba yini, noma ngisho neNgelosi eyehlayo, futhi ifundise into ephambene nalokho lomphostoli akwenzayo, futhi ngingabayalanga abantu ukuba baphinde babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, bengiyofunyaniswa yiBhayibheli ngingufakazi wamanga ngento engizisho ukuthi ngiyayikholwa.

⁹⁹ Ngakho ngikholwa ukuthi iphethini ibekwe phansi. Wonke umuntu eBhayibhelini wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Akukaze nakanye noma yimuphi umuntu abhaphathizwe egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Niyabo? Kwakungakaze kubekhona-muntu owake wafafazwa; bonke bacwiliswa.

¹⁰⁰ Ngakho ngikholwa ukuthi uma empeleni u...Embuzweni wakho, mfowethu oligugu, ngikholwa ukuthi uma uNkulunkulu azi inhliziyu yakho...Kuyoba nezinkulungwane lapho ezibhaphathizwe eGameni likaJesu. Ushona phansi nje uyisoni esomile bese ukhuphuka ungesimanzi. Niyabo, niyabo? Kodwa njengeloqobo, ikholwa leqiniso, ukuthi ufanele uhambe kukho konke okokukholwa nonembeza omuhle ngakuNkulunkulu, uma ukubona, uyabhaphathizwa! Kodwa ngikholwa ukuthi

kungukuzwakalisa kwangaphandle kuphela kukhombisa ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa wenziwe.

¹⁰¹ Kuyafana nje njengoba uNkulunkulu wakha umkhumbi. Wathi, “Nowa, ngena kuwo, wena nendlu yakho nabomuzi wonke.” Futhi bangena kuwo. Manje, ngikholwa ukuthi ukuba kwakukade kungekho-mkhumbi lapho, uNkulunkulu wayeyodedela uNowa ahlale phezu kogodo noma ahambe phezu kwamanzi. Niyabo? Kodwa wamenzela umkhumbi ukuba angene kuwo, naleyo kwakuyindlela yokukwenza; leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usindisa umuntu ngomusa. EGameni likaJesu Kristu ngokuzwakalisa kwangaphandle kuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ukungena kuwo, ngokuba bonke babhaphathizwa ngaleyondlela.

¹⁰² Angigxeki yena omunye umfo, kodwa lokho nje yi... Ngicabanga ukuthi yilokho okuyikho. Amanzi awamsindisi umuntu, akhombisa kuphela ukuthi usindisiwe; kungukuzwakalisa kwangaphandle. Manje, lokho kungahle kungabi kahle, mfowethu. Uma kungenjalo, awu, sizokuthola ngesinye isikhathi esithize noma... Kulungile.

242. KuGenesisi 6:4, emva kukazamcolo, zavelaphi iziqhwaga na?

¹⁰³ Lowo ungomuhle, muhle kakhulu. Lowo ngumbuzo ophusile. Zavelaphi leziziqhwaga na? UAdamu wayengesiso isiqhwaga ngokwazi kwethu, ngoba uma kwakunjalo, iBhayibheli laliyosho njalo. Wayengumuntu nje ojwayelekile. Zavelaphi na? Manje—manje, lena yimpikiswano enkulu, nalokhu kwanikezwa kimina nje. Kukwelikhulu, iphepha elimnyama, futhi nge—noma ezinkulu, izinhlamvu zamagama ezimnyama esiqeshini sephepha elimhlophe.

¹⁰⁴ Manje, leziziqhwaga... ngikholwa ukuthi kwakungoyedwa—omunye umuntu lapha kungekudala... Kungahle kube nguJosephus. Angi—angikusho lokho manje, bafowethu abangabefundisi, ukuthi kwakunguJosephus. Kodwa kubonakala kimi sengathi ngahle ukuba kwakunguye, noma uDkt. Scofield, noma abanye babo, owathi leziziqhwaga esasisezweni empeleni kwakuyimimoya eyawayo kaNkulunkulu eyalalela i—inganekwane kaSathane, njengoba atshela e—ngaseZulwini... Futhi kwakunguMikayeli... Ezama ukuvusa impi noMikayeli eZulwini... wakhahlelwa wakhishwa... Ukuthi lamadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi omuntu, nokuthi leziziqhwaga sasisezweni ngalolosuku, ukuthi azicindezela angena enyameni yomuntu. Uma wenza lokho, wenza uSathane abe ngumdali. Ungeke wakwenza.

¹⁰⁵ Akungaphezu kukaDkt. Smith, kwiSeventh Day Adventisti embuzini engumhlatsheho. Wathi eyodwa imbuzi eyayi... Babebulala izimbuzi ezimbili ngo—ngosuku lomhlatsheho—

usuku lokuBuyisana, nembuzi eyodwa yayibulawa nenye idedelwe. Wayesethi-ke imbuzi eyayibulawa yayimele uJesu, umthwali wezono zethu owafayo; kodwa imbuzi eyayidedelwa yayimele udeveli, othwala izono zethu amuke ayongena ephakadeni naso. Manje, niyabo, noma yini...Ngowami umbono...Uma lokhu kuke kuze kubuyele kumfowethu oyiAdventisti, angisho lutho ngaleyondoda edumileyo, uDkt. Smith. O, wayengokhaliphile, onobuhlakani, okahle, umKristu ophucukile, ikholwa; kodwa kimi, niyabo, akunangqondo. Uma wenza lokho, uhlabela udeveli-ke. Zombili zazimele ukufa kukaKristu, ukumbelwa, nokuvuka. Wafela futhi izono zethu futhi wathwala izono zethu waya nazo kude le; zombili kwakunguKristu.

¹⁰⁶ Ngakho iziqhwaga azizange zifike ngokuzicindezela zona zingene. Leziqhwaga zazingamadodana kaKayini, oyise wawo kwakuyinyoka, eyayibukeka ngakho konke ifana nomuntu, kodwa yayingomkhulu, umfo oqatha, emkhulukazi kunomuntu. Futhi yilapho lawomadodana avela khona, ngoba ayengamadodana kaKayini, ngoba ayengamaKhanani ezweni laseKhanani, lapho evela khona; futhi yilapho uKayini aya khona. Nalokho kwakuyi...Niyabo, lokho futhi kufakazisa inzalo yenyoka enobuqili. Kwakuyisizwe sabantu abehluke phaqa. Lezo kwakuyizinzalo zenyoka enobuqili. Niyabo?

¹⁰⁷ Manje, lowo—lowombuzo wenzalo yenyoka enobuqili phakathi lapha, ngakho si—sizofika kukho, futhi ngifuna nikhumbule lokhu. Niyabo? Manje, lokhu kuzonika lesisendlalelo.

¹⁰⁸ Niyabo, zazi—zazingamaKhanani, leziqhwaga; futhi zazingamadodana kaKayini, okwakuyindodana yenyoka enobuqili. Nenyoka enobuqili yayingumuntu oyisiqhwaga, omkhulu, umfo owuhlobo lwenunu, kungesiso nhlobo isilwane esihuquzelayo, emuhle. Wayeyisilwane esinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle. Futhi wayenguyena kuphela . . .

¹⁰⁹ Niyabo, i—izimbewana zesilwane zisuka esilwaneni ziya kowesifazane ngeke zazaleka nhlobo. Bakuzamile bephindaphinda; azizaleki esidodeni sowesifazane. Futhi manje, abakutholi. Thatha imfene enkulu ishimpanzi, iyinto esondele kakhulu kumuntu abangayithola, noma inkawu enkulu igorila, noma ezinye zalezo ezisondele kumuntu. NjengoNkulunkulu enguqunguqukwani yaKhe enkulu eqala ukwenza inhlanzi; wayese-ke Enza izinyoni; wayese-ke Enza ezinye izinto, izilwane, zilokhu zikhuphuka, kwaze okukodwa kwaphumela emfeneni enkulu ishimpanzi, nokuya enkawini, futhi kwehle njalo kuze kuyofika enkawini enkulu igorila, bese-ke kungena esimweni senyoka, bese-ke kusuka enyokeni kuya kumuntu.

¹¹⁰ Nesintu sizamile ukuhlola, isayense, izama ukuthola amathambo, ukuthi lesisilwane sasiyini esasisondele kumuntu.

Nomuntu uyisilwane. Umuntu, ingxenye eyinyama yinyama yesilwane; siyakwazi lokho. Siyisilwane esincelisayo, okuyisilwane esinegazi elifudumele; siyakwazi lokho! Kodwa yini eyenza umehluko na? Isilwane asinawo lowomphefumulo wangaphakathi, kodwa umuntu unawo. Sona asikwazi okulungile kokungalungile.

111 Injakazi encane ayazi ukuthi ifanele igqoke ilokwe, futhi angikhulwa ukuthi ibingagqoka izikhindi ukuba yayi—qonda. Kanjalo nengulube yensikazi yayingeke, kodwa yisintu esiwileyo. Niyabo?

112 Manje, kuvela lapho—lapho-ke. Zivela lapho-ke leziziqhwaga. Zazingamadodana enyoka enobuqili.

113 Futhi niyabo, ngenkathi ebona uEva ekulesisimo, u—uSathane wangena kuyo futhi wabangela ukuba i... Niyabo, uAdamu wayengakaze akuthole namanje. A—angazi ukuthi ngingawasebenzisa kanjani lamagama. Kungaba kuhle lapha nani nonke, kodwa omunye ukugxeka kakhulu. Niyazi, bazama njalo ukuba kubekhona abakucoshayo. Kodwa niyabo, uAdamu wayengakaze amazi uEva, umkakhe. Wayengakaze afike kuleyondawo, noSathane wamngoba lapho. Niyabo? Kwase kuthi-ke ngenkathi esekhulelwa, wayeseyamazi-ke. Sizofika kulokho kulombuzo olandelayo noma omunye walemibuzo. Angazi ukuthi ukuphi; si—ngiyawubona nje phakathi lapha. Manje, kodwa yilapho iziqhwaga ezavela khona.

243. Mfowethu Branham othandekayo, ngabe onke amadodana namadodakazi awangeqiniso, amakholwa azelwe ngokusha ayosindiswa na?

114 Qhobo, mfowethu; qhobo, angeke. Uyabo, njengoba ngi—njengoba ngikopishe uDavid DuPlessis ngalokhu ukuphawula, “UNkulunkulu akanabo abazukulu (niyabo?), amadodana nje namadodakazi.” Niyabo, ayofanele azalwe ngokufanayo impela nje njengoba uyise wabo nonina wabo azalwa ngoMoya. Niyabo? Yilokho okwenza indoda ibe ngumuntu omusha, yingoba uzalwe ngokusha, uphinde azalwe. Ukuzalwa kwakhe kokuqala kumletha abe ngumuntu wemvelo emhlabeni; ukuzalwa kwakhe kwesibili kumletha abe ngumuntu wokomoya waseZulwini. Niyabo? Kuyamguqula, umphefumulo wakhe, hhayi unembeza wakhe wangaphandle, ubuyena bangaphandle, imizwa yakhe; usathinta, futhi ahogele, anambithe, futhi ezwe; kodwa izingxenye zakhe zangaphakathi, izifiso zakhe, ezimqondisayo, seziguqulelwe kuNkulunkulu. Niyabo?

115 Manje, khumbulani, indlela kuphela lokho obekungenzeka ngayo bekungaba yilena: njengoba kwakunjalo nje ngesikhathi senduna engumRoma yekhulu. UPawulu watshela umRoma, yena noSila, ngenkathi efuna ukuhlosha inkemba yakhe futhi azibulale, ngoba uNkulunkulu wayezamazamise itilongo phansi ngokuzamazama komhlaba; wathi, “Ungazilimazi, lokhu sonke

sikhona. Vuka!” Futhi wayefuna ukwazi ukuthi kwakufanele enzeni. Wathi, “Vuka bese ubhaphathizwa, ubiza—iGama leNkosi, futhi wena nendlu yakho nizakusindiswa.” Niyabo? Ngamany’amazwi, “Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, wena nendlu yakho nizakusindiswa.”

116 Manje, kanjani na? Uma indlu yakho ikholwa ngendlela efanayo okholwa ngayo. Niyabo? Khuleka futhi unikele abantwana bakho kuNkulunkulu bese ubambelela kuNkulunkulu, ukholwa ukuthi bayosindiswa.

117 Ngisanda kuqeda ngokwangehlela ngoRebekah wami. Niyabo? Nje sikunikela kuNkulunkulu. Lapho eqeda ukuba ngelincane “itshitshana,” futhi wayehamba nenye intombazane ngenkathi siqala ukuphumela lapho, eya—wagijimela ngale endlini yenye intombazane ethatha izifundo zomnyuziki. . . Nalentombazane. . . Ngiyafika ngoluny’usuku, futhi lapha lentombazane yayihlezi opiyaneni idlala umculo wokuzibinyabinya. Awu, lokho kwase kwenele nje kimi! Ngakho ngamtshela adede lapho. Niyabo? Wayesethi-ke, “Awu, ziyonandawo kuphela engifanele ngiye kuyo ukuthatha umnyuziki.” (Niyazi ukuthi “amatshitshana” aba njani.)

118 Ngase ngithi. . . Wonke umntwana ufanele edlule kulokho. Ngokwenzekayo wonke udlula kulowomnyaka. Wedlula; ngedlula. Futhi sifanele sicabange imicabango yabo.

119 Ngakho manje-ke, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho unina wayemlandela ngento ethize, futhi wamchwensa. Manje, lowo akusuye nhlobo uRibekah. Wasuka wayesebhaklaza isivalo, futhi cishe impela wayeseshaya izinto zasuka odongeni, waya esikoleni.

120 Manje, ngangifanele, ngokubonakalayo, ngikhumule ibhande lami nje, futhi ngimlandele phandle lapho egcekeni, futhi ngimbuyise esethandelwe yimisonto. Niyabo? Kodwa ngacabanga, “Awume kancane, ngifanele ngicabange imicabango yeshumi nesishiyagalombili ubudala.” Niyabo? “Manje,” ngathi, “Mama, ngiyazi ukuthi. . .” Waqala ukukhala, uMeda. Ngathi, “Ngiyazi wenze konke ongakwenza; ngenze konke engingakwenza. Manje, uma sekuphume ezandleni zethu, sifanele sithathe isinyathelo esilandelayo.”

121 Njengeline inenekazi kamnandi labhala ngolunye usuku (kukweminye yemibuzo lapha), lathi, “Mfowethu Branham, awusuye uMesiya, ungue na?”

Ngathi, “Qhabo, mem.”

Lathi, “Sikukholwa ukuthi ungumelusi wethu wezimvu, kodwa njalo usikhomba kuMelusi wezimvu oMkhulu.”

Ngathi, “Kunjalo; kunjalo.” Niyabo?

122 Ngathi, “Awu buka, S’thandwa, manje, ufanele ungilalele. Kul’khuni kuwe ukuba ukwenze lokhu; ngingumyeni wakho.

Kodwa abantu bashayela besuka esizweni sonke nangakhona lapha okwamazwi ambalwa nje eseluleko. Manje, uma u... Ngakhuluma naye ngoluny'usuku, futhi wavele wasuka kimi wahamba."

¹²³ Manje, uBecky azange akwenze lokho kimi. Niyabo? Futhi ngenkathi unina esho okuthize ngakho, wabhaklaza isivalo wayesethi, "Ubheke ukuthi mina ngihlale lapha futhi ngibe yimbali yasobondeni yonke impilo yami na?" Futhi ngokusola! Wabhaklaza isivalo wayesephuma. Lowo kwakungudeveli.

¹²⁴ Ngiyakhumbula, iminyaka yokuqala emibili yempilo yakhe ekhala. Siya esitolo kwatheng'udlele khona futhi sidla; ngangimhambisa emgwaqeni ngenkathi uMeda edla, bese eyamhambisa-ke ngenkathi ngisadla. Nje ekhala ekhala. Futhi ngoluny'usuku enhla lapha eCanada, wakhala ubusuku bonke, futhi angikwazanga ukuphumula nayo yonke into; mina ngimi lapho... Manje. NeNto ethize yathi kimi, "Ngudeveli engena enkonzweni yakho."

¹²⁵ Ngathi, "Nginikeze leyongane." Ngathi, "Sathane, ngeGama likaJesu Kristu, susa izandla zakho kuye." Wayeka khona lapho futhi akaphindange akhale. Ungumntwana othula ukwedlula bonke enginabo. Kusukela ngalo lelohora kwakungasekho. Ufanele uthole lokho... Ufanele ube nalokho kuwe nokho, ngaphambi kokuba ukwazi ukukwenza!

Kwase kuthi-ke ngenkathi e—kwase kuthi-ke lokho—waqala lokho. Futhi ngathatha uMeda cishe ihora. Ngathi, "Meda, susa izandla zakho."

"Mina? Ngumntanami lowo!"

¹²⁶ Ngathi, "Akusuye owami futhi na?" Kulungile. Ngathi, "Ukuba ubefa kulokhu ukusa, ubuyomnikela kuNkulunkulu ngesiphethelo sakhe saphakade. Asimnikeli ngani kuNkulunkulu ngohambo lwakhe lwasemhlabeni na?"

Wayesethi, "Awu, ngumntanami lowo!"

Ngathi, "Ngowami futhi."

Ngathi, "Manje, ungakuthatha okwakho..."

"Mina ngingasho lutho kuye na?"

¹²⁷ Ngathi, "Angizange ngikusho lokho. Sizoyeka ukumthethisa, simeluleke nje. Udinga umngani wesifuba, futhi nguwe ofanele ukuba ngumngani wakhe wesifuba, wena nami. Singabazali bakhe."

¹²⁸ Lababantwana namhlanje badinga umngani wesifuba. Ukuba bebenomama nobaba obezohlala ekhaya futhi abanakekele, esikhundleni sokuba phandle lapha ebharenini ehla enyuka ubusuku bonke nezinto ezinjalo, bekungeke kube no—bekungeke kube nobuhlongandlebe bezingane. Niyabo?

¹²⁹ Basuka eBhayibhelini; bonke baya ebandleni futhi benza imidlalo yokuwaka nezinto ezinjalo ne...Niyabo? Uzama ukupholisha njengenkundla kaSathane phandle yeHollywood. Ubungeke neze waletha iHollywood uyingenise ebandleni, ufanele u—ngiqonde ukuthi ulethe ibandla ulingenise eHollywood, ufanele ulethe iHollywood ezinkundleni zakho. Niyabo? Ungayi ezinkundleni zabo, akuze bona ngapha. Sinento abangazi lutho ngayo.

¹³⁰ Ngakho thina lapho saguqa phansi ngamadolo ethu sase sikunikela kuNkulunkulu. Ngathi, “Ngiyazi useneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala—uzoba nayo ezinsukwini ezimbalwa, futhi u—nentombazane esikuleyominyaka iyocabanga ngabangani abangabafana, futhi simgcine ephakathi.” Ngathi, “A—angikaze ngifune ukumbona eshada. Ngifuna ukumbeka eofisi lapha, enze umsebenzi. Ngifuna ukumbona egcwaliswe ngoMoya futhi—futhi—futhi aphile kanjalo.”

Futhi u...Awu, sonke sasifuna lokho. Wathi, “Awu, ngeke sakwenza lokho.” Wathi, “Ngeke nje akulalele.”

¹³¹ Ngathi, “Awume kancane! Simkhulise ngakho konke esingakwenza, manje mbeke ezandleni zikaNkulunkulu—mnikele.” Ngase ngithi, “Manje-ke uma enza noma yini uthi, ‘Becky, s’thandwa, umama akafuni wenze lokho, kodwa ngingumngani ongumlekeleli wakho; ngiyonamathela ngakuwe.’ Uyabo? Umazise ukuthi uyamthanda. Yena uzothola othize ozomthanda, futhi kungahle kube ngowesifazane ongalungile.” Uyabo? Ngathi, “Yiba ngowesifazane owenza ukuthanda.” Ngathi, “S’thandwa, lokho kuzwakala kuthi ukuba ngokungenanhlonipho, kodwa abantu beza ndawo zonke, futhi bahlale ezingxoxiswaneni eziqondene nomuntu, nezinto.” Ngathi, “Ngingojwaleke kakhulu; sijwayelene, ngoba siyindoda nomfazi, kodwa asikuvumeli neze lokho kwenzeke. Ufanele ukhumbule, leli yiGama leNkosi!”

Ngakho wathi, “Kulungile.”

Saguqa sase sikunikela kuNkulunkulu. Sathi sizosusa izandla zethu kukho.

Ngaleyontambama uyangena; wathi, “Awu, ngiqagele usalokhu uthi ngeke ngiye laphaya!”

¹³² UMeda wathi, “Qhabo, angishongo lutho ngakho.” Wathi, “Uyazi, uMama akafuni wenze lokho; futhi uyazi ukuthi kucishe kwambulala uyihlo ngenkathi ekuzwa enhla lapho udlala lowomculo wokuzinyikinya ibhugi wugi, noma ngabe bekuyini, naleyontombazane.” Wathi, “Manje, ubengafuni ukwenze lokho, futhi asifuni ukwenze lokho, Becky, kodwa nje sikunikele eNkosini. Ngifuna wazi ukuthi siyakuthanda. Noma yini oyenzayo, sisakuthanda.”

Wampongoloza, wathi, “Ngiyahamba noma kanjani!”

Wathi, “Kulungile, S’thandwa.” Ngakho waqhubeka. Wathi, “Kulungile, ngizobe sengikulungisile ukudla kwakusihlwa uma usubuya.” Akazange ahambe! Qhabo, akakaze ahambe kusukela lapho. Niyabo?

¹³³ Akubanga yisikhathi eside emva kwalokho wabonana noGeorge; uGeorge ungumKristu. Lokho—lokho kwakuxazulula-ke.

¹³⁴ Wayezama ukutshela uNkk. Wood ngakho ngoluny’usuku. Wathi, “O, ngachwensa kabi kabi.” Wathi, “Ubaba noMama banginikela eNkosini.” Wathi, “Ngichwense kabi kabi.” Kodwa lokho—lokho kwakungukuchwensa kithi; asifuni ukuchwensa ukwedlula lokho. Niyabo? Nje kuyeke kuhambe kanjalo. Kulungile.

244. Mfowethu Branham, ucabangani ngabethu...(O, o! Ngiyakhumbula ngifunda lona. Benginga... Bengizowugodla kuze kube kamuva, kodwa ngiqagele ngingahle ngiwufunde nje nawo. Isandla somunye owesifazane esibhalile. Ufanele ukuthi ngowaseKentucky, ngoba une—nethikithi laseKosmos Portland Cement lapha.) **Mfowethu Branham, ucabangani ngodadewethu ebandleni begqoka izingubo ezimfishane kangaka na? Ngabe akuboni yini ubufakazi bethu futhi kubeke isibonelo esingalungile sabantu bethu abasha kuleli elethu ibandla na? Kubukeka kakhulu ku i-n-...ukubona omusha—ukubona owesifazane osekulile egqoke ingubo emfishane kakhulu ngangokuthi iveza amadolo akhe uma ehamba.**

¹³⁵ Noma ngabe ungunbani, Dadewethu noma Mfowethu, noma ngabe kuyini, ngivumelana nawe ngamaphesente ayikhulu. Kuyihlazo, kodwa ngitshela ukuthi kwenziwe njani ngakho! Ngikushumayela kanzima ngakho konke engaziyo ukuthi kushuyanyelwa kanjani; bakwenza ngokufanayo. Ngakho ngukwehlulelwa kwabo, ngoba iZwi liphumile. Yebo, impela ngimelene nalezozingubo ezindadlana ezimpintsha isikhumba ezibukeka njenge...Ngididizisana njalonjalo nabantabami, uBecky noSarah. Angikhathali ukuthi bancane kanjani, ngi...lokho...Ngididizisana nabo nje ngaso sonke isikhathi. Ngicabanga ukuthi baze bagqoke ngisho nezingubo zabo... UMeda uthatha uBecky amehlukanise nsuku zonke ngayo. Niyabo? Izingubo ezize zayothi ngqi phezulu...Isizathu abantwana, ungakulindela lokho kubantwana, futhi ufanele ubaqondise; kodwa uma sekuza kowesifazane, kukhona okungalungile lapho. Niyabo?

¹³⁶ Angilimazi imizwa manje, ngiphendula imibuzo nje. Ungibuze kusukela enhliziyweni yakho; ngikutshela ngokusuka enhliziyweni yami. Uma uthola isixazululo, ngi—ngisize ungitshela, ngizokwenza impela, uma kukhona engingakwenza ngakho.

¹³⁷ Njengomunye umuntu washo ngoluny'usuku, wathi, "Awu, ngiyakutshela, Mfowethu Branham," wathi, "Ngiyakutshela ukuthi yini uAdamu noEva..." Wathi, "Kwakuyikho impela nje; babene apula!" Futhi ngiqaphelile sebekushintshile lokho manje; bathi babenani? Ngikholwa ukuthi kwakubizwa ngento ethize? [Umlisa ebandleni uyaphendula, "Iaprikhothi."—Umhl.] Iaprikhothi, ya, kwakuyi aprikhothi abalidlayo. Awu, sekuyisikhathi sokuledlula iaprikhothi futhi uma libenza baqonde ukuthi babenqunu. Niyabo?

245. Mfowethu Branham, ngemukele uMlayezo kaNkulunkulu wanamhlanje, kanjalo nendodana yethu. Futhi sobabili sibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu. Umyeni wami—umyeni wami akakawemukeli uMlayezo futhi ulwa naloMlayezo. Futhi usethonye indodana yethu futhi uyisa ebandleni leMethodisti. UFuna ngihambe naye ebandleni uma singekho enkonzweni lapha etabernakele. Kungalunga yini kimi ukuba ngihambe naye noma kungangcono ukudeda kulelohlelo na?

¹³⁸ Awu manje, uDadewethu othandekayo... Akazange asayine-gama, kodwa mhlampe ulalele umbuzo wakho; uma ungawulalele, uyowuzwa eteyipini. Hamba nomyeni wakho, kodwa ningabi ngabahlanganyeli ba—balokho abakwenzayo. Niyabo, ufanele uthande umyeni wakho, nothando yilona olukwenzayo. Yiba nobusawoti ngempela; uyothola ukoma uma kukhona okukhona kuye.

¹³⁹ Ningalijoyini ihlelo labo. Uthe, "Deda kulelohlelo." Ungalijoyini; yana kulo. Uma ungenakuwuthola ulofu, thola uhhafu; ungenakuwuthola uhhafu, thola ucezu nje. Uyabo, uyabo? Kodwa yileyo ndlela oyozuza ngayo umyeni wakho, ngokwenza lokho. Ungabi ngozidlayo, khona-ke uzokwazi ukuthi unakho impela nje njengoba unakho. Niyabo? Kodwa uma ungakhombisa okuthize onakho angenakho, lokho kuzomenza akomele ukufana nawe. Umfazi ongcweli siwe ungcweli sa umyeni.

¹⁴⁰ Leso bekuyiseluleko nje. Ngakho bengi—ngingachitha isikhathi eside kulokho, kodwa nje sifuna ukuqeda eminingi impela esingayiqeda, ngoba ngiyabona nginemizuzu cishe engamashumi amabili-nambili ngaleyonkathi. Kulungile.

246. Mfowethu Branham, ngiyawukholwa uMlayezo owushumayelayo ngayo yonke inhliziyoyami. Uxhuxhumisa umphefumulo wami; nokho, umkami nendodana abathokozi eZwini. Abafisi ukuzehlukanisa neminye yemikhuba yabo yezwe. Wena wathi sifanele siyibizele kithi imindeni yethu—yethu. Ngithola lokho kunzima ukukwenza, lokhu abaliphileli iZwi noma eZwini. Yiliphi isu lami, mnumzane na? Ngabe ngibabizela kimi futhi ngikholwe, noma ngiyakhuleka, "Baba,

mayenziwe intando yaKho,” bese ngenama esimweni engizithola ngikuso na? Ngingasithokozela isiqondiso sakho, Mfowethu Branham.

¹⁴¹ UNkulunkulu akubusise, Mfowethu noma uDadewethu, noma ngabe ungaba ngubani. Ngi—ngingabanikela nje eNkosini. Ngi... Uyabo, ngoba, “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi.” Uyabo? Manje, into kuphela yenu bantu ukuba niyenze...

¹⁴² Kwenza inhliziyu yami yakhukhumala injabulo ngoluny’usuku ngehla ngenyuka ngibona lawomadoda asehhotela labashayeli bezimoto. I... Ngehlela kuMnu. Becker. Wathi, “Billy, uyazi uk’thini? Ngiphakela lonke ibandla lakho njalo ngeSonto”—ngenkathi iBlue Boar iphakela amakhulu amathathu cishe njalo ngeSonto! Niyabo? Ngase ngiphuma lapha nalomfo ngapha, lomnumzane ohloniphekile ngapha e—eRanch House, indoda ekahle kakhulu. Ngadibana naye. Wathi...

Ngathi, “Awu, lokho bekukahle ngempela.” Ngathi, “Ngiyakuthokozela ukuthi uvimbe yonke leyonto idede phandle lapho—konke lokho kuqhubeka phandle lapho.”

Wathi, “Yebo, mnumzane, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Ungaze kanjani na?” Niyabo? Ngathi, “Wena ungaze kanjani na?”

Wathi, “Ngiyakwazi,” Wathi, “Ngiphakela lonke ibandla lakho lapha njalo ngeSonto nge...Awu,” wathi, “futhi kukhona engifuna ukukutshela khona: bangabantu abakahle. Bangabantu abakahle!”

¹⁴³ Manje niyabo, lokho kwangenza ngizizwe ngikahle. Nina bantwana bami. Niyabo? Uma ngizwa abantwana bami beziphatha kahle futhi beba kahle, lokho kwenza uBaba azizwe ekahle ngempela. Niyabo? Ngakho niyaqonda.

¹⁴⁴ Manje, manje, Mama, ngenkathi... Dadewethu, uma umyeni wakho efuna wehlele ebandleni leMethodisti, qhubeka. Ungahle ungabi nawo wonke ulofu wesinkwa, kodwa uma besho ngisho nokuthi bayakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, kukholwe lokho, ngoba nathi siyakukholwa. Manje, uma bezochezukela kokunye ukuthukuthela kwezingane nezinto, nje—nje bayeke baqhubeke, kodwa yidla lokho okungako kwesinkwa. Uyabo? Futhi kulokho, khombisa nje ngobumnandi bempilo yakho nokunaka kwakho abanye... Futhi uma ungenakho, Dadewethu othandekayo, khuleka kuze kuze kuwe, ukuthi awuzukudingeka ukuba ubeke noma yini engeyokwakhiwa, ngoba uma wenza lokho, akusikho okwangempela. Umyeni wakho angakusho lokho. Kodwa wena—uma ngempela ukhulekile endaweni ize impilo yakho igcwale usawoti woMsindisi, uyokwenza ukuxhumana. “Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyakudonsela wonke umuntu kiMi.”

Beningahamba; ngiqaphele ngempela. Ungalijoyini ibandla labo nokho! Siza ungakwenzi lokho; ungalijoyini ibandla labo, kodwa qhubeka!

247. Mfowethu Branham, nanku umbuzo obuwuhlobo oluthi ukudida kwabangingana bethu lapha. Owodwa—e—e (ngiyaxolisa) kwamanye amateyipu ukhuluma kuphela ngamaJuda esindiswa emva kokuba uMlobokazi esehlwithiwe. (Futhi ngumugqa onqumile.) Ngicela uchaze ngokugcwele ngabeZizwe abangayi ukuyongena ohlwithweni. Bengicabanga ukuthi uthe abeZizwe abashiywa bahamba bedlula kukho ukhulupheka futhi banikela ngezimpilo zabo zibe ubufakazi bukaJesu. Uma Esebuya evela kwabeZizwe eseya kumaJuda—uma Esebuya evela kwabeZizwe eseya kumaJuda, khona-ke alisekho elinye ithuba kwabeZizwe ukuba basindiswe, abeZizwe nje abasindisiwe, kodwa abangalemukela iQiniso labo losuku lokugcina bayohamba bangene esikhathini sokhulupheka bese-ke beyasindiswa ekupheleni. Kunjalo na? Ngicela uchaze, ngoba wathi kuyobakhona nje isibalo esincane esihamba singene ohlwithweni. Kuthiwani ngabantu ababekholwa eNkosini—okholwa eNkosini manje nendlela—futhi bengakholwa ngendlela oshumayela ngayo okoMlayezo walolusuku lokugcina na? Ngabe bayosindiswa na? Udade-ke wayesesayina igama lakhe.

¹⁴⁵ Manje, umbuzo omuhle kakhulu. Manje, indawo yokuqala, ukudideka kungukuthi, yilokho engikushilo ngezinsuku zabeZizwe zenziwa ngenkathi ukhulupheka—ekhuluphekeni. Manje, angibaboni abeZizwe eBhayibhelini...UMlobokazi wabeZizwe, uMlobokazi, hhayi ibandla labeZizwe manje, ibandla labeZizwe liyohamba ledlule khona esikhathini sokhulupheka (niyabo?), kodwa hhayi okwesabo...Niyabo, iBandla lingoKhethiweyo; Abedluli-ndawo kodwa uhlwitho. Bayaguqulwa nje futhi bakhishwe ezweni. Niyabo? Manje, ngizokuchaza lokho embuzweni oqhubekayo lapha, ngikuletha kusuka kuLuther kwenyuke, futhi nizobona-ke ukuthi kusho ukuthini; ngukuvuthwa koMzimba. Niyabo?

¹⁴⁶ Manje qaphelani. Manje, amaJuda elishiywayo yilelo eliyoshunyayezwa ngabaprofethi ababili, uElija noMose.

¹⁴⁷ Manje, lokhu yimicabango okungeyami, bazalwane abangabefundisi, ngendlela okungeyami engizwayo ukuthi uMoya oNgcwele uyembule kimi.

¹⁴⁸ Manje, into elandelayo ezokwenzeka ngokwamaJuda—noma uMlobokazi okhethiwe wabeZizwe ukuba ahlwithwe nabo bonke aboMlobokazi okhethiwe wabeZizwe obesukela phansi eminyakeni—ahlwithelwe eBukhoneni bukaKristu emazulwini. Abafileyo uyavuka; labo osekhona esasele futhi uyaguqulwa;

futhi bayahlwithwa kanyekanye emoyeni ukuhlangabeza iNkosi. Manje-ke, ngoba . . .

¹⁴⁹ Emva komgubho woMshado eNkazimulweni, uJesu—emva kokuba lowo esehlwithelwe ezibhakabhakeni, uJesu ubuyela emhlabeni futhi Uzazisa kubantu baKhe, emfanekisweni njengoJosefa wazazisa kubafowabo. Nomkakhe, akekho oweZizwe owayekhona, akukho-muntu kodwa uJosefa yedwa, ngenkathi ezazisa kubafowabo. Nonke niyakuqonda lokho manje na?

¹⁵⁰ Wathuma . . . Ngisho nomkakhe wayesesigodlweni, umfanekiso ukuthi uMlobokazi uyoba njalo esigodlweni eNkazimulweni ngalesosikhathi. Bese-ke uJesu Eyazazisa kumaJuda (niyabo?) emva komgubho woMshado, iminyaka emithathu nohrafu, ne—ne—nenkathazo kaJakobe, leyominyaka emithathu nohrafu, ukuphela kwesonto lamashumi ayisikhombisa likaDanyeli. UMesiya uzonqunywa phakathi kwe . . . Futhi Waprofetha iminyaka emithathu nohrafu wayesenqunywa. Futhi kukhona iminyaka emithathu nohrafu esele yabaprofethi, uMose noElija, bese kuthi-ke ekupheleni kwezinsuku zabo ezingamashumi ayisikhombisa namanje enqunyelwe phezu kwabantu, njengoba uDanyeli asho; bese kuthi-ke ekupheleni kwalezozinsuku ezingamashumi ayisikhombisa, uJesu Uzozazisa kubo. UyileyoNkosana efanele ize kumaJuda. Niyabo?

¹⁵¹ Manje, bese kuthi-ke ngalesosikhathi . . . Niyabo, uMlobokazi wabeZizwe useZulwini, nentombi elele, intombi yabeZizwe, ayizukusindiswa ngalesosikhathi; isivele isindisiwe, kodwa inqatshiwe kuMlobokazi. Futhi ihamba kuphela yedlule kuso isikhathi sokuhlupheka okwesikhathi sokuhlanjululwa, ngoba yenqabe uKristu, iZwi, lokuhlanjululwa kwayo. Ngakho izohlupheka ngezenzo zayo, kodwa uMlobokazi osebe yiZwi, ukubuyisana okuphelele kwenziwa ngoKristu, ngoba UyiZwi. Lowomzimba wadwengulwa, futhi ngenkathi lowomzimba udwengulwa, uMlobokazi wawukulowomzimba, ngoba Wonke uyiZwi! Amen! Niyakubona na?

¹⁵² Ngenkathi uJesu ehlupheka kulowomzimba, Wahlupheka . . . Isizathu owesilisa nowesifazane bangumuntu munye. UEva wakhishwa kuAdamu, neBandla . . . Kwenzekani na? UNkulunkulu wavula uhlangothi luka—luka-Adamu wayesehipha lapho umsizi, umlobokazi. NoNkulunkulu wavula uhlangothi lukaJesu eKalvari wayesehipha uMlobokazi. Niyabo? Futhi ngenkathi uJesu efa eKalvari . . . Khumbulani, uMlobokazi awakhishwa emzimbeni kwaze kwafa umzimba. Wayesevele efile, futhi babezokwephula imilenze yaKhe. Nomprofethi wathi, “Akuyikubakho nalinye ithambo elephulwayo.” Ngakho base besihoshile isando ukwephula umlenze, nendoda yenyuka nomkhonto yase iwuphisela enhliziyweni yaKhe; futhi amanzi negazi kwaphuma;

Wayesevele efile. Wayesevele ehlangiwe emzimbeni ngokufa kwaKhe, ngakho asisekho isikhathi sokuhlupheka kokuzwa ubuhlungu obuningi soMlobokazi. Niyabo? Uyangena. Kodwa ibandla labeZizwe nje elikholwa nguYe futhi lathatha izivumokholo zobuhlelo kanjalo njalo, futhi nakhona . . .

¹⁵³ Njengoba lomuntu ompofu wathi: “Umyeni wami nendodana, basazithanda izinto zezwe nezinto ezinjalo . . .” Niyabo, abakakwemukeli lokho kuhlenga, ngokuba uma ukwenza, kukuhlanza ngokuzenzekelayo. “Ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono.” Akukho sifiso, akukho lutho kuye okwezinto zezwe.

¹⁵⁴ UJesu wathi, “Othanda izwe (iKosmos manje isimiso somhlaba nezulu), noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye.” Akathandani noMyeni. Niyabo? Ngakho-ke, uzofanele akhokhe leyonhlawulo, futhi hhayi . . . Akasindiswa ngalesosikhathi; usindiswa manje ekufeni kwaphakade; kodwa uzodingeka ahambe edlule esikhathini sokuhlupheka ukuba ahlanjululwe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, manje, lokho—ngikholwa ukuthi lokho kuzazulula lowombuzo. Ake sibone, kukhona enye into ethize lapha.

¹⁵⁵ “Ngicela uchaze, ngoba uthe kuyobakhona nje isibalo esincane esingena ekuhlwithweni.” Lokho yilaba abasemhlabeni ozoguqulwa. UJesu wathi, “Isango lincane nendlela iyingcingo, kepha bayoba yingcosana abayifumanayo.”

¹⁵⁶ “Kuthiwani ngabantu abakholwa eNkosini manje nabanga—futhi hhayi ngendlela oshumayela ngayo na?” Abadingi ukuba bakholwe lokhu. Abadingi ukuba bakholwe ngendlela engikushumayela ngayo. Niyabo? Abadingi ukuba bakholwe yilokho. “. . . koMlayezo wosuku lokugcina. Ngabe bazosindiswa na?” Yebo, uma beyikholwa iNkosi. Niyabo? Futhi uma be—uma bengavumelani futhi bathi, “Angikholwa ukuthi UyiZwi. Angikholwa ukuthi lokhu kuqinisile. Angikholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele,” lokho kukhombisa ukuthi baqondephi, isikhathi sokuhlupheka. Kodwa labo abangemukela iZwi ekugcwaleni kwaLo, kungesimina engiLishumayelayo, ngoba YiBhayibheli elisho njalo. Labo abemukela lokho ukhululekile, ngoba ba—iZwi selivele lehlulelwe.

¹⁵⁷ Manje, ngabe umaHluleli olungileyo ubengahlulela umuntu kabili nganoma yini uma inhlawulo ibisikhokhiwe na? Ukuba bengisephonshop isitolo esibolekisa ngemali kuthathwe izibambiso, bese uyafika wase uthi, “Ngizomhlenga”; wase uyangena wase ukhokha inani lokuhlengwa kwami (naleyoyinhlawulo yami yokuba sephonshop), bese ukhokha ukuhlengwa kwami, manje-ke iphonbhrokha ingangimangalela kanjani futhi na? Ngaphandle uma ngithengiswa futhi. Nakho

lapho okhona. Ngenkathi ngenqaba ukuGwala kweZwi, khona-ke ngibuyela ngqo ephonshop futhi. Niyabo, niyabo? Bese-ke ngilwela indlela yami yokuphuma futhi, uma ngingakwenza. Kodwa Wangihlenga. Kulungile. Ngithemba ukuthi lokho... Ngi—nginokuningi kakhulu nje lapha ngifuna ukuthola lena e... [Kuphela icala lokuqala leteyipu. Icala lesibili liqala ingxenye yombuzo ingasekho—Umhl.]

248...lomDonso wesiThathu futhi ukhuluma iZwi. Kubonakala kungenzeka ngakho konke ukuba ukhulume izwi nomunye ngokuphelele ngokugcwele abuyiselwe, abekwe ngakho konke alungele uhlwitho ekuvukeni, iNdodana yomuntu. Lokhu kunjalo, noma akunjalo na? Futhi ubungakwenza lokhu uma kucindezelwe ngokuyikho, ubungeke na? “Waphunyuka kuzo zonke lezizinto (kuphindwe into efanayo lapho)—uphunyuke kuzo zonke lezizinto nangaphambi futhi ume phambi kweNdodana yomuntu”? (ULuka 21:36)

¹⁵⁸ Manje, mngani wami—wami othandekayo. Niyabo? Manje, ngicabanga ukuthi nakhu lapho o—o—une—unesitatimende esihle. Yebo, mnumzane! Yebo, mnumzane! Manje, lokho bekungaba njalo. Wena uthe, “Mfowethu Branham...” Ngamany’amazwi, nakhu engi... angicabangi ukuthi ku... Nginga... ngikholwa ukuthi ngi... Kungesikho ukupholisha okushilo, kodwa ngikholwa ukuthi ngingakwenza kuthi ukucaca kakhudlwana kubantu. Niyabo? Uyakholwa, ngenxa yamaZwi aKhulunyiwe nezinto ezinjalo Asho ngazo. Nani nonke lapha nazibonela ngamlehlo izingwejeje nazo zonke lezi ezinye izinto eyenziwe. Kodwa niqaphelile, lokho kwanikezwa ngoBukhosi! Angizange ngiMcele, “Nkosi, mangikwenze lokhu, khuluma lezizinto phakathi kanjalo, yenza lezizinto lapho.” Angizange ngiMcele lokho. Yena ngentando yaKhe yobuNkulunkulu wafika kimi wayesethi, “Hamba wenze *lokhu*.” Niyabo? Ngangingaceli neyodwa into ngakho. UMose akazange acele ukwehlela eGibhithe, kodwa kwakunguNkulunkulu owamthumela ezansi eGibhithe. Niyabo?

¹⁵⁹ Manje, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele wawungafika kimi futhi usho embonweni, “Hamba utshele umuntu *othize-thize* ukuthi aba—bazama ukunqoba into *ethize*, futhi bangeke bakwenza. (Futhi bayabhema; bayaphuza; baqamba amanga, bayeba, noma bayaphinga, noma kungahle kube yini; noma banomoya wokukhanuka.) Futhi yana nje lapho bekhona bese uthi, ‘Wena moya, phuma lapho; ngikhulula lomthunjwa.’” Bekungenzeka na? Uqobo! Yebo, impela, lokho bekungenzeka uqobo; bekungenzeka. Kodwa manje, phezu kokucabangela kwami uqobo... Manje, *ukucabangela* ku—kuchaza ukuthi “ukulinga ngaphandle kwegunya.” Niyabo? Ngehlela lapho ukusiza lomuntu; ngiyacabangela nje ukuthi kuzolunga. Niyabo?

Manje-ke angazi; ngingalibiza iGama leNkosi phezu kwabo; ngingabakhulekela, ngenze noma yini engifisa ukuyenza.

¹⁶⁰ Ukuba benginendlela yami kulokhu ukusa. . . Ngi—ngisanda kuba nengxoxiswano nje nalelinenekazi elincane kulesisihlalo esinamasondo. Ukuza kulomhlangano namhlanje, badingeka babe nomnyango wezicishamlilo ukulikhipha endlini yalo eChicago; nabantu bakhe ngaphesheya komgwaqo futhi abezi emhlanganweni. Niyabo?

¹⁶¹ Yini ebengingayenza na? Ukuba bekusemandleni ami. . . Kuse. . . Ngingegunya lokukwenza, kodwa ngifanele ngilindele iziyalo ukuba ngikwenze. Niyabo? Ngingegunya elivela kuNkulunkulu lokukwenza; kodwa manje, uma Enikeza iziyalo, ubezobuyela ekhaya esindile. Niyabo? Ngiyazi ukuthi lelo yiqiniso. Niyabo? Bengiyovuma nje ukufa kulokhu ukusa kulokho njengoba ngi—bengiyoba kunoma yini. Niyabo? Lelo yiqiniso.

¹⁶² Kodwa kuqala, niyabo, yilokho konke lokho. . . Akukho-muntu, ngisho noJesu uQobo wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo.” Siyakwazi lokho. UJohane oNgcwele 5:19. Kulungile. “INdodana ayenzi lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana izokwenza kanjalo.” Kulungile.

249. Ngabe umbono owaba nawo eminyakeni eyedlula yesibonakaliso esikhulu ukuba senzeke eduze kwaseCorydon, eIndiana, uyoke ufezeke na?

¹⁶³ Ngibheke ebhukwini lami ngenkathi ngithola lona ngase ngibeka uphawu lombuzo. Manje, kwakuzoba khona isikhathi engangi—ngifanele ngibhekisise lapho leyomisedari. . . Lapho uqala nje ukwehla ngegquma lapho, ngakwelinye icala, ngehlela ngaseCorydon, emva kokuba usuphuma esiqongweni segquma eNew Albany, ngangizobhekisisa leyomisedari ngengozi esabekayo engiyoba kuyo. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, ngaphunyuka kuyo ngenkathi intombazane esencane, iphuza ibhodlela likagologo, yafa—umqala wayo wanqumeka khona lapho nebhodlela eyayinalo emlonyeni wayo, intombazane eneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, futhi ngangikade ngikhona ngapho ngalesosikhathi. Niyabo? Manje, lokho kungahle kube yilokho obukhuluma ngakho. Ngakufunda lokho.

¹⁶⁴ Kwase kuthi-ke futhi, ngenkathi nginalomhlangano kwaMfowethu Beanblossom. . . Kungahle ukuba kube yilokho. Kungahle ukuba kube nguGeorgie Carter. Niyabo? Leyo kwakungenye eyenzeka lapho. Bese kuthi-ke kunezine noma ezinhlanu zazo phakathi lapho. . . Angibonanga lutho kodwa lokho okwakufezekile. Uma—uma umuntu obhale lokhu ubengakubhala aphenyule futhi asho ukuthi ngathini

ngalesosikhathi, khona-ke ngizokubheka. Niyabo? Uma nje uzongitshela ukuthi ngathini, umbono... Isizathu ngaqaphela embonweni lapho izinto engazihlela phansi ebhukwini, futhi nakhu lapho okwenzeka khona kanje. Ngangingenalutho engaluhlela phansi, engilwaziyo, noma yiyiphi into ethize ngaphandle kwalokho.

¹⁶⁵ Bese kuthi-ke kwakukhona enye into; lokho kwakungukuphenduka kukaOmar Price ezansi lapho ngalesosikhathi ngenkathi engisola kakhulu. Futhi niyazi, ufika etabernakele futhi wabhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu. O, wayelwa nami kanzima kakhulu ngalokho; futhi ngahlala naye ebusuku. Ngaqhubeka nokumthanda nje, ngihlala khona lapho nje ngokufanayo; kodwa ekugcineni uyeza, ngoba iNkosi yangitshela ukuthi wayezoza, futhi ngakho nga—ngahlala nje ngqo nakho. Niyabo?

¹⁶⁶ Into efanayo ngomshumayeli omncane ehlezi emva kwami lapha. Ngehlala eClarksville ukuba ngiyokhuluma naye ngesinye isikhathi, ngimkhulumele kulelobandla leMethodisti, futhi wayengumMethodisti ngakho konke—engikuqondile. Ngiyabuya enhla lapha; ngathi, “Omuniye umuntu ngizombhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu.” Futhi ngakwenza; lowo nguMfowethu Neville!

250. Uma kungalungile kimi uku—ngabe akulungile yini kimi ukuba ngibe nesitolo so—sobuhle na? Ngingumlungisi wobuhle futhi angikholelwa kumaKristu egunda izinwele zakhe, kodwa ngiyazigunda ezabanye no (ngiqagele ngum m-b-a-d-l-a-n-a, umbadlana, lokho kuchaza umbala, ngiqagele, akusiwo na?) mbala futhi.

¹⁶⁷ Dadewethu othandekayo, nginga—ngeke ngazi ukuthi ngingakutshela ukuthini. Lalela, ngeke ngasho ngabesifazane ngalokho, ukufaka umbala izinwele zabo. AnginamBhalo omelene nalokho; ngingahlala kuphela nomBhalo. Niyabo? UmBhalo awusho ngabo ukuthi bangakwenzi lokho. UmBhalo uthi ufanele abe nezinwele ezinde, futhi emva kwalokho, angazi ukuthi kuyiwaphi. Niyabo? A—angazi lutho ngalokho.

¹⁶⁸ Manje, umfundisi omncane okhona lapha ndawondawo ngiyazi, umngani wami othandekayo, sasixoxa sindawonye ngoluny’usuku eBlue Boar ngenkathi sasinedina. Wathi, “Umkami uwuhlobo olunamahloni ukuza phambi kwakho.” Onobungcwele kakhulu, omesabayo uNkulunkulu, owesifazane omncane, futhi uyi—yinenekazi elincane elihle, ugoto, no...Kodwa ungelihle, elihlanzekile, ngempela...Umkami uyahlanya nje ngalona wesifazane, futhi—futhi ngicabanga ukuthi ungowesifazane wangempela, ngempela. U...Angazi noma ngabe uhlezi lapha yini; ngiqagele uhlezi khona. Ngicabanga ukuthi umyeni wakhe ulapha. Futhi wathi kimi; wathi, “Wayekela izinwele zakhe zaphuma zakhula

emva kokuba ezwe wena ushumayela futhi uyabona ukuthi kwakuqinisele, kodwa,” wathi, “ubesebenzisa okunye okwenza umbala ezinweleni zakhe; futhi uzama ngamandla akhe onke ukuthola wonke lowombala ukhule uphume ngaphambi kokuba eze ngalapho okhona wena.”

¹⁶⁹ Manje buka, Dadewethu othandekayo, ngikuhlonipha kakhulu lokho. Nginokumhlonipha owesifazane oyokwenza lokho. Ngokuba omunye wesifazane ukwenyuka nje futhi alungise izinwele zakhe noma ngayiphi indlela, noma ukuxhoma ezinyaweni zakho bese uhamba ngokuzidla futhi ungenazinhlonipho nhlobo, khumbulo, uJesu wathi, “Enikwenzile kulaba, nikwenzile kiMi.” Niyabo? Futhi ngiyakuhlonipha lokho kuwe, noNkulunkulu uzokubusisa ngalokho.

¹⁷⁰ Kodwa, Dadewethu, mayelana nombala wezinwele noma into efana naleyo, a—angazi. Ngeke nga—ngakwesekela lokho ngomBhalo, ngakho ngi—lokho kukuwe nje. Uyabo? Wena, uma ufuna ukukwenza, lokho kulunge ngokuphelele kimi. Ngokwazi kwami, ibandla alinamkhuba onjalo. Uma ufuna . . . Noma yini engekho kuleliBhayibheli, awu, vele nje u . . . Lokho kukuwe. Uyabo? Kodwa nje ngizokunika iseluleko sami, uyabo, futhi ngokwazi kwami . . . Uyazi, kuyimvelo yowesifazane ukuba afune ukubukeka emuhle; ufanele abe ngaleyondlela.

¹⁷¹ Niyazi, kuyoyonke impilo ekhona, isilisa yisona esihle kunazozonke, ngaphandle kwesintu. Thatha noma yiyiphi inyoni, inkomazi. Thatha isigejane sezinkomo. Yiyiphi enhle kunazozonke, inkomazi endala enezimpondo ezigoqene noma inkunzi enkulu na? Thatha inyamazane idiye; yiyiphi, isikazi elincane noma inyamazane na? Thatha isigejane sezinyamazane ezimpondo-zimagatsha ama elki; yiyiphi enhle kunazo zonke, iduna noma isikazi na? Imusi inyamazane empondo zimanxakanxaka, noma ngabe ufuna ukwenzani. Kuthathe—kuthathe enyonini; kuthathe enkukhwini, iqhude noma isikhukhukazi na? Kuthathe enyonini, encane—ebomvu klebhu ikadinali enhle enkulu noma isikhukhukazi esincane esimakhwifikhwif, esihlala esidlekeni saso futhi sikhulise amaqanda aso na? Niyabo? Yonke into esizweni sonke, njalo i— isilisa yisona esihle kunazo zonke, kodwa isifazane kumuntu. Ngani na? Wabangela ukuwa. USathane wakhetha yena khona lapho, nobuhle bungobukadeveli. Niyabo?

¹⁷² USathane wayeyingelosi enhle. Wayeyikherubi elalisibekele. Bukani ukuthi umehluko onjani owesifazane awutholayo manje kulokho ababevame ukuba yikho. Bangaki omkhumbulayo uPearl—ofunda ngoPearl Bryan na? Ake sibone izandla zenu, abanye benu bantu asebebadala kakhulu. Impela. Niyabo? Ethathwa ngokuthi wayengowesifazane omuhle kunabobonke eMelika. Noma yimuphi umdlwembe oyitshitshi elincane emgwaqeni ubungaba muhle ngokuphindwe kabili

kunoma enjalo manje. Ngani na? Yilokho impela nje iBhayibheli elakushoyo: “Kwathi amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi omuntu ukuthi ayemahle...” Leso kwakuyisigejane samambuka athumela uzamcolo phezu komhlaba, ukuthi uNkulunkulu wabhuhisa isintu sonke. Niyabo? Kunjalo impela. Futhi namhlanje yonke into isekeleke phezu kweHollywood no—nobuhle nezinto ezinjalo, kanti ubuhle buyinto eyimfihlo yenhliziyo (niyabo?) futhi akusikho ukubonakala okungaphandle. Mabazihlobise, hhayi ngokubonakala okungaphandle, kodwa okungaphakathi, kobumnene, umoya onobubele. Lowo ngu—lowo ngumKristu.

Ngakho manje, embuzweni wakho, Dadewethu, angazi nje ukuthi ngikutshele ukuthini.

Manje, ngingama khona manje noma ngithathe eminye imizuzu engamashumi amathathu-ke, bese-ke... Ngabe imizuzu engamashumi amathathu...? Bangaki abazohlala nje eminye imizuzu engamashumi amathathu, futhi kuzothi-ke lokho kusinike isikhathi esithe xaxa kulobubusuku. Awu, ngizoshesha masinyane impela-ke.

251. Mfowethu Branham, ngabe loThimothewu wokuQala 2:9 uchaza ukuthi owesifazane angezeluke izinwele zakhe ngokuzihlobisa na? Ngabe “ukwaluka” izinwele kuchaza izinwele “ezalukiweyo” na?

¹⁷³ Manje buka, Dadewethu, manje lokhu... Ngi—ngiyajabula ukuthi lowo ulandele lona. Angizange ngiwuhlele lapha, kodwa nje u—ulandele lowo kahle.

Qaphelani, izinwele ezalukiweyo ngalolosuku kwakuyisayini yeseqamgwaqo; yilokho esikwenzile, seluka izinwele zaso. NoPawulu wathi kumaKristu, “Manje, lokho kuhloba, akungabi ngokwezalukiweyo...” (noma “ezalukwe ngokuzihlobisa” ne “zalukiweyo” yinto efanayo)—ukwaluka izinwele zabo, ngoba kwakubukeka kufana nalo lonke izwe.

¹⁷⁴ Manje, awufanele ubukeke ufana nezwe noma uziphathise okwezwe! Uyabo? Abesifazane bafanele babe ngabehlukile lapho. Niyabo? Qhobo, manje, izinwele ezalukiweyo... Manje, namhlanje izinwele ezalukiwe zinhle, futhi ziqhelelene kude le nefeshini yezwe. Manje, nibabonile abesifazane, indlela abalungisa izinwele zabo namhlanje... Nje gcina izinwele zakho zinoma kanjani; nje ungabukeki ufana nezwe! Uyabo? Ungabukeki noma ugqoke njengalo! Uma begqoka izikhindi, wena gqoka ingubo. Uma be—uma belungisa izinwele zabo konke—bezigunda zonke futhi baziphungule, futhi bazilungise njalonzalo... Wena—wena—wena yeka ezakho zinjalo nje. Uyabo?

¹⁷⁵ Nezalukiweyo—kodwa ezalukiweyo... Umbuzo ubuthi: Ngabe “ezalukiweyo” kuchaza—“ezalukiwe ngokuzihlobisa”

kuchaza “ezalukiweyo” na? Yebo, kunjalo. Futhi manje, emgwaqeni. . .

¹⁷⁶ Manje, ngakubheka lokho ukuthola eminyakeni edlule ukuthi izinwele “ezalukiweyo” kwakuchaza ukuthini. Niyabo? Owesifazane, empeleni, abesifazane basendulo, babevele badonse izinwele zabo ngemuva bese bezibopha, zifane kakhulu nomsila weponi namhlanje. Futhi babehambahamba. . . Babegqoka izingubo ezinjalo, kodwa izeqamgwaqo zazithatha izinwele zazo ezalukiwe yonke indawo emakhanda azo, futhi zizisonge kunjalo, bese zifaka izimbali kuzo nezinto ezinjalo, nalolo kwakuluhlobo lwesi—simukanandwendwe emgwaqeni; njengoba besingabona us’mukanandwendwe namhlanje nje, indlela agqoka ngayo. Ngithi *us’mukanandwendwe*, ngoba niyazi sengiyikhehla; ngakho yilokho ababebabiza ngakho ngezinsuku zami. Bakubiza ngokuthini namhlanje na? Ngi. . . He, angazi. *Amachwane* noma into ethize noma enye. Ngakho. . . Noma ngabe kuyini. Banike noma yiluphi uhlobo lwegama, bayalithanda.

252. Mfowethu Branham, washo kwenye yamateyipu ukuthi uNowa wasindisa indlu yakhe. Ngabe lokhu kuchaza ukuthi umama angaba nokukholwa okufanayo ngendlu yakhe na? Futhi ngabe kuchaza ukuthi wonke owomndeni uyoindiswa uma sikukholwa na?

¹⁷⁷ Manje, lokho yi—ya, lolo wuhlobo lwe. . . Ubufanele ubhekisise indlela engiphendula ngayo lona manje. Uyabo? Kuqala, “Washo. . . (Manje, ake ngibone lokho.) Washo kwenye yamateyipu akho ukuthi uNowa wasindisa indlu yakhe.” Ngani na? Ngoba bakholwa. Yilokho-ke, ngoba bawukholwa umlayezo wakhe.

¹⁷⁸ “Ngabe lokhu kuchaza ukuthi umama angaba nokukholwa okufanayo ngendlu yakhe na?” Yebo, Dade! Sengiyayibona inhliziyi kamama ekhalela abantu bakhe. “Futhi ngabe lokhu kuchaza ukuthi wonke owomndeni uyoindiswa uma sikukholwa na?” Yebo, uma beyokwemukela. Kunjalo.

¹⁷⁹ Khumbulani ujele waseFilipu. Kholwelwa kokubili wena. . . Uma unokukholwa okwenele kwensindiso yakho uqobo, ungeke waba nalokho kukholwa okufanayo okuyosebenza phezu kwabantu bakho na? Yini ukukholwa na? Kungamandla angabonwayo. Niyabo? Yini i—yini i—nguMoya. UMoya oNgcwele uletha ukukholwa. Niyabo? Kungamandla angabonwayo.

¹⁸⁰ Kungani ngibeka izandla phezu kwabagulayo na? Niyabo? Uma ngingathola lokho kuxhumana nomuntu ngqo nalowomoya kulowomuntu lapho, kukhona okuzokwenzeka. Niyabo? Nakhu kumi uMoya oNgcwele; Uzokwembula izimfihlo zenhliziyi. Uyokwenza khona impela Athi Uyokwenza ngosuku lokugcina.

Abantu bayakukholwa lokho; bayakubuka, “Yebo, mnumzane, ngiyakukholwa lokho.”

¹⁸¹ Manje, uma nje ngingabi ngojwayelekile kakhulu kini (niyabo?)—kuba yinto nje ejwayelekile. Uvuthela wedlule kuyo ngosuku olulodwa futhi uvuthele kuyo ngosuku olulandelayo. Niyabo? Lokho yi—lokho nje ngukuthatha amashansi. Awukukholwa endaweni yokuqala (niyabo?), ngoba uthi nje ungakukholwa. . . Lowo wesifazane wathi, “Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngiyosinda ngakho konke,” futhi wakwenza. Niyabo? Akashongo ukuthi, “Ake ngikuzame futhi.” Niyabo? Wakukholwa. Niyabo? Lokho yi—lokho. . .

¹⁸² Manje, uma nje uzokholwa ngakho konke okuphakathi kuwe wenzele umndeni wakho. . .

¹⁸³ Manje, njengalapha, yini engifuqayo na? Yini—yini lamandla asengalweni yami na? Ngempela akusiso isikhwepha sami, ngumoya wami. Impela, khipha lowomoya, futhi sizokwenzani isikhwepha na? Sife fi. Niyabo? Sizobola, kodwa si. . . Niyabo, ngumoya oqinisanayo.

¹⁸⁴ Bukani uSamsoni omncane. Inqwaba yabo babone iminyango ibukeka sengathi uzoba phakathi kwalezizigxobo ezimbili lapha. Ngani, indoda enkulu kangako yayingaqukula ibhubesi futhi ilidwengule libe yizicucu, Mfowethu Jackson. Ibhubesi ligxumela indoda enjengaleyo ngomnyango—ngamahlombe anjengomnyango wenqolobane, ngani impela, lokho bekungeke kwaba yimfihlakalo; kodwa imfihlakalo kwakuyile, wayeyisigqunswana esincane esikhanda linezinwele ezisongene, omncanyanyana, umfo omdala, ethi akabe—sasitabanyana, umfana omncane kamama, izinwele ezisongene eziyisikhombisa zesitabanyana zilenga emhlane waso. Kodwa niyaqaphela, wayengenasizo nje njenganoma yini kwaze kwehlela kuye uMoya weNkosi. Futhi ngenkathi uMoya weNkosi ufika phezu kwakhe, lelobhubesi laphuma lagijima futhi labhavumula, wavele walidwengula nje laba yizicucu. Kwakungesuye uSamsoni; KwakunguMoya weNkosi.

¹⁸⁵ Manje, uzowuthatha kanjani umhlathi womnyuzi, owawukade uhlezi ogwadule futhi wenziwe waba mhlophe. . . Nalezozigqoko zezivikelo zamaFilisti sasithi asibe yi intshi ubugqinsi bethusi eliqinile. Awu, thatha umhlathi bese ushaya ngawo esinye salezozigqoko zezivikelo, ungaba yinkulungwane yezicucu. Niyakwazi lokho. Babeyoshaya lowo omdala, umhlathi owomile. . . Kodwa bukani lapha, wama lapho nalomhlathi usesandleni sakhe futhi washaya walahla phansi inkulungwane yamaFilisti; abanye abasele babalekela emadwaleni. Wathi, “Wozani, niyakufuna okunye kwakho nani na?” Esalokhu—esalokhu ewuphethe! Kwakuyini na? UMoya weNkosi wehlela kuye. Niyabo?

¹⁸⁶ Ngakho-ke, NguMoya weNkosi. Futhi uma unoMoya weNkosi kuwe ukuba ukholelwe insindiso yakho uqobo, beka lokho phezu komndeni wakho. Uthi, “Ngibabizela kimi ngeGama likaJesu Kristu; ngikubiza kube ngokwami! Nkulunkulu, angazi ukuthi Uzomenza kanjani akwenze, nokuthi Uzoyenza kanjani ikwenze, kodwa ngiyakukholwa. Ngiyakukholwa, Nkosi! Siza ukungakholwa kwami.” Kubize kube ngokwakho bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Kuzokwenza.

253. Ngabe uMlobokazi uyo—ngabe uMlobokazi uyothi ngaphambi kokuba kufike uJesu, ngabe Uyoba nawo onke amandla kaMoya oNgcwele ukwenza izimangaliso, avuse abafileyo, nakanjalonjalo njengasemvuleni yamuva—noma ngabe lena yimvula yamuva yamaJuda ayinkulungwane eyikhulu namashumi amane nane na? Ngabe bonke abefundisi bayoba nakho lokhu, ngabe si—ngabe silindele ukufika nje na?

¹⁸⁷ Yebo. Uyabo, mngani, a—a—angisuye usiyazi wezenkolo. Angisuye usiyazi wezenkolo; ngakho-ke, ngifanele ngifundise konke lokho engikwaziyo ngeBhayibheli kusukela ngezithunzi nangemifanekiso. Nithi ukungibiza ngomfanekisi. Kodwa uma ngingabuka kulolobonda, futhi ngingakaze ngizibone mina uqobo; bese ngiyabuka, futhi ngingabona ukuthi nginekhanda, nezindlebe, nezandla, futhi—ngazi okuthize ngalokho engizobukeka ngiyikho uma ngike ngizibone. Niyabo? Uma ngibona ukuzibona kwami esibukweni, ngiyazi ukuthi bengingabukeka nginjani ukuba bengingama qekelele bese ngizibuka mina uqobo.

¹⁸⁸ Manje, yileyondlela engiyicabanga ngeBhayibheli. “Zonke ezalezizinto,” kwabaseRoma 26 kwathi, “kwenzeka kube yisibonelo sethu.” Singabuka emuva futhi sibone ukuthi kwakuyini, njengenyanga ibonisa ukukhanya kwelanga. Siyazi ukuthi ilanga liyonga yini nxa—uma singaliboni neze ilanga; singayibona inyanga, futhi sibone ukuthi lizoba likhulu kunalokho. Awu, uma ubona ukuthi kwenzekani eTestamenteni eLidala, kungukuboniswa kwalokho nje okwenzeka kweLisha.

¹⁸⁹ Manje, phakathi lapha, ngikholwa ngenhliziyo yami yonke ngi—sinjalo, noma lolu izinsuku...Uma singenjalo, omunye unjalo; kuzofanele kube njalo. Isikhathi sesihambile; sisekupheleni!

¹⁹⁰ Wonke...Izwe...UNKulunkulu wenza izwe ngeminyaka eyinkulungwane eyisithupha, futhi ngenkulungwane yesikhombisa Waphumula. Wathi umuntu akasoze aphila lesosikhathi asiqede—u—unyaka—noma—noma usuku—“mhla uwudla, kumhla ufayo.” UAdamu—noma uMetusela waba ngumuntu omdala kunabo bonke owake waphila eBhayibhelini, futhi wayeneminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye

namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye ubudala; futhi akazange aphile leyominyaka eyinkulungwane. Kodwa umuntu ozophila isikhathi esiyiminyaka eyiNkulungwane, iminyaka eyinkulungwane, ukukhombisa ukuthi i—ukuthi inhlawulo seyikhokhiwe... Umuntu uphila kuze kube-phakade; usuku seluphelile; isikhathi sesiphelile; basephakadeni.

191 Kambe, ngithole izincwadi eziningi kakhulu emlayezweni wami amaSonto amabili noma amathathu edlule ngokuthi—*IKhaya leNkathi eZayo loMlobokazi noMyeni*. Lokho ngempela kwashaya ekhaya ndawondawo enqwabeni yabo. Lokho... Kwenza nakimi. Angikedluli kukho.

192 Manje, qaphelani. Kulokhu (niyabo?), uAbrahama wabona... Manje, njengoba Asebenzana noAbrahama, kanjalo Usebenzane nenzalo yakhe. Manje, ngolunye lwalezizinsuku uma sengibuya ngesinye isikhathi, ngifuna ukuthatha lokho ngithi ukusondela kakhudlwana futhi nginikhombise impela izimo zempilo ka-Abrahama. Kuhambisana impela noLuther, uWesley, futhi kwehle njalo kuze kuzofika lapha, nje impela ukuthi Wasebenzana kanjani namabandla njengoba Enza ngoAbrahama; ukuthi Wabonakala kanjani; ukuthi kwaba kanjani lapho ngenkathi Eqinisa isivumelwano kuye phansi kwegazi elichithekile, kwakungunyaka waseFiladelfiya. Yebo, mnumzane, lowo kwakungunyaka wegazi, uLuther—unyaka kaWesley.

193 Kodwa manje-ke bhekisisani unyaka wePentecostal. Emva kokuba Efika lapho, Wenza isithembiso sika*El Shadayi*, “ncela kiMi.” Umbuzo uthi: Ungancela na? Lokho kwa lethwa phambi kwamaPentecostal. Niyabo? Ungancela na? Kodwa abakwenzanga; bawadumela i—ibele elivela ehlelweni lapho abaphuma khona. Kodwa-ke iNzalo, iNzalo yangempela, iyeza ukuzoncela lelebele.

194 Futhi kwakuyini isibonakaliso sokugcina ababa naso, ngaphambi kwaleyondodana ethenjisiweyo ababekade beyilindile yonke leminyaka, uma Ebuya na? KwakunguNkulunkulu emi esimweni soMuntu futhi ekwazi ukubona imicabango efihlakele owawusenhliziyweni kaSara (uSara eyiBandla, emele iBandla)—wabona ngokufihlakele imicabango oseBandleni elalingemuva ngisho kwaKhe. Kunjalo na? Futhi masinya emva kwalokho, washintsha waba ngowesifazane osemncane naye insizwa; noSaka wa lethwa enkundleni, indodana ethenjisiweyo.

195 Ngikholwa ukuthi nibona into yokugcina ezokwenzeka eBandleni ngaphambi kohlwitho. Lokho kunjalo impela. Ngiyakukholwa. Imvula seyedlule. Fundani nje izahluko zokuqala ezintathu zeSambulo futhi nizobona ukuthi yini ethenjisiwe eBandleni. Yilokho okwethenjisiwayo, iBandla, khona lapho—iminyaka yebandla.

¹⁹⁶ Naqaphela ngolunye usuku ngenkathi siqala lawomaCilongo, uMoya oNgcwele wathi, “Lokho akusikho okwalapha.” Niyabo, niyabo?

¹⁹⁷ Manje, imvuva yamuva, amaJuda ayinkulungawane eyikhulu namashumi amane nane, qhabo, lokho akusiwo—lokho—angeke—lokho yi—lokho kungenkathi uEliza noMose . . . Yilapho izimangaliso zenzeka khona. Izinto abantu abebezibhekile, amaPentecostal, zezimangaliso, yilapho lokho okuyokwenzeka khona kulokho—phansi kwabo. Niyabo, lokho okukaEliza nokukaMose. Bashaya umhlaba ngeziqalekiso ngangokuthanda kwabo; bavalala amazulu ukuba lingani ngezinsuku zesiprofetho sabo. NoNkulunkulu uyoma futhi abalwele njengoba Enza, futhi Uyobakhipha phansi kwesandla esinamandla impela nje njengoba Enza eGibhithe (niyabo?), baphume kule “zizimfundiso ezigqamileyo zemibuso” zezwe. Futhi Uyokwenza lokho, kodwa lokho akusikho . . .

¹⁹⁸ Sifanele silindele nje ekufikeni kweNkosi. Lindani nje; gcinani izibani zenu zilungisiwe, zonke zigcwaliswe zagcwalala amafutha. Khulekisisani mahora onke, hhayi nsuku zonke, mahora onke. Yibani nilokhu nimi ngomumo; nilungele, nibe mnandi, futhi nibhekisisa . . .

O, sibheke ukufika kwalolosuku olujabulisayo
lweminyaka eyiNkulungwane.
Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika khona
bese ihlwitha uMlobokazi waYo olindile.
O, he—o, inhliziyoyami igcwaliswe ngohlwitho
lapho ngikhandleka, ngiqaphile, futhi
ngikhuleka,
Ngokuba iNkosi yethu ibuyela emhlabeni
futhi.

Yilokho-ke; lelo yithemba leBandla kulelihora.

254. Ngabe iGama lika “Jesu Kristu” lilungile embhaphathizweni, noma kudingeka kube seGameni le “Nkosi uJesu Kristu”?

¹⁹⁹ Kokubili. Ngikuthatha kube yiNkosi uJesu Kristu (niyabo?), ngoba ngicabanga ukuthi UyiNkosi yethu. Manje, iGama likaJesu nje, njengoba abanye babazalwane bethu bebhaphathiza, ngi—ngiyehluka lapho (niyabo?), ngoba ngiyazi ngeninqwaba yabangani abethiwe ngoJesu, inqwaba ya—inqwaba yabangani abangabashumayeli eMexico, ne—neItaly, kanjalonjalo. Bababiza ngoJesu, futhi ngakho uJesu akenele. Wazalwa enguKristu uMsindisi, njengoba Wazalwa enguMsindisi, uKristu, ogcotshiweyo. Futhi ezinsukwini eziyisishiyagalombili kamuva Wanikwa igama likaJesu. Niyabo? Wayese-ke eba yiNkosi uJesu Kristu. Yilokho Ayeyikho. Kulungile.

255. Mfowethu Branham, iNkosi ingakuvumela yini ukuba usiyale embuzweni womshado nesahlukaniso ngalesisikhathi na? Umbuzo: Owesilisa angashada yini nowesifazane bese edivoswa nguye bese-ke eshada nomunye na? Uma bobabili begana omunye, ngabe bobabili bayaphinga na? Uke wakuphatha ukuthi bekungabopheleka enzalweni yenyoka enobuqili. Kanjani kube njalo na?

²⁰⁰ Manje, nanku—nanku omunye wemibuzo ekhehlisanayo kakhulu impela esinawo kulezizingwatshana, futhi ungobuzwa kakhulu impela e—e—ezweni namhlanje. Manje, ngizweni, futhi nginesizathu salokhu. Uma ngempela ngilethe kulelibandla nakuleteyipu kulokhu ukusa, into eyiyo ngomshado nesahlukaniso, bekungabhidliza onke amabandla ezweni, uma beyilalelile. Niyabo? Kunjalo.

²⁰¹ Manje, ngakho ngisize, nakhu kubekwe iBhayibheli phambi kwami, nginalo kulowombuzo, ISHO KANJE INKOSI! Futhi izinhlangothi zombili eziphikisanayo zinephutha. Bobabili abaphinde baganane nabaganene kanjalonjalo, bobabili banephutha kulokho abakwezayo, kodwa maphakathi yiQiniso, phakathi nomgwaqo. Angifuni uku... Ngizokwenza iteyipu ukuthi ngabe una into ethize yenzeka kimi, khona-ke abazalwane bangayidlala emva kokuba sengahamba (niyabo?) emabandleni. Kodwa ngi—ngifuna ukwenza iteyipu kukho futhi nje nginikhombise ukuthi kukuphi; kodwa ngize ngizizwe ngiholelwa yiNkosi, angizukusho lutho ngakho. Kodwa ngiyazizwela ukuthi kulezizinto ukuthi ngifanele ngiholwe yiNkosi; uma ngingaholwa, ngizokwenza omningi umonakalo kunoma ngenza okuhle. Niyabo?

²⁰² Manje, ngifuna niqaphele lokhu. Umbuzo: “Umuntu angaganwa yini ngowesifazane bese edivoswa nguye bese-ke egana omunye; futhi uma bobabili begana omunye, ngabe bobabili bayaphinga na?” Manje, mngani wami, angifuni ukulimaza imizwa yakho, kodwa lelo yiQiniso. UJesu wathi, “Oganwa ngolahliweyo uyaphinga.” Niyabo? A—angifuni nje ukukusho, kodwa kuyiQiniso.

²⁰³ “Uke wakuphatha lokhu ukuthi bekungabopheleka enzalweni yenyoka enobuqili.” Niyabo? Angikhumbuli ngikuphatha lokho, kodwa mhlawumbe ngakusho ndawondawo, ngasho okuthize ngakho.

²⁰⁴ Njengolunye usuku, ngathola into exovekile, kwenzeka ngayizwa, futhi i... Ngayibamba khona lapho; futhi iseteyipini, futhi ngi—ngizozwa mhlawumbe kuyo. Ngenkathi ngikhuluma ngamaCilongo ayisiKhombisa, ngathi kwakungamacilongo ayisikhombisa. Ngangibhekise emkhosini wePhentekoste. Kusakela emkhosini wePhentekoste kuze kube yisikhombisa—kuze kuba a—amaCilongo, kwakukhona amaSabatha

ayisikhombisa. AmaSabatha ayisikhombisa kwakuphakathi koMkhosi wePhasika kuya ePhentekoste (niyabo?), okwenza izinsuku ezingamashumi amahlanu. Niyabo? Kodwa engangibhekisela kukho, kuyilokho, ngathi, “Lokho kuchaza imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa.”

²⁰⁵ Kuleyoteyipu (uma kwenzeka uyithola noma yini)—kuleyoteyipu kufanele kuthi, ukuthi inyanga yesikhombisa emva kwalokho kwa lethwa u—uMkhosi wamaCilongo, okwakuchaza imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa—izinyanga eziyisikhombisa, hhayi amaSabatha ayisikhombisa. AmaSabatha ayisikhombisa aya e... Ngakuchaza lapho. Ngathi amaSabatha ayisikhombisa, kanjalo, kodwa-ke ngase ngiqhuba lowomcabango ofanayo ngiya nawo ngale, kube kuyinyanga yesikhombisa emva koMkhosi wePhasika—noma uMkhosi we—wePhentekoste, bese kufika umkhosi emva kokuba sekungeniswe isithungu, sazuliswa. Niyabo manje-ke—manje-ke... Khumbulani lapho, isithungu sijika sibe ngulofu wesinkwa emva kwalesosikhathi. Niyabo? Ngenkathi i—isithungu se—isithungu esisodwa, bese kuthi konke kuye kulofu owodwa. O, kungukufundisa okukhulu lapho; angiwuthintanga umphetho wakho. Kodwa uma kwenzeka ukubamba lokho eteyipini yakho, khumbula, buka eBhayibhelini. Uyabo, yizinyanga eziyisikhombisa emva kwalokho. Bala usuka ezinyangeni eziyisikhombisa: Januwari, Febuwari, Mashi, Apreli, Meyi, Juni, noJulayi—kuba uJulayi, izinyanga eziyisikhombisa, okumele imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa egcwele. Omunye umfundisi angahle akucoshe lokho, futhi-ke uyoba nakho, niyabo, lapho. Kulungile.

²⁰⁶ Manje, kulokhu lapha, a—a—asithi nje uku... Wena... Nakhu engikushoyo. Ake ngisho lokhu, akusiyo iNkosi, angikusho mina. Uma uganile ngalesisikhathi, futhi nobabili nisindisiwe, futhi nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi nithandana, futhi ninabantwana abancane (manje, khumbulani lona yimina, akusiyo iNkosi. Niyabo?), qhubekani nihlale ndawonye; nijabule; ngoba awukwazanga ukuhlala nomkakho wokuqala kungenjalo ubungeke umshade. Bese kuthi uma ushiya lo bese ubuyela kowokuqala, wenza okubi ukwedlula owakwenza endaweni yokuqala. Uyabo? Ngakho uyabo, uxoveke wonke; ayikho indlela yokuphuma kukho. Kungabakhona indlela eyodwa kuphela ngempela engingayisho evela eBhayibhelini: nobabili hlalani ningashadile. Niyabo?

²⁰⁷ Manje, kodwa... Yileyondlela kuphela ebengingayisho khona manje, kodwa kukhona enye into phakathi lapho, engi—ngingeke nganitshela manje, nesizathu sokuba ngithi, “Akusimina, kodwa iNkosi, qhubekani.” Uma ningake nize nikulethe lokho eteyipini, futhi ngolunye usuku, uma ngike ngaze ngakuletha, nikhumbule indlela engakusho ngayo lokho. Uma ubuhlakaniphile, ubuyokucosha (uyabo?), ekutheni ngakusho kanjani ngaleyonkathi, khona-ke beniyokwazi.

256. Mfowethu Branham, sifanele yini siye kwamanye amabandla ngisho noma ngabe ephikisana nawe na?

²⁰⁸ Impela, yebo! UJesu wakwenza ngenkathi bephikisana naYe. Qhubekani. Siyaqaphela lapha, uthi, “Sifanele yini siye kwelinye ibandla eliphikisana nawe na?” Impela, ang... Akusimina ngedwa itshana eliyimbulungana ogwini lolwandle, niyazi. Kukhona—kukhona nje enye indoda emesabayo uNkulunkulu ndawo zonke; ngethemba ukuthi ngingomunye wawo. Niyabo? Kodwa ningehleli neze lapha... .

²⁰⁹ Ngabizelwa into enjengalena ngolunye usuku. I—iqembu eArizona langinakisa lokho. Niyabo? Iqembu lobufundisi lathi, “Into kuphela esimelene ngayo nawe, Mfowethu Branham, ngukuthi (enye yezinto) abantu abaphumela lapha nawe, asikwazi ukubathola ukuba baye ebandleni nomaphi.” Lathi, “Banabantwana nayo yonke into; abayi ebandleni.” Lase lithi, “Awu, sabatshela ukuthi babemukelekile ukuza—beze ebandleni lethu.”

²¹⁰ Manje, ngiyazi babeka ingcindezelo phezu kwenu futhi bafuna nijoyine, kodwa anidingi ukuba nijoyine; kodwa nifake labobantwana kuSonto sikole ndawondawo! Futhi yanini esontweni; ningahlali ekhaya, niyodoba, nokuzingela, nezinto ezinjalo ngeSonto.

Wena uthi, “Awu, angisuye ogcina umthetho ngokwedlulele.”

Awu, ubuyobangcono ukuba ube ngaleyondlela okwesikhashana, ungangakuhloniphi ukuvuka kukaKristu. Yana esontweni ndawondawo!

²¹¹ Ukuba ngi—ukuba ngiye... Ukuba bengingatholanga... Ukuba bengiye ebandleni *elithize* engaziyo ukuthi kukhona kuphela into eyodwa labobantu abake bayisho engayikholwayo—bathi bakhohwa ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu. Bakusho (ngiyakungabaza), kodwa bengiyohamba ngibezwe bekusho lokho. Mhlawumbe wena uthi... Lelo yilelibandla, mhlawumbe isonto elilandelayo lingaba yinto efana neBaptisti. Bathi, “Ya, ngikhohwa ukuthi ufanele ube naso isehlakalo.” Ngizo—ngizohamba nabo lokho. Khona-ke ngiyakhohwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu; ngikhohwa ukuthi ufanele ube naso isehlakalo. Kulungile.

²¹² Bese kuthi-ke mhlawumbe kukhona iAssemblies of God. Manje, bakhohwa... Niyabo, ngi—manje ngingadla cishe izingcezu ezintathu noma ezine zesinkwa nabo (niyabo?), ngoba bangakhohwa... .

²¹³ Njengolunye usuku, lomuntu ofanayo wabiza futhi wayefuna ukwazi ngalokho, wayesethi, “Wathi... .” (Lomfundisi phandle lapho, lomfo ezansi lapho owayefuna ukuxoxa lokho. Umfowethu bandla, usekudukeni okunje pho.) Wathi,

“Awu, uMfowethu Branham,” niyabo, wathi, “umelene nani ma-Assemblies of God.” Futhi uma umfundisi weAssembly kwenzeka ecosha leteyipu, ngifuna ungitshela ukuthi kunini lapho engake ngamelana nomuntu weAssembly of God kumbe noma yimuphi omunye umuntu! Kungani, libe ikomkhulu lenu uqobo livuma ukuthi nginithumelele amakota amathathu esigidi sabantwana bami engibazalele uKristu na? Ngimelene kanjani neAssemblies of God na? Kungani ngimelene nabakamunye na? Angimelene nabakamunye, iAssemblies of God, iChurch of God, noma namuntu! Ngimelene nayo yonke inqubo ehlukana umuntu.

²¹⁴ Bukani, ngithumele kuAssemblies, ngokubala kwabo uqobo, amakota amathathu esigidi sabantwana bami uqobo. Uma bebabi kanjalo, bengingakwenza kanjani lokho na? Ngani na? Ngicabanga ukuthi lingeledlula onke elikhona ezweni ukubathumela—noma ngabe abakamunye noma i—enye yenkolelo yamaPentecostal, ngoba akholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu; bayakholelwa kokungaphezu kwemvelo; bayakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Lokho kwedlula konke...ngi—ngingeke ngabaletsa bonke khona lapha; basemhlabeni wonke jikelele. Nginabangani emhlabeni wonke jikelele, abantwana engibazalele uKristu. Ngiyobathumela kwabedlula bonke...Senake nangizwa uma ngibizela ealtare na? Ngithi...Uma ngibenyusela lapho futhi ngibatholele ukuba basindiswe, ngithi, “Manje, yana kwelinye elikahle ibandla leFull Gospel bese uzitholela ibandla elingelasekhaya.” Bangaki abake bangizwa ngisho lokho na? Impela, impela. Awu, kungani ngibathumela lapho-ke na? Ngingaba ngumzenzisi ukuba ngithumele abantwana bami uqobo ekufeni na? Makube kude nami. Qhabo, mnumzane!

²¹⁵ Uma ningenakuhamba...Uma ningenakuza lapha etabernakele, tholani elinye ibandla ndawondawo; yanini kulo. Anidingi ukuthatha konke abakwenzayo. Leyongxenye yesinkwa abayiphakayo, phakani isinkwa. Uma benogaliga, ngani, nivele niwuyeke kanjalo nje. Niyabo? Kunjalo. Ngeke ngabenza bakwenze, kodwa lokho eniyikho impela...Impela, yanini ebandleni. Lapho umnyango webandla uvulwa khona, thathelani ngelikhulu ijubane niye khona. Uma bengakholwa, awu...Manje, anidingi ukuba nihlanganyele. Ningabajoyini, ningajoyini nanoma yimaphi amabandla; kodwa ziyani kuwo; nikhonze kanye nabo. Wazi ngani ukuthi akusikho yini okweNkosi na? Wathi Uyokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle! Futhi mhlawumbe kukhona umphefumulo phakathi lapho ofanele usindiswe, futhi ningakhanyisa ukuKhanya kubo. Niyabo? Qhubekani nehlele lapho. Ningahambi nibe ngabazidlayo, hambani nibe mmandi; nabantu baqala ukuba bathi, “Lowo ngowesifanzane ngempela, nezithandani ezingamaKristu; lowo ngumfana ongumKristu ngempela noma

intombazane. He, ngingathanda ukuba . . . Mfana, impela benza sengathi bathole into ethize.” Niyabo? Futhi bathi, “Kuyini na?”

“Nakhu.” Bese nibatshela. Kodwa nibe nobusawoti nje, futhi bayokoma.

257. Mfowethu Branham othandekayo: Uyakholwa yini ukuthi izibonakaliso zifanele zilandele bonke abanoMoya oNgcwele na?

UJesu washo njalo, uMarku 16.

Uma kunjalo, kuthiwani-ke ngabantu abakholwa uMlayezo ngakho konke okukubo, nokho bengenazo lezizibonakaliso na? Ngabe bangabangakholwayo noma ngabe badinga uMoya oNgcwele na? Uma kunjalo, siyale ngokusifundisa namhlanje, ukuthi singamemukela kanjani uMoya oNgcwele. Siyakukholwa ukuthi wena ungumlomo kaNkulunkulu wosuku lwethu. Umfowenu.

²¹⁶ Ngiyabonga, mfowethu, ngokungithatha ngokuthi ngingumfowenu—wenu, futhi ngicabanga ukuthi lowo ngumbuzo omuhle kakhulu. Bangani, yebo, kungukudembesela okuncane. Ngithanda ukuthi ukubhekana nakho isikhathi esithe ukuba side kancanyana kulokho uma bencingaphumelela. Niyabo? Kuyadembeseleka. Bukani! Abanye benu . . . Niyabo? Ngenkathi—ningewemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngaphandle kokuba nesehlakalo uma kwenzeka . . . Manje, uma nilikholwa “lonke ichashaza leZwi,” uthi . . . Uthi ukholwa lonke ichashaza laLo, khona-ke iZwi lilele phakathi lapho lilindele uMoya oNgcwele ukuba uLibeke ekusebenzeni; kodwa kuthatha ukokhelwa kwekhandlela.

²¹⁷ Nanti ikhandlela linentambo yekhandlela kulo, futhi naso sonke i—isinqumela, nayo yonke into elizofanele libe nayo kulelokhandlela; kodwa kuze kufike umlilo kulo, alizukukhanya kukhanya. Akunandaba ukuthi ikhandlela liphelele kanjani, nokuthi liyovutha ngokuphelele kanjani nakho konke, lifanele lokhelwe, bese-ke liyavutha. Futhi uma ukholwa futhi wenziwe ngeziyalo zokufundiswa ukuthi uMoya oNgcwele uyini, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi—izithelo Ozithelayo, uze uMoya oNgcwele ngeshlakalo somlilo owehlayo bese wokhela lelokhandlela, khona-ke a—a—awukamemukeli uMoya oNgcwele. Uyabo? Ufanele ube nesehlakalo ukuze ube noMoya oNgcwele.

258. Ngingowenyunyana yezemisebenzi. Ngabe lokhu akulungile yini kumKristu na? IZwi lithi, “Ungafungi—ungafungi.” Sifanele sifunge ukuze siqinise inqubo yenyunyana yezemisebenzi. Angikabambi-qhaza elinomfutho selokhu ngiba ngumKristu, kodwa ngisazikhokha izimfanelo zami.

259. Ngabe igama likaJuda Iskariyote lesulwa yini eNcwadini yokuPhila yeWundlu, noma laliseNcwadini yokuPhila yeWundlu na?

218 Kulungile. Mayelana nenyunyana yezemisebenzi, ngiyazi uyasebenza. . . Wena ndoda uezinyunyana zemisebenzi nezinto o. . . Uma ufuna ukusebenza, ufanele ube kuyo. Kunjalo impela. Ufanele ukwenze lokho. Kodwa ibhekisise (uyabo?), ngoba izosuka emsebenzini iye enkolweni ngolunye lwalezizinsuku. Uyabo? Manje, khumbula nje, ingumanduleli wayo yonke into yenziwa ibe yinyunyana. Ungeke usebenze; bangeke bakuvumele emsebenzini; u—ungu “msheshelengwana,” ngaphandle uma—ngaphandle uma ukulenyunyana.

219 Manje nikhumbule, nina bantu abasha, nikhumbule ukuthi uMfowethu Branham uthini. Futhi kwangathi amazwi ami angaqoshwa ngepeni lensimbi e—e—entabeni yensimbi! ISHO KANJE INKOSI, leyonto efanayo iyokwenzeka enkolweni. Uyoba shehlweni lohlobo oluthize, kungenjalo ungethenge noma uthengise. Ngakho xwaya ngempela, Mfowethu. Makube ngeyomsebenzi kuphela. Ibhekisise; yisexwayiso!

220 “Ngabe igama likaJuda Iskariyote lesulwa yini eNcwadini yokuPhila yeWundlu, noma lake labakhona yini kuYo na?” Yebo, lalikhona kuYo futhi lesulwa. Niyabo? Isizathu kuMathewu isahluko 10, uJesu wabiza uJuda nabobonke abanye, wayesebapha amandla ukumelana nomoya ababi. Baphuma bekhapha odeveli, noJesu wathi, “Ngabona ngisho uSathane ewa evela eZulwini.” Kunjalo na? Futhi bayabuya, bonke labobafundi bendawonye, futhi babethokoza; Wayesethi, “Ningathokozi ukuthi awenu—odeveli uyanithobela, kepha thokozani ukuthi igama lakho lilotshiwe eNcwadini yokuPhila.” Niyabo? Kunjalo. NoJuda wayekanye nabo ngqo? Niyabo?

221 Ngakho khumbulani, ekwahlulelweni, bhekisani, esihlalweni sokwahlulela, “Ukwahlulelwa kwabekwa; izincwadi zavulwa; nenye iNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila, nawo wonke umuntu wehlulelwa kanjalo.”

222 Manje, nakho lapho okhona, embuzweni esikhashaneni esedlule. Niyabo? Esihlalweni sokwahlulela. UJesu, iBandla, uMlobokazi, wahlwithwa, wenyukela eNkazimulweni, futhi wayephezulu lapho futhi washadelwa, wabuyela emhlabeni, wayeseiphila iminyaka eyinkulungwane. Ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane uSathane wakhululwa etilongweni lakhe, oboshwe yiNgelosi ngeketango, hhayi iketango logodo, kodwa iketango lesimo; zonke izikhonzi zakhe sasisesihogweni. Wonke lowo owavuswa emhlabeni wahlengwa noJesu ekanye nabo. Wayengenakusebenza ngalutho; kodwa ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane, ukuvuka kwesibili. . . “Ubusesiwe futhi ungcewele onesabelo

ekuvukeni kokuqala okungukuthi ukufa kwesibili akunamandla phezu kwakho.”

²²³ Manje qaphelani, kulokhu ukuvuka kwesibili, ngenkathi benyuka, khona-ke uSathane uyakhululwa etilongweni lakhe okwesikhashana; kwase-ke kubekwa ukwahlulela. Manje bhekisisani, uJesu enoMlobokazi, njengeNkosi neNdlovukazi, bahlala esihlalweni, ukwahlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe; nezincwadi zavulwa, izincwadi zezoni. NenyeniNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila; nawo wonke umuntu wehlulelwa kanjalo nguMlobokazi. “Anazi yini (niyisa lezizindaba ezincane phambi komthetho)—anazi yini ukuthi abangwele bayokwahlulela umhlaba na?” Niyabo, niyabo? Kulungile.

260. Ungasiza uchaze ukuthi lingubani iqembu leSambulo 20:4 na? Ngabe bayingxenye yoMlobokazi wosowedlule noma enkathini ezayo na?

²²⁴ BanguMlobokazi ngokupheleleyo, bobabili odlule nowamanje. BanguMlobokazi ngokuphelele, ngoba baphila esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kulungile.

261. Ungasiza uchaze (Awu, ngumbuzo ofanayo impela)... **ISambulo 20:4, ngabe bayimiphefumulo yababenqunywe amakhanda ngenxa yokufakaza ngoKristu ababengenakukhuleka kuso isilo noma bemukele uphawu lwaso kwawabo** (O, sengiyabona ukuthi baqondephi manje. Lokhu kunikwe mina nje, kwanikezwa mina nje)... **njengalokhu kuthi baphila babusa kanye noKristu iminyaka eyinkulungwane na? Ngakho kuyadida, ngoba ukuhlushwa koMlobokazi, kodwa babengaba ngubani omunye futhi babuse kanye noKristu iminyaka eyinkulungwane na? Bebengaba yi—ba—bebengaba yinkulungwane eyikhulu namashumi amane nane na?**

Qhabo, qhabo! BanguMlobokazi. Manje, khumbula, khumbula, ba . . .

²²⁵ Uthe, “Besanqunywa amakhanda ngokufakaza . . .” Manje, uthi, “Ngoku—ngakhuleki esilweni . . .” Impela! Uthi, “Isilo sisezakuza.”

²²⁶ Isilo besikhona ngaso sonke isikhathi; isilo kwakuyiso esabanikela emuva lapho kuleyomiphandu yezingonyama, babanikela emuva lapho kuleyonkundla iarena lapho eRoma. Lowo kwakungumphikikristu; leso kwakuyisilo khona lapho, samisa uhlobo lwenkolo. Khona impela nje njenge—cishe impela iphethini. Ibandla lamaRoma lakhishwa khona impela eBhayibhelini, kwase kuthi-ke . . . Abakwenza lokho, bayihlela into base benza into emisiweyo base benza i—ibandla lomhlaba wonke ngayo, bonke ababengenakuyikhothamela babefanele babhujiswe. Niyabo? Kwakunjalo.

²²⁷ Bese kuthi-ke engxenyeni yoMzimba lokho-ke kwase ku...Manje, uMzimba ukhule njengesihlahla nje Usuze ufika eNhlokweni. Niyabo? Futhi bonke, kanyekanye umfelukholo, nohlushwayo, kanjalonjalo...

²²⁸ Kodwa uJesu usiphe ukuthula ngakulelicala lomfula, njengoba Enza nje ngezizwe ezi...lapho (niyabo?) kwangawelwa. Manje.

262. Yini engingamenzela yona na? Ngiqhubeke noku (O!) nakekela uBaba eplazini na? Ngingenzani...ngenzele o—okokuziphilisa...? Futhi usayine igama lakhe.

Yebo, mfowethu...Ku—kubhalwe lapha. Angazi ukuthi ubani...Kuthi, “Mfowethu Branham...” Kuvele kuqale nje, “Ngingamenzelani na?”

²²⁹ Manje, mhlawumbe omunye umfana enzela uyise. Buka, Mfowethu othandekayo, ubusisiwe uma uyonakekela uyihlo, ngokuba uyihlo wakunakekela ngenkathi wawungenakuzinakekela ngesingawe. Nomyalo wokuqala onesithembiso, umyalo wokuqala onesithembiso: “Yazisa uyihlo nonyoko okungandisa izinsuku phezu komhlaba iNkosi uNkulunkulu wakho akupha zona.” Niyabo? Ya, mnakekele ubaba noma ngayiphi indlela ongakwenza ngayo. Ubone ukuthi uthola khona okwedlula konke.

263. Wathi uKayini wayengowenzalo yenyoka enobuqili. Kungani uEva wathi, “Ngitholile indoda eNkosini na?”

Nakhu la esiya khona. Kungcono ngilinde kuze kube semva kwedina kulona. Ya, ngizolinda kuze kube semva kwedina kulowo. O, lowo uzosithatha cishe isikhathi esincane ukuchaza lowo. Kulungile.

264. Mfowethu Branham othandekayo: Ungangichazela lelivesi, uIsaya 2:2: “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, intaba yeNkosi—entabeni yendlu yeNkosi iqiniswe esiqongweni sezintaba, iphakame kunamagquma; nazo zonke izizwe ziyakugobhozela khona.”

²³⁰ Yebo, ngakusho, ngeSonto eliphambi kweledlule. Niyabo? I—indlu yeNkosi iyakuqiniswa esiqongweni sezintaba, nazo zonke izizwe ziyakugobhozela khona. Enkulu...Uma ungenayo i... Uma unayo iteyipu ethi i*Khaya lesiKhathi esizayo loMlobokazi noMyeni*, ikuchaza ngaleyondlela impela nje.

O, he! Ngingavele ngiyeke khona manje, ngoba he, o he, mfowethu, asiyiqedi neze yonke lena lapha. Whewu!

265. Mfowethu Branham, ngabe i...(Ake sibone ukuthi lona uyini.) Mfowethu Branham, kukholwakala ngokwejwayelekile ngabaningi abalandela uMlayezo wakho ukuthi wena unguMesiya walolusuku. Ngabe kunjalo na?

²³¹ Qhabo, mnumzane!

Sitshele ngokucacile, Mfowethu Branham. Ubonakala unqikaza ukuzazisa, futhi siyakwazi lokho ngenkonzo enje njengoba uNkulunkulu ekuphe yona, ufanele ukhonjwe emiBhalweni ndawondawo.

266. Namba—namba 2: Wasitshela inhloso yakho yokuya eArizona okokuqala. Wasitshela ukuthi kungani, futhi kwafezeka, kodwa awusitshelanga ukuthi kungani wabuye wabuya.

²³² Indawo yokuqala, angisuye uMesiya! Uyabo? *UMesiya* nguJesusu Kristu, kodwa thina si “ngabakaMesiya,” sonke. *UMesiya*, *uMesiya* kuchaza ukuthi “Ogcotshiwewo.” Futhi kuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba; kimi kuhlala nje ingxenye kaMoya waKhe, ngokufanayo njengoba ehlala kwe nje. Ngiphiwe isiphiwo so—so—sokwazi izinto ezincane nokubona izinto zingakenzeki. Lokho kungenza ngibe ngilokhu ngingumfowenu. Uyabo? Angisuye u—angiMesiya; ngingumfowenu (uyabo?), umelusi wezimvu nje emhlambini. Futhi ukuba bengikutshela ukuthi nginguMesiya, bengiyoba ngumqambimanga. Uyabo? Futhi angifuni ukuba ngumqambimanga.

²³³ “Manje, kungani ngaya eArizona okokuqala na?” Uyakuqonda lokho. Ngahamba ngeGama leNkosi, ngoba ngathunyelwa lapho ngombono. Ngabuyela okwesibili ngenhloso. Kuyeke kanjalo nje. Ngiyazi ukuthi ngayelani; ngeke ngasho yonke into. Uma u—udeveli akazi—ngeke akukhipha enhliziyweni yami. Uma ngikukhuluma kuzwakale, khona-ke angakuthola lokho, kodwa angeke—angeke akuthola uma kusenhliziyweni yami. Uma ngithi, “Linda kuze kufezeke!” . . . Khumbula nje, bamba leteyipu; ngiye eArizona ngenhloso. Ngicela ungibekezelele. Uyabo? Yenza nje lokho engikutshela khona ukuba ukwenze (uyabo?); nje—nje yenza njengoba ngikutshela ukuthi yenza. Uyabo?

267. Mfowethu Branham, ngineminye imibuzo engifisa ukukubuzwa—kukubuzwa yona. Ngizwe abantu bethi ululeke abantu ukuba bathengise onke abo. . . (Mhlawumbe kungcono ngiwuyeke kanjalo nalowo. Ake sibone. Awu, sekuvele kuyisikhathi sokuyeka. Singahle siwuthole lona emva kwedina, kodwa ngi—ngizowuphendula lona noma ngizame ngamandla ami onke. Angazi; unikwe mina nje. Niyabo? UBilly ungilethele engagcwala isandla nje lapho—lapho emnyango. Niyabo?) Ngizwe abantu bethi ululeke abantu ukuba bathengise onke amakhaya abo futhi balandele wena ukuya eArizona kungenjalo—kungenjalo bangeke babe sekuhlwithweni. Ngabe lokhu kuqinisele na?

²³⁴ Amanga lawo. Uyabo? Ehhe!

. . . noma sifanele sithengise amakhaya ethu, noma ngabe wakusho ngisho nalokhu na?

235 Qhabo, mnumzane! Angikushongo! Uma noma yini, ngeluleke abantu ukuba bangakwenzi. Ehhe! Niyakhumbula, niyalikhumbula iphupho lika “Junie” Jackson ngalesosikhathi ngenkathi ngiphumela lapho na? U “Junie” waphupha ukuthi wabona lokhu... Bangaki olikhumbulayo iphupho, nokuthi iNkosi yakunikeza kanjani ukuhumusha. Leyontaba enkulu, sasimi phezu kwayo, nezinhlamvu zamagama esezindala esezigugulekile lapho; futhi ngangizama ukukhumusha, futhi angikwazanga ukukwenza. Futhi nga—ngangibahumushela khona. Emva kokuba sengikuhumushe konke, konke okwakho kwahunyushwa, ngase ngeluleka ngase ngithola (ephusheni lakhe manje) olunye uhlobo lwe—njengomgxala futhi nje ngisika isiqongo sentaba ngisisusa ngase ngibheka phakathi lapho, futhi konke kwakumhlophe-saqhwa, njengemabula. Kodwa kwakungabhaliwe kuyo, ngase ngithi, “Nonke hlalani lapha bese nibuka phakathi kulokhu manje, ngenkathi ngisaya ngaleya.”

236 Futhi u “Junie”... Bonke benyuka nabo bonke abafowethu nabo bonke bebuka phakathi kukho, omunye... Abaqondanga; bathi, “Awu, nazini na? Akubhaliwe ngisho nalapha,” kodwa nokho wayefunda ingaphandle lakho. “Akubhaliwe ngani phakathi lapha na? Asiqondi.”

237 NoJunior waphenduka wayesebuka, wayesengibona ngiya ngasentshonalanga, ngasekushoneni kwelanga, ngiwelela ngaleya kwentaba eyodwa, enye intaba, ngishesha ngempela, nje ngithola... Base-ke beyaphenduka base bebuka base bengibona sengihambile; lonke iqembu elikhulu labo besuka beya ngakuleyondlela, futhi babefuna ukuhamba *lokhu* futhi benze *lokho*, emva kokuba sengibatshela ukuba bahlale lapho. Bahlale lapho, bahlale khona lapha; yile indawo.

238 Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngenza lokho, kwase-ke—ngase ngihamba impela nje; futhi kancanyana emva kwalokho, iNgelosi yeNkosi yabonakala kimi, ithi, “Hamba uye eArizona ngaleya.” Ngakuzwa lokho kuqhuma kuqhuma futhi kwaya lapho, futhi kwakuyini na? Lowomfana waphupha lelophupho ngokuyikho impela nje, neNkosi yanikeza okukahle... Khumbulani, ngathi, “Kukhona into engiyiyela lapho.” Futhi ngenkathi ngiya lapho, kwakuyimfihlakalo yeziMpawu eziyisiKhombisa, ezazibekwe uphawu ngaphakathi kwaleyontaba yeNkosi. Ngibuya ngqo nokuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa. Niyabo?

239 Qhabo, awufanele ukwenze lokho. Uma ufuna ukuhamba, lokho kukuwe. Kusobala, angi... He, angikhathali ukuthi uyaphi, kodwa nje ukwenza lokho, ngicabanga ukuthi uMlobokazi uzohamba esuka lapho, uyaphaphalaza.

240 “Futhi ngikuzwile lokhu... Ngi (Angi... ngikuthole ngokungesikho ndawo ndawo lapha. Ake sibone)... uhlwitho. Ngabe lokhu kuqinisele noma sifanele sithengise amakhaya

ethu, noma sewake wakusho yini lokhu na?” Qhabo, angizange ngikusho. Angizange... Bengihlala njalo ngeluleka abantu ukuba uhlale lapho okhona bese uqhubeka nokuqhubeka kuze kufike uJesus. Uma nginitshela izikhathi eziningi, leteyiphu mayibe yisikhumbuzo; lolusuku malube yisikhumbuzo; amazwi ami mawabe yisikhumbuzo; angikaze, nakanye, ke ngitshele noma ubani, owake wasuka kwenye inkolo waya kwenye, ngike ngize ngizame ukuba ngithole omunye umuntu ukuba eze kulelibandla! Angikaze... Mayelana nokubatshele ukuba bashiye ibandla labo uqobo bese bethengisa izimpahla zabo nezinto, uNkulunkulu uyazi ukuthi bengihlala njalo ngeluleka abantu ukuba bahlale bengumKristu futhi uhlale lapho okhona uze ubizwe nguNkulunkulu. Wonke umuntu uyakwazi lokho. Hlala khona lapho! Kodwa manje, ukutshela abantu... Omunye uthi, “Awu, ngifuna ukuya ngapha. Ngifuna ukwakha ngale...” Yana lapho ofuna ukuya khona; lokho kulungile. Angikathali ukuthi uyaphi; lokho akusiwo umsebenzi wami ngakho.

241 Kodwa manje, ukucabanga lokho... Niyabo, kwenziwa yini na? Kuqala inkolozo (niyabo?), bese-ke ngingena enkathazweni. Baneqembu phandle lapho manje elizoba nesihawu sokuphana maduze nje. Futhi manje-ke kuzoba yini na? “Siphuma lapha senzela uhlwitho loMlobokazi.” Yilokho nje amaphephandaba akulindele! Balindele ukukuthola uma sebewela esihawini sokuphana futhi abakwazi ukubuyela emakhaya abo. Manje-ke bazokwenzani na?

242 “Awu, salandela uMfowethu Branham phandle lapha. Kufanele kube...” Futhi nje anginacala kukho ngakho konke. Abantu abathandekayo, abantu abanomoya omnandi, ba—bayazi ukuthi ngiyabathanda, ngisho nasesiphosisweni sabo. Futhi ba... Ngani, i... Ba... Ngiyabathanda noma kunjalo. Niyabo? Ngiyabathanda; bangabantwana bami; kodwa nje abangilaleli, engizama ukubatshele khona. Ngizama ukusebenza into ethize ngeGama leNkosi, futhi ngeke bangivumela ngikwenze. Niyabo? Empeleni bayamelana nami esikhundleni sokuba ngakimi. Benza...

243 Anginitshelanga yini uma kuze kubekhona umlayezo oshunyayeliwe, uyobakhona lapha kulelitabernakele; noma yini ebenginokuyenza, ngiyoza lapha futhi nginitshela kuqala, uvele ngqo kulelitabernakele na? Leso yisithembiso sami!

268. Futhi, ngizwe kuthiwa kukhona ukufundisa okuphumileyo, ukuthi incwadi owayibhala eminyakeni eminingana edlule mayelana nesinkwa sokuphila... Bayayihumusha ukuthi sonke sifanele sibe nawe noma sigeje uhlwitho.

244 Awu, incwadi inephutha. Incwadi ethi *ISinkwa sokuPhila*, sengiyayikhumbula leyo manje. Lokho kwakungukupha ibandla umhlaba wonke, ndawo zonke. Uyabo, inkathazo yakho ngukuthi... Manje, manje, ninabantu, uqine qobo lwakho,

kodwa ufanele ube nakho lokho. Lokho kulandela wonke umhlangano. I—i...

Bengifunda ngoMartin Luther lapha kungekudala, kungesikho ukuthi siziqhathanise nalokho; kodwa lena yinguquko ngokufanayo nje njengoba lokho kwakunjalo. No—umbuzo wawuthi... O—o—osomlando, bathi, “Kuyinto emangalisayo ukucabanga ukuthi uMartin Luther wayekwazi ukubhikishela ibandla eliKatolika futhi ahambisane nalo. Leyo kwakuyinto eyisimangaliso, kodwa,” bathi, “Into emangalisa kakhulu impela ngoMartin Luther kwakungesiyo leyo. Wayekwazi kanjani ukuphakamisa ikhanda lakhe phezu kwabo bonke ubuhlanya obalandela umhlangano wakhe futhi abe esalokhu ehlala ngokwethembeka eZwini, ubizo lwakhe...” Niyabo?

²⁴⁵ Qhabo, mnumzane! Ungabeki okungokwakho... Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane obeka noma yini kulokhu engikushoyo, akakukholwa engikushoyo. Aba... Bathi... Ba...

269. Futhi mayelana nalemindeni ethengisile futhi yathuthela eSierra Vista, eArizona, lapho abahumushe khona kwenye yamateyipu akho enesihloko esithi (umuzuzu nje) “IBethlehem eliNcane”—“IBethlehem eliNcane,” uhlwitho luyokwenzeka eArizona. Ngabe wabeluleka ukuba baye lapho na?

²⁴⁶ Impela angizange. Ngenkathi bebhala incwadi ngalokho, omunye enhla lapha eConnecticut noma enye into, ngayiphendula incwadi ngase ngithi, “Wenza umnyakazo omubi kunayo yonke owake wayenza empilweni yakho. Ungayenzi into enjengaleyo.” Niyabo, ungeke... Awu, khumbulani nje, nina bantu... Manje, nonke niyazi ukuthi angibatsheli abantu ukuthi benze lokho; ngibatshela ukuthi bangakwenzi. Kodwa niyabo, lokho kuzolandela umhlangano. Kungani abantu bangibize ngo*Mesiya na?* Kungani abantu...? Banokuthwala... Awu, omunye umfo phandle lapho wangikhombisa ngolunye usuku, wayenento encane futhi wayezo—eqhubeka, efuna bonke abantu babhaphathizwe egameni lami. Lokho kungangenza umphikikristu! Kodwa angisuye owalezozinto, nani nonke bantu niyakwazi lokho. Kodwa niyabo, lokhu kune... Lokho kuphela kukhomba uMlayezo ungoqinisile.

²⁴⁷ Abezanga yini futhi bazama ukutshela uJohane, u—owandulela ukufika kokuqala kukaKristu, “Awusuye uMesiya na?”

Wathi, “Angisuye! Angifanele ngisho nokuthukulula izicathulo zaKhe. Angifanele ngisho nokuMbuka.” Niyabo? Kodwa wathi, “Lowo oza emva kwami...”

270. Manje, Mfowethu Branham, ngabe kukhona esikugejayo na? Lababantu bazisho ukuthi bawakholwa onke

amazwi owashoyo ukuthi ayiqiniso. (Kodwa abalikholwa! Abawakholwa. Izenzo zabo uqobo ziyafakazisa ukuthi abawakholwa.) **Ngcela ungazise impendulo yakho eqondile: yebo noma qha** (Ukutholile! Kulungile.) **ngalezizinto, futhi uma kuyiqiniso, sifuna ukulungiselela ukuhamba siyobajoyina bonke abanye lapho—bonke abanye. Ngiyakubonga kakhulu ngezimpindulo zakho kulembuzo, njengoba ngizobe ngilindele ukuzizwa kuleliSonto, uma iNkosi ilibala.**

248 O, he! Awu, Mfowethu, Dadewethu, nge—ngethemba ukuthi kuyaqondakala (uyabo?) ukuthi angizange, angikwenzi... Manje, uma abantu... O, impela, uma ufuna ukuphumela eArizona ukuba wakhe... Futhi manje, ngizobe ngiphumele eArizona mhlawumbe kulenkathi yezinyanga zokuqala eziyisithupha. Ngizodingeka ngibuyele lapha. Ngizoba... Ngi—ngifuna ukuhlala lapho; abantwana baphile kakhulu nakho konke. Ngi—ngifuna ukuhlala lapho isikhashanyana, futhi nginenhloso. Khumbulani manje, eteyipini, ISHO KANJE INKOSI, nginenhloso ekwenzeni engikwenzayo; niyazi nginayo; kodwa ngeke ngakutshela lokho.

249 Kungani nginitshela ukuba ningathengisi amakhaya enu na? Nizokwenyuka nilahleke, futhi nizoba sekupheleni okufishane kwentambo. Ningakwenzi lokho. Angeke ngihlale eArizona kodwa kancanyana. Ngani na? Ngeke ngakwenza manje.

250 Uma ngidedela labobantu bahlale phandle lapho futhi baye ekuhawukelweni ngokuthi baphiwe, kuzokwenzekani na? Manje-ke, yilokho impela nje amahlelo nabobonke abanye abakufunayo. “Ehhe, nganitshela ukuthi yini eyayisemva kwakhe, esinye isikole sabaprofethi noma enye into!” Niyabo? Nakho lapho okhona, yilokho nje abakufunayo! Empeleni, labobantu, bangumthwalo wami; nakuba bengakwenzanga engibatshela ukuba bakwenze, futhi benze khona impela... Wena uthi, “Mabahambe; ba—benze lokho obatshela ukuba bangakwenzi!” Lokho akukho enhliziyweni yami. Ngisalokhu ngifuna ukuhamba emva kwabo. Bangabanta’bami. Ngingahle ngibathwansule kancane uma ngibabuyisa, kodwa ngi—kodwa ngi—impela ngihamba emva kwabo. Futhi ngizokwenza kanjani phandle lapho na?

251 Bathi, “Sizela ukulandela iZwi.” Anginalo ngisho ibandla engingabathumela kulo lapho. Uhlobo lwamabandla abayoya kulo lapho wuhlobo olufanayo enilushiya kwezinye izindawo, mhlawumbe olubi kakhulu. Niyabo? Futhi bangeke baye ebandleni noma kanjani, futhi anginabandla ukuba ngishumayele kubo. Khona-ke ngibophezeleke ngomthetho wokuziphatha ukukhipha abantwana bami eArizona, lapho... .

252 Nginibuza okuthize. Ngishumayele kwedlula imilayezo engamashumi amathathu kulelibandla ngonyaka odlule.

Futhi iminyaka emihlanu, ngaphandle, selokhu ngibe seArizona, ngishumayeke kakhulu kulelibandla ngonyaka owodwa kunoma ngenza eminyakeni emihlanu noma yisiphi esinye isikhathi (Impela!), lapha ebandleni. Lesi yisiqu sami sasekhaya; leli yikomkhulu lami; nakhu lapho esimise khona. Manje, kubambeni lokho engqondweni akunandaba ukuthi kwenzekani. Manje, uma nihlakaniphile, nizobamba okuthize. Akunandaba ukuthi kwenzekani, leli yikomkhulu lethu, khona lapha! Futhi kugcineni lokho engqondweni futhi nibuye nithathisele kuleteyiphu ngoluny'usuku, ukuthi nangizwa ngiprofetha. Kulungile, nikukhumbule lokho!

²⁵³ Uma ufuna—uma ufanele ushiye bese uza ebandleni, ungaphumeli lapho bese ukuthola, ngoba angikho ngisho nalapho. Anginandawo engingaya kuyo; anginandawo engingashumayela ngikuyo. Bangeke bangivumele ngishumayeke emabandleni abo. Anginayo ngisho nendawo, futhi ngethembisa indoda ngenkathi ngifika lapho... Bonke babanokwesaba ukuthi ngangizoza lapho futhi ngakhe isakhiwo esikhulu—ngimuncu amabandla. Kodwa leyo akusiyo inhloso yami yokuphila. Niyabo? Ngi—ngithola abantu ukuba basindiswe. Kukubo. NjengomSamariya uza uyehla wayesethatha indoda eyisa endlini yezihambi, bese-ke ngibadedela babanakekele kusukela lapho kuqhubeke. Angikho lapha ukuhlakaza amabandla, ngilapha ukuthola abaphendukela kuKristu! Niyabo? Futhi kungenza ngingaqondakali phakathi kwabantu (niyabo?) uma—uma behumusha indlela okungeyabo futhi kungesikho—ne—besho engikushoyo. Niyabo?

²⁵⁴ Aniwukhumbuli umbono na? Bangaki okhumbula iphupho likaJunior Jackson na? Nabo bonke bayalilandela ngakho impela nje. Kwakuyini na? Hlalani lapha ngize ngiye ngaleya! Niyabo? Futhi ngithole ukuhumusha bese ngiyabuya.

²⁵⁵ Manje, nginenye into enhliziyweni yami engixwayiswe yiNkosi ukuba ngiyenze, omunye umnyakazo ukuba ngiwenze mayelana nalelitabernakele, nalelibandla; ukuthi ngifanele ngiye lapho noma ndawondawo okwesikhathi esifishane. Kungokwenhloso, inhloso enkulu, inhloso eningazi lutho ngayo. Kodwa khumbulani, angihambi nje “ngiqembuka,” ngoba ngenza ngendlela engiyiyo. Ngisebenza entandweni yeNkosi, ngokwazi kwami ukuthi kusetshenzwa kanjani kukho. Niyabo? Leso yisizathu uma nikukholwa engikushoyo, khona-ke yenzani lokho engithi kwenzeni (niyabo?), khona-ke ngilaleleni futhi ningikholwe njengomfowenu. Uma ningikholwa ukuthi ngingumprofethi, ningawahumushi ngokungesikho amazwi ami!

²⁵⁶ Uma kukhona noma yini, uze ungisize, uma kukhona noma yini ofanele uyazi uNkulunkulu azongitshela yona, uNkulunkulu uyazi bengizonitshela khona impela nje!

Futhi ningenezeli kukho noma nisuse kukho; kwenzeni nje ngendlela engikusho ngayo (niyabo?), ngoba nginitshela okusuka enhliziyweni yami ngakho konke engikwaziyo. Niyabo? Kukholweni nje lokho. Nje—nje thathani nje—nje lokho engikushoyo ngakho, futhi nje nikuyeke kuhambe kanjalo. Kulungile.

²⁵⁷ Ngakho manje, ngifanele ngibuyisele labobantwana lapha ukuba bathole abazokudla. Basezansi lapho ogwadule bebulawa yindlala.

²⁵⁸ Umfundisi weza kimi ngoluny'usuku, wathi, “Mfowethu Branham, bathola inkolozo embi kabi kunazo zonke ezansi lapho owake wazibona.” Wathi, “Ngayinye yazo, njalo ekuseni, ziyaphuma; futhi zathi aziyi emsebenzini, sekusondele kakhulu ohlwathweni.” Azizukusebenza. Awu, lokho kukhombisa ukuthi aniqondi ngisho. Niyabo? Kunjalo. (Leteyipu yehlela lapho!) Ngakho, yebo, mnumzane! Ubufanele, uthathe isifundo entuthwaneni, kusho iBhayibheli, niyazi. Uma zingasebenzi, azidli. Ngakho lokho ku—lokho kunjalo impela nje.

Nanku—lapha, nje ngicoshe omunye walena.

271. Ngabe...(Angazi. Niyabo, nje ngokunye—kwehlukile—kuyisandla esibhalwe ngokwehluka kulesi. Ukunikhombisa nje, ngicabanga ukuthi kukhona cishe eyisishiyagalombili noma ishumi yalena ephakathi lapho. Niyabo?) **Ngabe elikakhulu—ngabe ibandla eliphelele kakhulu lizoba seTucson, eArizona na? Ngifuna ukuba sentandweni kaNkulunkulu ephelele. Singathuthela eTucson na?**

²⁵⁹ Akusiso nhlobo esinye—esinye isandla esibhalile. Ku... Ngi... Qalaza nje lapha; ngizonikhombisa nje ukuthi mingaki okhona kulowombuzo owodwa. Angi... A—angiyitholanga, ngiqagele. Nanku—nanku... Ngineminye emakwe lapha, “Ngizonazisa.”

272. Mfowethu Branham: Siza...(Ake sibone.) **Ngokwazi ukuthi ungomprofethi, nehora esiphila kulo, siyo—nomprofethi wehora esiphila kulo** (Yilokho okuyikho.), **ngabe siyofika yini isikhathi lapho abantu bakaNkulunkulu beyodingeka babalekele eArizona nawe na? Uma kunjalo, uyoazisa yini uma sekufika isikhathi na?**

²⁶⁰ Impela kuyoba njalo. Ngiyonitshela. Ngiyonitshela. Manje niyabo, kunemibhalo yesandla emibili ehlukene, abantu ababili abehlukene. Niyabo? Kukhona esisodwa isandla esibhalile, futhi kukhona nesinye. Niyabo? Kufanele kube njalo, okusengqondweni yebandla. Niyabo? Awu, asixazulule lona. Ake sibone ukuthi singathola... Ake sibone.

273. Mfowethu Branham...(Kukhona omunye, ohluke ngakho konke.) **Mfowethu Branham, abanye bakuqonda ukuba**

uthi emlayezweni wakho wokuthi “Ikhaya lesiKhathi esizayo loMlobokazi noMyeni” lalizoba (Qhabo, lona wehlukile.)—ngamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukusuka etabernakele—isikwele—amakhulu ayisikhombisa ibanga ngalinye (Ngamany’amazwi, itabernakele libekwe maphakathi ngqo kungaba ngamamayela angamakhulu ayisikhombisa indlela ngayinye—kuba amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu. O!)—ibanga ngalinye. Ngabe lokhu kuqinisile na? Ngihlala ngaphandle kwalendawo; ngingathethela phakathi kuyo na? O.

²⁶¹ Qhabo, S’thandwa, ungakwenzi lokho. Bukani! Manje, niyabona ukuthi kulula kanjani kubantu na? Bangaki owayelapha ngenkathi ngishumayela lowomlayezo na? Ngathi ngenkathi ngilinganisa iJerusalema eLisha, ukuthi liyoba yisikwele samamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu. Ngathi kuyofinyelela cishe kusuka eMaine kuya eFlorida, namamayela angamakhulu ayisithupha entshonalanga yeMississippi; ukuthi kwakungaba ngamamayela sikwele angamakhulu ayishumi nanhlanu. Ngathi uMuzi, ngokubona kwami, uyobe uhlezi emhlabathini ngqo lapho khona umprofethi uAbrahama ayefuna khona lowoMuzi, lapho ulwandle luyobe lungasekho. IBhayibheli lathi ulwandle alusayikubabikho, okungukuthi okuthathu kokune komhlaba kusemanzini. Futhi ulwandle alusayikubabikho; ngakho ngakho-ke, awuyikuba nguMuzi omkhulu kakhulu uhlezi endaweni enjalo. Ngikholwa ukuthi uyohlala kuleyondawo encane lapho beqophisana khona kakhulu ngayo, noNkulunkulu wazalwa, lapho eBetlehema. Ngikholwa ukuthi uyoba ngasePalastine ngqo lapho, oyophakama khona uvela emhlabeni khona lapho bese uba yileyontaba.

²⁶² Kodwa, mngani othandekayo, akuhlangene ngalutho nalelitabernakele. Niyabo? UAbrahama, uSaka, uJakobe, uPawulu, bonke abangcwele, bafa emhlabeni wonke, washiswa, bagwiliziswa, badliwa amabhubesi, nakho konke okunye; futhi bayophuma bevela kuzo zonke izimfa, imifantu, nekhona lomhlaba. Ngithemba ukuthi ngilapho. Angazi ukuthi ngizoba kuphi, kodwa noma ngabe ukuphi, uma ngikuleloqembu, akukho okungangivimba ukuba ngibe lapho! Niyabo? Futhi angidingi ukuba ngibe kunoma yiyiphi indawo ethize. Indawo kuphela engifanele ngibe kuyo ikuKristu, ngokuba labo abakuKristu uNkulunkulu uyakubaletsa naYe. Angikhathali ukuthi kukuphi, Uyoletha . . . Ngimbeleni kuJesu.

²⁶³ Bukani labobaprofethi emuva lapho. Babazi ngokomuzwa wayengempela, manje, ukuthi ukuvuka kokuqala, izithungu zolibo, ziyoba sePalastine. UAbrahama wayithenga indawo, futhi u—hhayi—futhi wembela uSara. Wayesezala uSaka. Ulsaka wembelwa eceleni kukayise nonina. Ulsaka wazala

uJakobe; uJakobe wafa ezansi kwaIsrayeli—eGibhithe, wabuyiselwa ePalastine. Kwase kuthi-ke, uJosefa wafa naye ezansi lapho. Base bebuya namathambo kaJosefa, ngoba wathi, “Nenze . . .” waba noJosefa ukuba akufungele—uJakobe, ukuthi wayengezukummbela ezansi lapho, kodwa umbuyisela ezweni lesithembiso. UJosefa wathi, “Ngoluny’usuku iNkosi uNkulunkulu wakho iyokuvakashela. Ake ngi—amathambo ami ahambe futhi ngimbelwe nobaba wami.” Futhi bakwenza, ngoba, ngokuba ngabaprofethi, baqonda ukuthi izithungu zolibo lokuvuka ziyoba sePalastine.

²⁶⁴ Manje, iBhayibheli lathi . . . Futhi uma ningibiza ngomprofethi, angisho ukuthi nginguye; kodwa uma ningibiza ngalokho, khumbulani, ngisho kini ngegama lomprofethi (niyabo?)—ngegama lomprofethi, ukuvuka nohlwitho luyoba ngolusezindaweni zonke emhlabeni wonke jikelele! Akunandaba ukuthi ukuphi, uma sekufika lelohora, niyohlwithwa ukuYihlangabeza! Yilokho kuphela! Ayikho into ezokumisa, akunandaba ukuthi ukuphi. Futhi ngithemba kuphela ukuthi ngikhona, omunye wabo. Ngiyethemba nje kuphela futhi ngethemba kuNkulunkulu ukuthi ngiyoba ngomunye wabo futhi ngamunye wenu uyoba ko—kokufanayo.

Manje, sinaso isikhathi somunye na? Khona-ke kuzoba nje (niyabo?)—cishe impela nje ngelokuqala nqo.

274. Mfowethu Branham othandekayo: Umkami nami sehlukana. Ungimangalela ngokuthi afake isehlukaniso. Akasuye umKristu, futhi ngikholwa uMlayezo futhi ngimfuna asindiswe (Akumnandi lokho na? Lowo ngumoya womKristu ngempela. Niyabo?) futhi akholwe. Ngifanele ngenzenjani na? Sinabafana ababili futhi. (Basayine igama labo.)

²⁶⁵ Mfowethu, buka, ake ngikutshale, uzokumangalela ngokuthi afake isehlukaniso; lowo nguSathane. Niyabo? Akafanele enze lokho, kodwa uma ungumKristu futhi ungenzanga lutho ezweni ukuvimbela lowo wesifazane, khona-ke nguSathane enza lokho. Uzama kuphela ukukudabula.

²⁶⁶ Manje, uma engomunye wabakhethiweyo bakaNkulunkulu, uyoza kuYe. Uma engenjalo, akafanele kukhathazekwe ngaye. Bese kuthi-ke uma kwenza . . . Uma ukhathazeka kuzovithiza impilo yakho, futhi yilokho uSathane afuna ukukwenza. Uyasebenza, ngiyazi, kuwe. Ngakho nje nikela yonke into kuNkulunkulu bese uqhubeka ngqo ukhonza uNkulunkulu ujabule nje ngakho konke ongaba yikho. UNkulunkulu uzokunakekela konke okwakho. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kimi.” Guqa ngamadolo akho; ngizokhuleka kanye nawe kumbe noma yini. Ngizolukhulekela udaba. Thana nje, “Nkosi Nkulunkulu, ngiyamthanda; ungunina wabantwana bami,” (uma eyibo) bese uthi, “Ngi—ngi—nginikela yonke nje

into kuWe, Nkosi. Ngifuna basindiswe, Uyazi ngiyafuna; kodwa angikwazi ukuqhubekela phambili. Uzongifaka isehlukaniso noma kanjani. Angezanga lutho; uma ngikwenzile, kwembule kimi; ngizohamba ngikuhlambuluke. Ngizokwenza noma yini.” Bese-ke ukunikela eNkosini bese-ke ukuyeka kanjalo nje, kuyeke kanjalo nje. Qhubeka nje uphila ngokufanayo nje se—sengathi akukho lutho okuke kwenzeka. NoNkulunkulu uzokunakekela konke okunye kwakho.

275. Manje: Mfowethu Branham, kumayelana nani konke lokhu abantu (O, futhi!) bethuthela eArizona na? Kuchaze. Kukhona olunye uhlobo lwesandla esibhalile. Niyabo, niyabo?

Awu, sesivele sikuchazile lokho (niyabo?), ukuthi lokho kuyini.

276. Mfowethu Branham, ngabe Mlobokazi uyohamba adlule kukho yini ukuhlushwa njengoba kwenza ibandla labaphostoli lasekuqaleni na?

²⁶⁷ Qhabo, ngisanda kukuchaza lokho emizuzwini embalwa edlule. Qhabo, into elandelayo wuhlwitho manje. Khumbulani, sisezweni lesithembiso; sisemnceleni. Niyakuqonda ukumasha kukaIsrayeli na?

277. Ngabe kusemthethweni yini ukuba—ukusebenzisa noma yiluphi uhlobo lukahlelumndeni na?

²⁶⁸ Kungcono ngiwuyeke lowo kuze kube yilentambama (niyabo?), ngoba u...Ngifuna uku—ngifuna ukukhuluma okuthize ngalokho.

278. Mfowethu Branham, ngivele nje... (Ngilinde nje eminye futhi imizuzu e 3 uma ngingaphumelela. Ake ngithole into emfishane lapha mhlawumbe.) Angikwazi ukunizikela ngokupheleleyo kuJesus. Ngabe nginomoya omubi na?

²⁶⁹ Ake ngichithe nje sonke isikhathi esisele kulowo lapho. Awukwazi ukuzinikela kuJesus na? Aba...Niyabo, angazi owesilisa noma owesifazane; angikwazi ukusho ukuthi yikuphi. UNkulunkulu uyakwazi lokho.

²⁷⁰ Awukwazi ukuzinikela kuJesus. Ngani na? Yin’indaba na? Uma ungowesifazane, awudingi yini ukuzinikela kumyeni wakho ukuba ube ngumfazi, unikele ngakho konke oyikho na? Inenekazi elincane ngenkathi ushada, uneziqiniseko zobumsulwa, walwa yonke impilo yakho ukuba uhlale uneziqiniseko zobumsulwa; kodwa ngoluny’usuku wathola indoda owawuyithanda. Waba ngowayo ngokupheleleyo. Izinto owawulwa umelene nazo ezimelene nayo yonke impilo yakho futhi wazama ukuphila ngokuhlangezile, nokucacile, neziqiniseko zobumsulwa; manje, unikela ngakho konke nokuncu kwakho endodeni eyodwa. Kunjalo na? Uzibeka ngokupheleleyo ezandleni zayo; ungowayo. Konke lokho

okumele ngobuqotho, nesimilo, nakho konke kanjalo, manje uphendukela endodeni, ngoba uzinikela endodeni. Ungenze yini okufanayo kuJesu Kristu na? Zinikele nje ngaleyondlela—konke engiyikho, yonke ingqondo yami, yonke imicabango yami. Impela.

271 Angicabangi ukuthi ukhwelwe wumoya omubi; ngicabanga ukuthi umoya omubi uyakugcoba ngalolohlobo lwemicabango, uzama ukukwenza ucabange ukuthi ungeke wazinikela kuNkulunkulu. Kanti . . . Ake nginikhombise okuthize. Kungani *ufune* ukuzinikela kuYe na? Ngoba kukhona into ephandle lapho ebiza kuwe ukuba uzinikele. Kuyisibonakaliso esihle ngempela ubukuthi ufaneele uzinikele.

272 Manje, konke okwenzayo, Mfowethu noma Dadewethu (kungahle kube ngumuntu osemusha noma osemdala, noma ngabe kuyini), uthe . . . Nje abakwazi ukuzithola bona uqobo ukuze bazinikele ngokupheleleyo. Zinikele wena nje. “Nkosi, ukucabanga kwami, konke okwami engiyikho, ngi—ngifuna ukukunika Wena. Impilo yami, ngiyinikela njengempilo yokukhonza. Thatha mina, Nkosi, futhi ungisebenzise njengoba nginje.” Futhi kuyinto elula kabi; ngifisa sengathi ibandla ngempela belinga . . . Ngikholwa ukuthi uma—uma—uma itabernakele manje, lizuza kulemibuzo . . . Niyayithanda na? Kulungile. Kuzosiza kancane.

273 Manje bukani, kulokhu, ukuba ibandla belingacela nje lezizinto (niyabo?), licele lezizinto: uma bebengena *lokhu*, noma benze *lokho*, nakho konke, ngizozama ukwenza konke engingakwenza. Uma ngineluleke ngokungesikho, bekungekho enhliziyweni yami ukukwenza. Uma ngisho noma yini eyiphutha nje ukuba ngimise eminye yemicabango yami uqobo nezinto, kungesikho—ngazi—ngazi ukuthi kuyiphutha ukwenza lokho noma nginitshela lokho, bengingaba ngumzenzisi ongolile. Kunjalo. Kodwa ngokusuka enhliziyweni yami, uma nginephutha, uNkulunkulu uyazi (niyabo?) ngikwenze ngakho konke okukimi ukuphendula imibuzo yenu.

274 Nakini bafundisi phandle ezweni lapho leteyipu eyoya khona, angizishongo lezizinto ukuba nginilimaze. Ngikusho ngoba ngiyanihanda. Niyabo? Futhi qiniso, ngayo yonke inhliziyu yami . . . Ku . . . Manje, angizami ukusebenza ukuba nginikhombise ukuthi—ukuthi nga—ngazi into ethize eningayazi. Akusikho lokho, mfowethu. Kuphela ngenza lokhu ngoba ngiyakuthanda, futhi ngi—ngi—uyangithanda, ngiyakholwa.

275 Ukuba-ke ubungibone ngehla ngomfula ngisesikebheni esidala, phandle lapha kulomfula, kusondele lapho esikhona manje, lapha etabernakele, uMfula iOhio; nomfula waphakama futhi wachichima; nezimpophoma ibingezansi kwami nje. Futhi uyazi ukuthi isikebhe ngeke sawela lezozimpophoma;

nje singeke sikwenze. Futhi lapha ngihlezi phandle lapho nekhanda lami libheke emuva, futhi ngicula, futhi ngiphumule, futhi ngehla ngqo—ngintanta ngehla lokho—ngokungaphuthumi ngehla ngalowomfula; futhi uyazi phansi lapho ngqo ngizophahlazeka. Uma ubungithanda, ubuyompongoloza, noma ubuyogxumela esikebheni, futhi ugijimele phandle lapho, bese ungiqwaqwada ekhanda ngento ethize, ungingenise. “Mfowethu Branham, usangene! Usangene; izimpophoma ikhona lapha!”

²⁷⁶ Ngase ngathi, “O, thula! Awungiyeke!” Nokho uyangithanda noma kunjalo. Ubuyokwenza noma yini ezweni; ubuyongidumela. Ukuba ubuzo—ukuba ubuzohlakaza isikebhe, ubuyongikhipha lapho, ngoba uyangithanda; uyazi ukuthi kuzokwenzekani.

²⁷⁷ Futhi mfowethu, ngiyazi yilokho okuzokwenzeka kulelohlelo. Lingeke linqamule ibuya. Uyabo? Uqonde ngqo eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba; futhi manje, kuphakathi kokuthi uzokuthatha noma kuphuma ngendlela esiyiyo manje. Ngakho, kuyikho impela nje, ufanele uzikhethela. Futhi a—angiqondile ukuba yi...Ngithanda ukuhlakaza isikebhe, kulungile; ngithanda ukwenza noma yini ebengingayenza, ukuba ngingakulimazi, mfowethu, kodwa ukukuphaphamisa ukuthi usephutheni. Ungakwenzi lokho!

²⁷⁸ Nalombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu, akukho-muntu ebusweni bomhlaba obengalahla lokho ngomBhalo. Akukho-muntu ongalahla lokho. Akukho nowodwa umBhalo...Nina bantu, nina bazalwane—nina bazalwane, khumbulani, khumbulani nje, hlolani iBhayibheli; tholani indawo eyodwa lapho khona noma ubani wake wabhaphathizwa eTestamenteni eLisha (ababhaphathizwanga kweLidala, kodwa eTestamenteni eLisha)—lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa ngenye indlela kunaseGameni leNkosi uJesu Kristu; khona-ke woza ungikhombise khona. Noma hamba uthole incwadi yomlando lapho bake abake babhaphathiza khona amakhulu eminyaka emva kokufa kwabaphostoli bokugcina...Ibandla eliKatolika laqala umbhaphathizo. Ikhathekizima labo lisho into efanayo, besebenzisa igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgewele.

²⁷⁹ Engxoxiswaneni nompristi, khona lapha eSacred Heart Church, wangitshela into efanayo. Wathi ibandla eliKatolika lalivame ukubhaphathiza kanjalo, ngenkathi ngimtshela ukuthi ngabhaphathiza lentombazane yaseFrazier, ngenkathi umbhishobhi efuna ukwazi. Wathi, “Ungazifungela lezizitatimende na?”

Ngathi, “Angifungi nhlobo.”

Wathi, “Umbhishobhi ufuna ukwenze!”

280 Ngathi, “Umbhishobhi uzodingeka athathe izwi lami noma angakukholwa, noma yikuphi kokukodwa afuna ukukwenza.” Niyabo? Ngathi, “IBhayibheli lathi kungafungwa nhlobo.”

Wayesethi, “Awu, a . . .” Wathi, “I . . .”

281 Ngathi, “Ngayibhaphathiza ngombhaphathizo wamaKristu emanzini, ngayicwilisa phansi koMgwaqo uSpring eGameni leNkosi uJesu Kristu.”

Futhi ngenkathi umpristi ekubhala phansi, wathi, “Yileondlela ibandla eliKatolika elalivame ukubhaphathiza ngayo.”

Ngathi, “Nini na?”

Wathi, “Ngezinsuku zabaphostoli.”

Ngathi, “Ubabiza ngamaKatolika na?”

Wathi, “Impela, babeyiwo.”

282 Ngathi, “Khona-ke ngiyiKatolika elingcono kunoma wena uyilo. Ngilandela ukufundisa kwabo.” Kunjalo. Niyabo, niyabo? Bayakusho lokho, kodwa akunjalo.

283 Ibandla eliKatolika lamiswa eNayisiya, eRoma, phansi kukaConstantine, ngenkathi ibandla nombuso ne—lihlangu ndawonye, no—nombuso unika ibandla impahla, nento enjalo; babecabanga ukuthi empeleni babesesikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Babecabanga ukuthi base befinyelele esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Leso kwakuyisikhathi seminyaka eyinkulungwane sikaSathane. Kunjalo impela. Ningayikholwa leyonto. Yebo, mnumzane!

284 Manje, kodwa . . . Manje abakwenza—noma ababenakho esikhundleni sokuba nesi—sithixo, bethula—bethula uVenus, baphanyeka uMariya; behlisa uJupiter, baphanyeka uPawulu noma uPetru. Khona lapho e—eVatican, khona lapho e—eRoma manje, khona eDolobheni iVatican, isithombe esiqoshiwe esingamafidi ayisishiyagalolunye sikaPetru, bazisho ukuthi bange ezintathu zalezozinzwane noma izinyawo zalesosithombe esiqoshiwe. Niyabo? Nayo yonke into e . . .

285 Konke phansi . . . Ngaya ebandleni, uBilly nami, ngokunye ukusa lapho, ngehlela endlini engaphansi lapho lapho abembela khona zonke izindela zabelisela nezinto ezinjalo futhi bayeke amathambo azo abole kuloluthuli—ithambo elilodwa libole kwelinye lapho—bese-ke bethatha amathambo bese benza izinto ezimi nqi zezinto ezimi nqi zezandla ezimathambo zilenga *kanje*, nezingebhezi zamakhanda; nalabobantu bangene lapho uhlikihle lezozingebhezi zamakhanda zamhlophe, bezama ukuthola izibusiso kulezozingebhezi zabantu abafike. Kuluhlobo lokukhonza imimoya yabangasekho. Niyabo?

286 Futhi yilapho okuqala khona lapho, eRoma, futhi yilapho isihlalo sesilo esikhona, futhi kusukela lapho kufika umama-

sifebekazi omdala. Namadodakazi akhe ayizifebe ngokufanayo impela njengoba enjalo, ngoba unika lonke izwe isitsha solaka lwaso—isitsha sobufakazi baso, esasixutshwe phakathi lapho nenyongo yomhlaba. Futhi sasinobufakazi baso. Sathi, “Ngihlezi njengentombi, futhi ngi—ngihlezi njengomfelwa (ngiqonde ukusho njalo), futhi kangiswele lutho”; futhi asazi ukuthi singesokuhawukelwa, nolusizi, siphuphuthekile, simpofu, kepha kasikwazi. Yilokho-ke. Nalokho kuyela ibandla eliKatolika kanye nalo lonke ihlelo leProtestane! Kodwa kuyo yonke leyomfucumfucu phandle lapho, kunabantu abaligugu abathanda iNkosi uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyayo yabo, umphefumulo, nengqondo. Futhi bacabanga ukuthi bakahle. Bacabanga ukuthi benza kahle. UNkulunkulu uyoba nguMehluleli oMkhulu.

²⁸⁷ Kimi, uma uNkulunkulu ezokwehlulela ibandla ngezwe—ibandla eliKatolika lisho njalo—ngase-ke ngibuza lendoda eyayixoxisana nami... Yathi, “UNkulunkulu uyokwehlulela izwe ngebandla.”

Ngathi, “Liphi lona na?”

Yathi, “Ibandla eliKatolika.”

²⁸⁸ Ngathi, “Liphi lona ibandla eliKatolika na? Ayehluka elinye kwelinye.” Liphi lona ibandla na? Ibandla loMthetho lamaGrecki noma elamaRoma na? Noma yiliphi Azolehlulela ngalo na? Uma Ezolehlulela ngebandla lamaProtestane, liphi lona na? IMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPentecostal; Uyolehlulela ngaliphi na? IBhayibheli lathi Uyokwehlulela izwe ngoJesu Kristu, noJesu Kristu uyiZwi. Ngakho kimi, yiZwi likaNkulunkulu ayoHlulela izwe ngalo. Kunjalo. Futhi ngikholwa ukuthi izahlulelo zaKhe zisemhlabeni manje, futhi ngikholwa ukuthi... Asifune ngayo yonke inhliziyayo yethu ukubalekela ulaka lokulahla kolaka lukaNkulunkulu oluzothululwa phezu kwezwe elingakholwa; futhi akukhondlela nhlobo yakho kukho—ukukubalekela.

²⁸⁹ Akusoze neze, neze, neze kwabuye kufike insindiso ezweni. Sebewedlule umugqa wabo phakathi komusa nokwahlulelwa. Kukhona... Ungahle ubeke uAbraham Lincoln kuso sonke isifunda sezwe eUnited States, futhi akusoze kuphendule lesisigejane so “Ricky” no “Elivis” sibuyele kuNkulunkulu.

²⁹⁰ Uma nibonile ephepheni (Nginalo. Nginilethela lona kulentambama uma nifuna ukulibona kulobubusuku), lapho ibandla lePresbyterian (abaningi benu bangahle ukuba balibonile)—ibandla lePresbyterian ledlula kumamisa noma ku—ku—kumasakramente nomculo wokuzibinya. Umelusi emi lapho eshaya ihlombe kanjalo; futhi babehamba ngokukhonjiswa konqamlezo nakho konke “nokukubanga umsindo” njengomculo wokuzibinya ebandleni lePresbyterian.

291 Futhi ngenkathi lesi esiyihlazo, simpongoloza, isigejane esingcolile sabaculi amaBhungane, esibizwa kanjalo, esesibe ngaphansi ukwedlula indoda futhi sifuna ukuba ngamabhungane... Benqaba inkontileka yamadola angamakhulu ayinkulungwane eSt. Louis emavikini ambalwa edlule; babengenakukumela lokho. Beza ngapha, isigejane samancane, amaNgisi angamambuka lapho nezinwele ezehle zayofika emehlweni abo. Futhi manje, banenkolo engeyabo abayiqaalayo. Nikubonile kwiphephabhuku i*Look*. Niyabo?

292 O, lelizwe selonakele kangaka. Alisekho nhlobo ithemba lalo; sebenqamule emgqeni ohlukanisayo phakathi—phakathi kokucabanga nokusebenzisa ingqondo, kungasaphathwa phakathi kwensi-...

293 Umuntu akasakwazi ngisho nokwehlukana. Asisenandoda njengoba sasivame ukuba nayo. Uphu uPatrick Henry na? Uphu uAbraham Lincoln na?—Indoda engazimela izinkolelo zayo eziqinile.

294 Iphi leyondoda engasukuma futhi yenze laba besifazane abazihlanyisayo phandle lapha, bezihhundula ne—naphandle phambi kwalamadoda; bese-ke—bese ebaxosha baphumele lapho njengesigejane sabamdanso wokuhhundula izingubo, bese-ke befaka umfana etilongweni lokulungisa abonileyo ongathuka oyedwa wabo? Kuphi ukucabanga kwenu na? Yini ukusebenzisa ingqondo na? Uma ezibeka yena phandle lapho, banyeke ahambe njengenja. Yebo, mnumzane! Uma engasezuku... ubuqotho obejwayelekile bakhe kunaleyo... Iphi imithetho ebingakuyekisa lokho na?

295 Khona lapha eLouisville, eKentucky, emavikini amabili edlule ngenkathi lowo wesifazane ne—ezama ukwenza i—efaka igama lakhe ephepheni, egqoke ibhikini yepplastiki, wahamba waphumela lapho esuka eBrown Hhotela; nephoyisa lazama ukummisa, futhi akangama; walihleka. Futhi lalizophosa isibhamu kuye ukuba limmise; lamfuqela emotweni futhi lamenza ukuba lidibane naye epholisi siteshi ngokugqoka okungenasimilo nezinto ezinjalo, futhi wahamba wayesedibana... Niyazi ukuthi benzeni ngakho na? Balixosha iphoyisa.

296 Nkulunkulu siza isizwe esinalokho kubola! Ungeke wedlula ngaphandle uma wenza okuyiphutha. Singahle singedluli, kodwa singaya phezulu; futhi yilapho esibheke khona. Asikhothamise amakhanda ethu.

297 Nkosi Jesu, vumela uMelusi wezimvu omkhulu afike futhi asikhiphe kulokhu, Nkosi. Silindele Yena. Siqaphele lelohora. Nxa sibona izwe lonakele kangaka, Wathi liyoba kanje. Abaprofethi baKho abakhulu baprofetha ukuthi lamahora ayoba khona. Siyabakholwa abaprofethi, Nkosi; siyakukholwa.

²⁹⁸ Futhi manje, siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosinika abaprofethi ukuba basihumushele leliZwi, ukuze sazi ukuthi ngabe siqinisele noma sinephutha. Sibona abaprofethi bamanga evuka; basemahlane, iDolobha iSalt Lake, zonke izingxenye zesizwe, zonke izinhlobo zamahlane, nazo zonke izinhlobo zezindlu eziyimfihlo, zonke izinhlobo zobuNkulunkulu bukaBaba, nokunye okunjalo, ndawo zonke.

²⁹⁹ Ukubona labobazalwane bamakhaladi abazihluphekelayo, odadewethu phandle lapho manje; babefuna ukuhlanganiswa kungabandlululwana. Bathi bangakuthola nje...Kunjalo; babefanele babenakho; bangabafowethu nodadewethu. Manje, ngenkathi bekuthola, sebebabi kakhulu kunakuqala. Kukhombisa ukuthi kuphefumulelwe ngubukhomanisi. O, Nkulunkulu, ngabe lawomadoda azihluphekelayo angakubona lokho na? Lokho kwenziwa kuphela...Awu, kuzofanele kwenziwe, Nkosi.

³⁰⁰ Woza, yilokho esikufunayo. Woza nje, Baba. Silindile. Woza, Nkosi, sifake phansi kwezingalo zaKho. Sithethelele izono zethu. Akusekho—kho-bulungiswa kulelizwe. Into eyodwa idonsa iphikisane nenye, futhi nokho sekudliwe yizibungu kakhulu nje sewuze u—akusekho kuzwakala kukho. Wena wathi wonke umzimba wawusuphenduke izilonda ezibolileyo. Qiniso, onke amatafula agcwele ubuhlanzo. Wena wathi, “Ubani eNgingamfundisa isifundiso na? Ubani eNgiyakumenza aqonde ngalolosuku na?” Lonke itafula leNkosi ligcwele ubuhlanzo. Siyalibona, Nkosi. Siyalibona ihora lapha. Sisize, siyacela.

³⁰¹ Nkulunkulu othandekayo, eminingi kakhulu yalemibuzo lapha mayelana nabantu beza eArizona. O, Nkulunkulu othandekayo, makuthi labo abathandekayo, abantu abaligugu... Bayolalela leteyipu phandle lapho. Mabazi ukuthi angisuye umphoqi ukubatshele ukuthi abakhe kuphi, ukuthi abenzi. Futhi kwangathi bangakuqonda ngokucacile. Uma belithanda lelozwe, kanjalo nami ngiyalithanda, mababe lapho, Baba. Kodwa uma befundisa ukuthi uhlwitho lufanele luele lapho, futhi lapho kuphela, noma kufanele babenami, esihluphekayo, esingafanele, isoni esingcolile, esisindiswe ngomusa kaNkulunkulu—ukuba ngakimi...Nkosi, ngifuna ukuba ngakhona—ngifuna ukuba ngakuPawulu; ngiyazi ukuthi uyahamba. NoPetru, noJakobe, noJohane, basePalatine bambelwe ndawondawo lapho. Ngiyazi ukuthi ngiyohamba nabo uma nje Ubenegama lami kuleyoNcwadi selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngiyoba khona. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngamunye wabo uyoba lapho. Ngisize, Nkosi, ukubaqoqa bonke emuva lapho ndawondawo, lapho abanga... Bafuna ukuzwa umlayezo nalabobafundisi abakhulu njengoMfowethu Neville, noMfowethu Capps, na—nabo bonke laba abanye abafowethu lapha: u “Junie,” noMfowethu Ruddell, no o, J. T., nabobonke—bonke: uMfowethu Collins, noMfowethu

Beeler, noMfowethu Palmer, no...Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzopha nje lokhu kulaba...

Ma—ma—mabeze lapha lapho abaLizwa khona ngempela, uma befuna ukuLizwa, bangaphumi bagijimele phandle lapho kulelohlane. Bazama ukwenza khona impela umBhalo owabatshela ukuba bangakwenzi. “Bhekani, kusehlane; ningakukholwa! Bhekani, kusendlini eyimfihlo; ningakukholwa!” Nkosi, ngizama ngamandla ami onke ukubexwayisa, kodwa konke kukhomba ukuthi ihora selisondele manje. Amathunzi akusihlwa ayawa.

³⁰² Ngikhulekela isihawu, Nkosi. Ngihawukele; ngisize. Kungenza ngibe novalo, Baba. Ngikhulekela ukuthi Wena uzongisiza. Angi—ngifuni ukubeka uphawu impilo yami... Wonke umsebenzi wami lapha ubungaba phandle lapha olunye uhlanya ukuba luhole elinye iqembu noma inkolozwe phandle ehlane ndawondawo. Ungadedeli igama lami ukuba lidingeke lehle kanjalo, Nkosi. Ngakulwela kanzima lokhu. Ngigotho kukho ngakho konke engingaba yikho. Nkulunkulu, ungakuvumeli kwenzeke. Ngisize ngenye indlela. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani; ngethembele kuWe nje, kodwa Wena ngisize. Ngizokwenza noma yini Ongitshela ukuba ngiyenze. Ngiyinceku yaKho; laba ngabantwana baKho. Nkosi, laba... Iningi kakhulu lalababantu, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye kulo lonke ikhulu, Nkosi, baqine ngempela. Bayakholwa; bayazi; bayaqonda. Futhi bayazi ukuthi akusimina; kodwa ngiyazi lezizinto izolandela zonke izimvuselelo, nalokhu akugonyiwe kukho. Ngakho ngikhulekela ukuthi Uzosisiza manje.

³⁰³ Sisize njengoba sizoba nelantshi encane namhlanje, Nkosi. Busisa izinhlanganyelo zethu sindawonye. Siqoqe sibuyele lapha kuse eli kulentambama. Abaningi babo bazodingeka baye ekhaya manje, Nkosi. Bazodingeka baye ekhaya labo—labo, futhi ngikhulekela ukuthi Uzobasiza. Kwangathi bangakwazi ngandlela thize, Nkosi, ukuba bayithole iteyiphu ukuba bezwe eminye imibuzo yabo esasele. Mhlawumbe eyabo awuphendulwanga. Ngikhulekela ukuthi Uzobasiza, Nkosi.

³⁰⁴ Ngisize ngisheshe ngempela kulobubusuku nje ukuphendula lemibuzo futhi ngiyifake yonke engingaphumelela ukuyifaka. Size sihlangane lapha futhi kulentambama, kwangathi Ungasibusisa. EGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda k'qala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

³⁰⁵ Ngilibhale lavundla lapho, ngilibhale ukuze libe phambi kwami njalo: “UKristu phambi kwami, ngisaphendula lemibuzo.” Niyakholwa ukuthi ngikusho ngokusuka

enhliziyweni yami na? Yonke into, isuka enhliziyweni yami, ukuba ngisize.

Abanye babo bangahle beze ukuzolanda amaphasela abo lapha.

³⁰⁶ Nkulunkulu othandekayo, nanka amaduku, amaphasela ebekwe lapha. Liya kwabagulayo nabahluphekile. Makuthi uMhumushi omkhulu weZwi, uMoya oNgcwele owaLilobayo, kwangathi Angasondele manje okwalengxenyane yenkonzo futhi abusise lezizindwangu. Nkosi, uma ngicabanga ngami, ngingubani ukuba ngibeke owami ongahlanzekile, umzimba ongcolile kulamaduku elima phakathi kokufa nokuphila kwabaningi na? O, Nkulunkulu, ngiyathuthumela. Kodwa uma ngicabanga ukuthi... Wena awungiboni, Uzwa nje iphimbo lami. Liza ngeGazi leNkosi uJesu lapho. Manje, ngikholwa ukuthi Uzongiphendulela njengoba Wamenzela nje Yena, ngoba Wahamba phambi kwami ukuba ahlale ngakwesokunene, phezulu lapho, soBukhosi phezulu. NeGazi laKhe libekwe lapho njengokubuyisana, futhi ngimbozwe phansi kwaleloGazi.

³⁰⁷ Ngiyakholwa, Nkosi, ukuthi Uzobaphilisa, ngokuba bangabadingayo. Bebengeke babenawo lawa ebekwe lapha. Ngikhulekela ukuthi Uzobenza bonke basinde. Njengoba ngizibeka mina uqobo ngingquma kuzo, njenge... Bathi bathatha emzimbeni kaPawulu... Wayeyisoni nje naye, Nkosi, wasindiswa ngomusa waKho. Abantu bamkholwa, nakuba wabathethisa nakho konke, kodwa babazi ukuthi wayengumelusi wezimvu. Babazi ukuthi u—wathunywa evela kuWe, ngoba Wazifakazisa Wena uqobo ngenkonzo yakhe. Nkulunkulu, lababantu bakholwa into efanayo namhlanje. Ngiyakhuleka Ubasize manje futhi ubaphilise ngamunye eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁰⁸ Senilambile na? Kulungile. Ngilambe eminye futhi yemibuzo. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Manje, ngingahle ngi... Eminyane yalemibuzo, ngingahle ngingabi nayo kahle; ngenze nje konke engingakwenza. Kulobubusuku, ngizozama ukuqala nje ngelesikhombisa nqo. Awu, indlu yokukhonzela izovulwa kugamenxe elesithupha. Nani eningahlala... Nina eningeke, siyaqonda; lokho kulungile. Kodwa ngizozama ukuyithola yonke lena engingenzeka ngiyithole kulobubusuku. UNkulunkulu anibusise size sibonane.

Manje, asisukume ngezinyawo zenu futhi sicule leliculo elimnandi elidala, iculo lokusikhipha, *Thatha iGama likaJesu*. Kulungile.

Thatha iGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;

[UMfowethu Billy Paul ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (...?...bathathe umnikelo...?...kulokhu ukusa...?...?)

... gama, O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

³⁰⁹ Ngifuna ukwenza lesisimemezelo. UBilly usanda kuthi bathathe umnikelo wokothando kulokhu ukusa (niyabo?), futhi wathi babenomnikelo wokothando omuhle. Ngithe akaye kwingemuva lendlu bese ema emuva lapho. Kubantu lapha abangazange beze belungele, ningenamali yedina lenu, uBilly uzoninika imali yedina lenu neyo—ukukhokhela isikweletu sasehhotela noma isikweletu sehhotela labahamba ngezimoto, noma ngabe kuyini. Thathani nikhokhele lokho manje. Uma ni...Uma ningahlala...UBilly uzobonana nani emuva lapho bese ethatha igama lakho nokuthi ukuphi, futhi sizolikhokhela idina lakho nesikweletu senu sehhotela labahamba ngezimoto ngomnikelo wokothando othathelwe mina kulokhu ukusa.

Size sibonane! size sibonane!



IMIBUZO NEZIMPENDULO ZUL64-0823M
(Questions And Answers)

UCHUNGECHUNGE LO UKUZIPHATHA, INQUBO NEMFUNDISO YE BANDLA

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Agasti 23, ngo 1964, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org